


# UKUFUNDA NGESIZULU

Icwadi  
yesi-2  
ithemu 3 & 4

Ibuyekeziwe -  
Ihambisana  
ne-CAPS



Igama:

Iklasi:



**basic education**

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

UKUFUNDA ULIMI NGESIZULU – Ibanga lesi - 6 Incwadi yesi-2

ISBN 978-1-4315-0117-5

**Ukufunda ngomthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996)**  
Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996) uqukethe imithetho ephakeme kunayo yonke yezwe. Le mitetho ingaphezulu kukaMongameli, ingaphezulu kwezinkantolo futhi ingaphezulu kukaHulumeni.

Uchaza indlela okufanele abantu baphathane ngayo ezweni labo, nokuthi ayini amalungelo abo nemisebenzi yabo komunye nomunye. Umthethosisekelo wezwe wenzelwe ukuthi usivikele thina sonke kanye nekusasa lezingane zethu.

Masiyazi imvelaphi yethu.	Masingawaphindi amaphutha enzeka enkathini eyedlule.	Umthethosisekelo uyasisiza ukuba sibe nesithombe futhi sakhe ikusasa elingcono lethu sonke.
---------------------------	--	---

Thina, Bantu baseNingizimu Afrika –  
Siyakukhumbula ukucekelwa phansi kwamalungelo okwenzeka eminyakeni eyadlula;  
Sibungaza labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko kulo mhlabu wethu;  
Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu;  
Futhi sikholelwya ekuthini iNingizimu Afrika ingeyaboye bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singefani.  
Ngakho-ke, ngabameleli bethu esibakhetho ngokukhululeka, samukela lo Mthethosisekelo njengomthetho-ngaqangi wezwe lethu, uku—

Silungise ukwehlukana kwesikhathi esedlule besi sakha umphakathi owesekelle yinkolelo yenqubo yentando yeningi, ubulungiswa emphakathini, kanye namalungelo obuntu;


Sibeke isesekelo sokwakha umphakathi oqhuba ngendlela yentando yeningi; futhi ovulekile, lapho uHulumeni akhelwe khona phezu kwentando yabantu futhi lapho zonke izakhamuzi zivikelwe ngumthetho ngendlela efanayo;

Sithuthukise izinga lokuphila lazo zonke izakhamuzi futhi sikhulule amakhono omuntu ngamunye; futhi—

Sakhe iNingizimu Afrika ebumbene futhi eqhuba ngenqubo yentando yeningi ekwazi ukuthatha indawo yayo efanele njengezwe elizimele emazweni ngamazwe.

Yazisa ilungelo lakho njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika uzimisele ukuvikela amalungelo abanye.	Yazi Umqulu wamalunge kanye Nomqulu wezinto ezidinda ukwenziva.
---	---

Sengathi uNkulunkulu angabavikela abantu bakithi.  
Nkosi Sikele' iAfrika. Morena boloka setjhaba sa heso.  
God seën Suid-Afrika. God bless South Africa.  
Mudzimu fhatutshedza Afurika. Hosि katekisa Afrika.



ISBN 978-1-4315-0117-5



9 781431 501175

ISIZULU HOME LANGUAGE  
GRADE 6 – BOOK 2  
TERMS 3 & 4  
ISBN 978-1-4315-0117-5  
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.  
8th Edition

# Ukubhala

## Zilungiselele

Khetha isihloko.  
Xoxa neqembu lakho niqoqe imibono.  
Sebenzisa ibalazwe lemibono ukucacisa  
okubhale ngesakhiwo, ngabalingiswa  
kanye nangesizinda.

## Ukugqakaza

Bhala uhlaka lokuqala.  
Khumbula isakhiwo kanye nesigatshana  
ngasinye.

## Buyekeza


Funda uhlaka lokugqakazile ngokucophelela  
bese ucela imibono kubangane ofunda nabo  
kanye nakuthisha.

## Lungisa amaphutha

Lungisa isipelingi ulungise nezimpawu  
zokubhala.  
Konke lokhu kulungise ohlakeni.

## Shicilela umsebenzi wakho

Bhala umsebenzi ephepheni elihle  
lokugcina uma eselungisiwe amaphutha.



UNkk Angie Motshekga,  
uNgqongqoshe weMfundu  
eyiSesekelo.



UMnu Enver Surty,  
iSekela loMnyango  
weMfundu eyiSesekelo.

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundu eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundu eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxene yoMnyango weMfundu eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungelela ukuze kuthuthukiswe imfundu yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekel yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundu ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundu yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukheleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.




Published by the Department of Basic Education  
222 Struben Street  
Pretoria  
South Africa  
© Department of Basic Education  
Eighth edition 2018

ISBN 978-1-4315-0117-5

This book may not be sold.

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

Ibanga  
lesi- **6**



U i m i  
I w a s e k h a y a

## ISIZULU



Le ncwadi ngeka:-



ISIZULU

Incwadi  
yesi-

**2**

# INDLELA YOKUSEBENZISA LE NCWADI

Siyakwamukela kulesi sifundo solimi ebangeni elimaphakathi. Kuleli banga, le Ncwadi Yokusebenzela ihlelwe yalungiselwa ukuthi ihlumelelise ulwazi lolimi kubafundi bonke ukuze kuhlumeleliseke ikhono lokuxhumana empilweni yomfundu, kanye nolwazi lokufunda ezifundweni zakhe. Sethemba ukuthi izoba lusizo le ncwadi ekuthuthukiseni amakhono abafundi.

Le Ncwadi Yokusebenzela idinga ukusetshenziswa kanye nezinye onazo. Uma wenza ulimi, thola olunye ulwazi kuCAPS.

Le ncwadi ilungiswe yalandela uhlelo Iwamasono amabili olubalulwe kuCAPS. Emakhasini 1, 35, 69, esigaba 103, kuyo le Ncwadi Yokusebenzela, uzothola amazwi acacisa ukuthi yini nani okumele ifundwe emasontweni ahamba ngamabili. Iqoqo ngalinye lala masonto angamabili liqukethe lokhu okulandelayo:



Masikhulume

## 1 Ukulalela nokukhuluma - amahora amabili emasontweni amabili

Kudingeka abafundi banikwe ithuba njalo nje lokukhulisa ikhono Lokulalela Nokukhuluma ukuze bakwazi ukuqoqa ulwazi, baxazulule izinkinga, bethule nemibono. Le Ncwadi Yokusebenzela inemisebenzi embalwa yokwenziwa ongayandisa ukuqiniseka ukuthi abafundi balithola njalo ithuba lokukhuluma.



Masifunde

## 2 Ukufunda nokubona - amahora ama-5 emasontweni amabili

I-CAPS ibalula ukuthi abafundi kumele bafunde baphinde babone imibhalo esemkhakheni othile kula masonto amabili. Lokhu kubandakanya: izindaba ezimfushane, izincwadi zokubhalelana, ama-imeyili, idayari, idrama, izindaba zephephandaba, ubuciko bomlomo, izindaba zamaphephabhuku, izingxoxo zasemisakazweni, izinkondlo, ama-eseyi ancengayo, izikhangiso, nezinkombandlela. I-CAPS iphinde yengeze ukuthi kumele ukufunda lokho kwensiwe ngezinsizakubona: amabalazwe, amashadi, amathebhula, imidwebo, amabalazwe emibono, amashadi esimo sezulu, amaphosta, izexwayiso, izithombe kanye namagrafu. Kule ncwadi uzothola izihlobonhlobo zalokhu.

I-CAPS ibalula ukuthi kumele uhlelo lokufunda lubheke okwenzenka ngaphambi kokufunda, ngenkathi kufundwa kanye nasemva kokufunda. Kukhona incazeloephelele 'ngokufunda' ngaphakathi ekhaveni yale Ncwadi Yokusebenzela.



Masibhale

## 3 Ukubhala Nokwethula - amahora ama-4 emasontweni amabili

I-CAPS idinga ukuthi abafundi banikwe amathuba amanangi okubhala nokuhlela ukwenza ngcono ikhono lokwethula okubhaliwe, okulungiswe ngezinsizakubona kanye nokuhlela kwezindaba eziyizinhlobo ezahlukahlukene. Ekhaveni yangemuva ngaphakathi kule Ncwadi Yokusebenzela uzothola incazeloephelele 'yokubhala'.




Masibhale

ULIMI

## 4 Ukwakheka Kolimi Kanye Nemigomo Yalo - amahora ama-5 emasontweni amabili

I-CAPS inohla Iwemininingwane Yokwakheka Kolimi Kanye Nemigomo Yalo izinto okumele zenziwe ebangeni ngalinye. Le Ncwadi Yokusebenzela inemisebenzi yokwenziwa ebhekiswe ngqo kulokhu okubekelwe iqoqo lamasonto amabili. Ngokujwayelekile le misebenzi yokwenziwa ihambisana 'nokunanyathiselwe' okunencazelo ngemigomo yolimi.



Thola omunye umhlahlandlela obizwa ngokuthi Incwadi Yokuqequesha.

## Indikimba 5: Amaqiniso nokusuka ekhanda

### Amasonto 1 - 2: Ukuxoxa izindaba

#### 65 Umfana owathungatha ithalente lakhe 2

Ufundu itekisi elilandayo.  
Uphendula imibuzo esuselwa etekisini.

#### 66 UCharlie ulokhu ethungatha 4

Ufundu itekisi elilandayo.  
Uphendula imibuzo esuselwa etekisini.  
Uthola amagama etekisini asho okufanayo nokunikiwe okusemabinzaneni noma amanye amagama.

Uchaza lokho ayekuzwa uCharlie.  
Ubhala kudayari iquoq a lendaba.

#### 67 Ngibhala indaba yami 6

Uxoxa ngabalingiswa, isizinda nezigameko endaben kaCharlie. Ugcwalisa ibalazwe lomqondo (noma lembono) ekulungiseleleni indaba nokugxila kubalingiswa, isizinda nesakhiwo.

Ubhala ngobunono indaba ayithatha ebalazweni lomqondo.

#### 68 Izabizwana ezahlukene 8

Uqedela imisho ngokufaka izabizwanaq zokukhomba nezokuba.  
Uyazibona nezinye izinhlobo zezabizwana njengesesiso. Ubuye axoxe indaba kaCharlie ngokulandelana kwezigameko.

#### 69 Masibukeze incwadi 10

Ufundu ukubukezwu kwencwadi.  
Uphendula imibuzo esuselwa ekubukezweni kwencwadi.  
Uqondanisa amagama nezinczel zavo.  
Ubhala ukubukezwu kwencwadi ayifunde wayithanda.

#### 70 Undlalo ngezinkathi eziobala 12

Udlala umdlalo osebhodini wenkathi yamanje eqondile.



### 71 UNelson Mandela uya esikoleni esiphakeme 14

Ufundu itekisi elisuselwa kuothobhayografi kaNelson Mandela. Uxoxa ngamagama namabinzana athile asetekisini nezinczel zavo. Ubheka izinczel zamagama athile esichazamazwini abhale imisho ngalinye lawo. Uxoxa ngemibuzo esuselwa endaben. Uphendula imibuzo ngamabanga ehlukene empilweni kaNelson Mandela.

### 72 Masibhale indaba 16

Usebenzisa ibalazwe lomqondo ukulungiselela indaba, agxile kubalingiswa, isizinda nesakhiwo. Ubhala okusamgqakazo kwendaba, alungise amaphutha abuye akubhale okokugcina.

### Amasonto 3 - 4: Izinganekwane

#### 73 UJabu nehubesi 18

Ufundu inganekwane. Uxoxa ngemibuzo esuselwa endaben. Wenza umdlalo ethule isiphetho sendaba. Uhlola izinga leminte imidlalo eyethuliwe.

#### 74 UJabu uzwa ukubhonga kwebhubesi 20

Uphendula imibuzo enezimpendulo eziningi esuselwa endaben. Ulandelanisa indaba ngokufakela izithombe izinombolo. Uxoxa kabusha indaba ngokulandelana kwezigameko. Ukhomba izenzo etekisini azisebenzise ekwenzeni imisho. Ukhomba omqondofana bezenzo azinikiwe. Ukhomba isimo esifanele sesenzo emishweni.

#### 75 Kwenzekani ebhubesi? 22

Uyifunda ayiqedele le nganekwane yesiZulu. Uxoxa ngendaba yakhona asho akuzwayo nemibono ngayo.

### Ithemu 3: Amasonto 1 - 4

#### 76 Ukucabanga ngendaba 24

Ubhala iquoq a lendaba achaze ngokukhula kthesakhiwo nezigigaba esigaben ngasinye sendaba. Uxoxa ngabalingiswa abasendaben. Usebenzisa izichasiso ukuchaza abalingiswa. Ubhala umusho ngesizinda ngasinye esikhonjiswa ezithombeni. Ulandelanisa izigigaba zendaba ngokunkira imisho izinombolo.

#### 77 Ukucabanga ngabalingiswa 26

Ubhala izichasiso ukuchaza eliyikho ibhubesi. Ubhala ipharagrafu echazayo ngebhubes. Ufuna izichasiso ezingachaza isimilo sikaJabu. Uchaza ngokubukeka nesimilo. Ubhala achaze umuntu wangempela.

#### 78 Sibheka ulimi 28

Ubikezelu okuzokwenzeka endaben ngokuxoxa ngezithombe. Usebenzisa ithebhula lezenzo ukuchaza ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye. Ubhala imisho ngokwenzeka ezithombeni. Ubuye abhale imisho enkathini ezayo. Uqedela imisho ngokusebenzisa isimo esifanele sesenzo.

#### 79 Ukwenza amabizo ngezenzo angene esigaben uku- 30

Ubhala imisho esusela eshadini. Ukhomba amagama aqala ngo-uku-emishweni. Uxoxa ngesikhundla sikakhefana nokuthi ungawuguqula kanjani umqondo emshweni. Udweba isithombe ukukhombisa imisho engaba nezinczel ezimbili.

#### 80 Kuxhume 32

Usebenzisa izihlanganiso ukwenza imisho emagatshagatsha. Uyazikhomba izenzo namabizo emishweni.



# Umfana owathungatha ithalente lakhe



Masifunde

Uzofunda le ndaba esemashithini  
okusebenzela amabili.

## Ngaphambi kokuba ufunde

- Bheka izithombe nesihloko (noma izihloko) bese uzama ukufunisela ukuthi itekisi lingani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ubone ukuthi uzofunda ngani.



Ngenkathi ufunda

- Qhathanisa obukubikezela nalokho okufundile.
- Uma ingxene oyifundayo ungayizwa kahle, ifunde kancane futh. Ifunde kakhulu kuzwakale.

Kwakusekuqaleni kwamaholidi esikole. UCharlie owayehlala eLimpopo wayetshala imifino engadini yomphakathi engaphambi kwendlu yakhe. Kwathi uma ephakamisa amehlo wabona umngani wakhe uDingani egijima edlula.

"Sawubona, Dingani. Wenzani kodwa ngamaholidi ezikole?" kubuza uCharlie.

"Ngingukaputeni wethimu yesikole yebhola lezinyawo, kanti kumele sibe silokhu sizilolonga nsuku zonke silungiselele umdlalo omkhulu," kuphendula uDingani. "Nonyaka ngicabanga ukuthi sizonqoba!"

"Wo, kwamnandi lokho!" kuphendula uCharlie.

Ngenkathi uDingani egijima edlula, uCharlie wakhulumha yedwa ethi, "Sengathi nami ngabe ngisethimini yebhola lezinyawo. Sengizoqala ukuezjwayeza ukudlala."

Ngesonto elilandelayo uCharlie wayozilungisela ukudlala noDingani. Wadlala nethimu, kodwa izinto azihambanga kahle. Wazikhuba yena waze wafakela ababebhekene nabo igoli.

Emva kwalowo mdlalo, uCharlie wazibonela ukuthi wayengeke alunge ebholeni lezinyawo. Wahudula izinyawo waya ekhaya engadini yakhe.

Emva kwalokho nje, wabona uJan ehamba edlula. "Kunjani, Jan!" kumemeza yena. "Wenzani ngalezi zinsuku?" UJan athi, "Ngihlabelela ekhwayeni yesonto, ngiya nsuku zonke ukuyozilolonga. Silungiselela ikhonsathi elikhulu."

Waphefumula kakhulu uCharlie. "Sengathi nami ngabe ngiyahlabela," evungama yedwa. Bonke abantu kukhona okumnandi ababekwenza, kanti yena lonke ihlobo leli wayezobe eseberiza engadini.



Usuku:



Masibhale

Phendula le mibuzo ngokuthikha ebhokisini elifanele.

### Ekuqaleni kwendaba wayekuphi uCharlie?

- |   |                      |
|---|----------------------|
| A | Engadini yomphakathi |
| B | Esikoleni            |
| C | Enkundleni yebhola   |
| D | Emgwaqwani           |



Bhala imisho emibili esho ukuthi uCharlie wayefisa sengathi ngabe unamathalente afana nawabangani bakhe.




Masibhale


Bhala izinto ezingasile uCharlie azenza lapho eqala ukuyozama ukudlala ibhola.




Kwakuyini izinhlelo zikaJan zezinto ayezozenza ngamaholidi ezikole?


Yini uCharlie ayicabanga ngokusebenza engadini ngemva kokukhuluma noJan?


Indaba ithi ngemva kokuyozilolongela ukudlala uCharlie "wahudula izinyawo" eseya ekhaya.



### Lokhu kukutshelani ngokuthi wazizwa enjani uCharlie?

- |   |                               |
|---|-------------------------------|
| A | Wezwa kuthi akadanse.         |
| B | Wadabuka.                     |
| C | Waba novalo.                  |
| D | Wafuna ukuyosebenza engadini. |

TEACHER: Sign

Date

# UCharlie ulokhu ethungatha



## Masifunde

Emva kwamasonthwana nje uCharlie wabona iphamflethi emema abasha abafuna ukuzihlanganisa neqembu elisha labahlabeleli. Ucabanga ukuthi wenzani? Wahamba ukuyohlola ukuthi yena uzolunga yini. Kwathi esehlabelela izwi lakhe lonakala wezwakala esenswininiza nje. Omunye wabehluleli wakhombisa ngobuso nje ukuthi konakele, wavele wazibonela uCharlie ukuthi ngeke athathwe.

UCharlie wahudula izinyawo wabuyela ekhaya waya engadini. "Bonke abangani bami kukhona amathalente athile abanawo," esho ecabanga. "Nami ngifisa sengathi ngabe kukhona into engikwazi ukuyenza kahle."

Ngezinsuku ezisele zamaholdi uCharlie wayelokhu ezama ukuthola ithalente lakhe, njalo nje abuyelete ekhaya edumele bese eyozisebenzela engadini yakhe.

Lapho eseyophela amaholidi uCharlie wabuye wabona abangani bakhe uDingani noJan futhi. "Ubunjani umdlalo omkhulu webhola?" ebuza kuDingani.

"Singobile!" kuphendula uDingani. "Belinjani ikhonsathi?" UCharlie ebuza uJan.

"Likusasa. Kodwa ikhwaya yethu seyisebenze kakhulu, kanti mina ngizohlabelela isolo!"

"Halala," kusho uCharlie kubo. "Ngifisa sengathi nami ngabe nginokuthile engingaqhosha ngakho."

"Uyancokola yini?" kubuza uJan. "Imifino engadini yakho ikhule kahle kakhulu. Futhi ibukeka iphile kahle imnandi! Njalo nje mina uma ngitshala okuthile kuvele kube nsunjwana, kufe. Sengathi ngabe nginethalente lakho ekutshaleni."

"Ngempela?" kubuza uCharlie. "Ngisola ukuthi angizange ngicabange ukuthi ukusebenza engadini kuyinto yekhethelo." Wamamatheka. "Yini pho ningezi kimi kusasa nobabili sizogubha ukunqoba kukaDingani ebheleni? Ningeza nizodla ukudla kwakusihlwa. Siyodla imifino emisha ephuma engadini yami, emva kwalokho bese siya ekhonsathini likaJan!"

(Umthombo: Sample prePIRLS questions and scoring guides)



## Masibhale

Ubona ngani ukuthi ithimu kaDingani idlala kahle?

Phendula ngokuthikha izimpendulo okuyizona.

### Yini uJan asiza ngayo uCharlie ukuba ayifunde ekupheleni kwendaba?

- A Kukhona ayekwazi ukukwenza kahle.
- B Wayedlala kahle ibhola.
- C Ukusebenza engadini kunzima.
- D Abangani bakhe yibo ababenamathalente ukwedlula yena.

### UCharlie wayebamemelani abangani bakhe?

- A Ukugubha ukuphela kwehlobo.
- B Ukugubha ithalente lakhe nawabo.
- C Ukudlala ibhola lezinyawo.
- D Ukubafundisa ukusebenza engadini.




Usuku:



Bheka indaba ethi *Umfana owathungatha ithalente lakhe* bese uthola amagama achaza lokhu:

Ukuhudula izinyawo (eshithini lomsebenzi 65)	
wayevungama (eshithini lomsebenzi 65)	
ehlabelela yedwa (eshithini lomsebenzi 66)	
ikhono lekhethelo (eshithini lomsebenzi 66)	
impumelelo enkulu (eshithini lomsebenzi 66)	



Yimiphi imisebenzi ake wayizama uCharlie?



Wazizwa enjani uCharlie lapho engaphumeleli ekwenzeni izinto ezahlukene?  
Ngabe nawe wake wazizwa kanjalo?



Wazizwa enjani uCharlie lapho esethola ukuthi unethalente ekusebenzeni engadini?



Bhala kudayari uqoqe lokho akuzwa lapho eseze wathola ukuthi naye likhona ithalente analo.



Dayari ethandekayo

Usuku \_\_\_\_\_

Dayari ethandekayo	Usuku _____

# Ngibhala indaba yami




Ake uphinde ubheke indaba ka Charlie namathalente bese uxoxa ngale mibuzo:

- ❖ Ngobani abalingiswa abasemqoka?
- ❖ Yini inkinga ekhona?
- ❖ Indaba yenzeka kuphi? Chaza isizinda.
- ❖ Yiziphi izigameko ezenzekayo?



Manje-ke lungisela ukubhala indaba yakho.



Ngobani abalingiswa?

---



---



---

Indaba yenzeka kuphi?

---



---



---

Indaba ikhulumana ngani? (Yini inkinga?)

---



---



---

Yiziphi izigameko ezenzekayo?

---



---



---

Iphela kanjani? Saba khona isisombululo enkingeni eyayikhona?

---




---



---

Usuku:

Manje-ke bhala indaba yakho. Sebenzisa okuvezwane ebalazweni lemibono.



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Izabizwana ezahlukene



Faka isabizwana sokukhomba esifanele.

la le leya lezi lo

nkanyezi kuthiwa yiNdonsakusa.

yincwadi yami.

mikhumbi ekude ithwele impahla eningi.

UCharlie watshala zimbali esivandeni ngonyaka odlule.

ngumakhalekhukhwini wami.

makhrayoni engiwasebenzisayo ngakadadewethu.

Ukubheka izabizwana zokukhomba  
Uzokhumbula ukuthi amagama anjengokuthi **lesi** nokuthi **lezi** abhekisa ezintweni eziseduze. Kanti la: **leso**, **lezo** abhekisa kwezibuqama: **lesiya**, **leziya** abhekisa kwezikude kakhulu.

## Izabizwana namagama okubuza



Ukubheka izabizwana namagama okubuza Lapha sizothinta emagameni emukelwa njengezabizwana uma kubuzwa okuthile; njengalana: ubani, ini, (mu)phi.

Faka isabizwana noma igama lokubuza elifanele.

..... othathe ipeni lami?

Luhlobo ..... lwesthalo lolo?

..... wena? (ukubuza igama)


..... usuku lwakho lokuzalwa?

Uya ..... ngeholidi?

..... inyanga usuku lwakho lokuzalwa?

..... igama lakho nesibongo?

Uyinike ..... incwadi yani?



Usuku:

## Isabizwana sokuchasisa

Ukubheka izabizwana zokuchasisa

**Isabizwana sokuchasisa** sakhiwa ngesichasiso. Ngokwejwayelekile isichasiso silandela ibizo esilichazayo. Lesi sichasiso siba yisabizwana uma sesiza ngaphambi kwebizo. Isabizwana sokuchasisa sisengasebenza nebizo noma silimele lona lingaveli emshweni lowo.

Kule misha elandelayo kukhona enezabizwana zokuchasisa. Zidwebele usho ukuthi yizabizwana zokuchasisa ngani.

### Isizathu

Ingane enhle ngeyakithi.

Omdala uzofika kusasa.

Abazali bami bayangisiza.

Ende insizwa ithanda ibhola.

Kungene abakhulu kuphela.

Ziyamfanela izicathulo ezibomvu.

Bazoletha ukudla okumnandi sidle.



Ixo futhi indaba ka Charlie okwenzekayo kulandelane ngendlela. Sebenzisa amagama: **ekuqaleni, kwase, emva kwalokho, kamuva, ekugcineni**.

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

**Isihloko:** Matilda

**Umbhalo:** Roald Dahl

Ishicilelwe ngoMandulo 2004

Umshicileli: Puffin

Enekhava yephepha, amakhasi angama-240

**Abalingiswa:** Matilda Wormwood, Nkz Honey  
noNkz Trunchbull


**Isizinda:** Esikoleni emndenini waseNgilandi

**Isakhiwo**

UMatilda uyintombazane ehlakaniphe ngokwedlulele, **enephango**

lezincwadi nokuzifunda. Abazali bakhe, uMnu noNkk Wormwood, bacabanga ukuthi **uyisicefe** nje. UMatilda ucabanga ukuthi into abayithandayo nje **ukugqolozela** iTV nokwenza imali.

Useethatha isinqumo sokuthi uzobajezisa. Useethola ukuthi unamandla angaphezu kwawemvelo nje angase awasebenzise ekhaya, nasesikoleni sakhe iCrunchem Hall lapho uMatilda nafunda nabo eklasini benothishomkhulu **olungafakwa** kuye – uNkz Trunchbull.



Funda ukubukezwa kwencwadi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngobani ebhalelwwe bona le ncwadi? Ungathikha kokungaphezu kokukodwa.

abafana	amantombazana	amabhungu namatshitshi	abadala	izingane zeminyaka eyi-9 – 13
---------	---------------	---------------------------	---------	----------------------------------

Uma ususela olwazini olutholakala ekubukezweni kwencwadi, bhala le misho emithathu ukuchaza uMatilda.

Ucabanga ukuthi incwadi ixoxa ngani?

---



---



---



---

Dweba umugqa uqondanise amagama nezincazelo ezifanele.

enephango	ukubheka njalo
uyisicefe	unolaka kakhulu
ukugqolozela	uthando oluphakeme
olungafakwa	uyacasula

Usuku:



Bhala amazwi akhuluma ngokubukezwa kwencwadi ethile noma indaba oyifunde wayithanda. Uma usuqedile ukubhala, khuthaza umngani wakho ukuba ayifunde.




Isihloko sencwadi	
Umbhali	
Isakhwi Kwenzekani endaben?	
Isizinda Indaba yenzeka kuphi, nini?	
Abalingiswa Ngobani abantu abasendaben?	
Ngabe incwadi ikhuluma ngamaqiniso noma okusuka ekhanda?	
Indikimba Indaba ibhalwe ngani? Yini umyalezo osendaben?	
Engikuthandile Yiyiphi ingxenye enhle kakhulu kule ndaba?	
Ukuncoma Ungayincoma ngani le ndaba kumngani wakho ukuba ayifunde?	



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Umdlalo ngezinkathi ezsobala



## IMITHETHO

Dlala umdlalo wezinkathi ezsobala. (Imisho eminingi izosibukezisa nokusetshenziswa kwezivumelwano zenhloko ezifanele,) Phonsa idayisi ufile ebhokisini. Kokelezela impendulo efanele. Uma ukokelezela impendulo okungeyona, yeqa emjikelezweni olandelayo. Uma ufinyelela enombolweni yama-35 ungakawakokelezeli onke amabhulokhi, kumele uqhubeku ngokuqala ekuqaleni komdlalo uze uphumelele ekukokelezeni zonke izimpendulo ezilungileyo. Umuntu obe ngowokuqala ukukokelezela zonke izimpendulo ezilungile nguye ophumelele kulo mdlalo.

**QALA**

**1** Ngo-2010 **badlala/bayodlala.**

**2** Manje **ngidla/ngadla** inyama.

**3** Izolo **bayofika/bafike** ekhaya.

**4** **Siyozama/sazama** ngo-2020.

**5** Yeqa ukujika.

**6** Ehlobo **lana/liyona** siyabonga.

**7** Kusihlwa **wangena/ungena** singazi.

**8** Ubaba **uza/weza** kusasa.

**9** Imvu **ikhala/likhala** kuphi?

**10** Hlehlala izikhundla ezi-2.

**11** UJohn **uqhuba/siqhuba** imoto.

**12**

32

**Uyama/niyama**  
wena.

31

**Uthatha/wathatha**  
ibhola namuhla.

30

Jika ubuyele  
emuva.

14

UJoe noSam  
**uthatha/**  
**bathatha** le.

13

UCharlie  
**balima/walima**  
ingadi.

Wena  
**nizobona/**  
**uzobana**  
bani?

18

UMama  
noBaba **wabusa/**  
**babusa**.

19

Othisha  
**wayekhona/**  
**babekhona?**

20

Yeqa ukujika.

33

**Ugogo**  
**uyophuza/**  
**wayephuza**  
ubisi esemncane.

34

**Nizohlangana/**  
**nihlangene**  
kuthangi?

35

**Ngabe**  
**nguwe**  
**onqobile?**

UGeza **welusa/uyokwelusa**  
angakhula.

15

Jika futhi.

16

Noma lingana  
**ngafunda/**  
**ngiyafunda**.

28

Amanzi namafutha  
**azizwani/akuzwani**.

27

Wena nami  
**ngizofika/**  
**sizofika**.

26

Mina **ngihlala/**  
**sihlala** eKimberly.

23

Ukhozi nejuba  
**luyandiza/**  
**kuyandiza**.

22

Nxa ethanda  
**wageza/**  
**uyogezza**.

24

Ekuseni  
**ngibona/ngabona**  
esuka?

25

Jika futhi.



# UNelson Mandela uya esikoleni esiphakeme



## Masifunde

Ngobunye ubusuku ngineminyaka eyisishiyagalolunye ngezwa **isidididi** lapha ekhaya. Ngathola ubaba esendlini kamama elele phansi ngomhlane ehlaselwe ukukhwehlela okungapheli. Kwase **kwembulwa kwembeswa**. Wayephethwe yisifo esithile samaphaphu. Ngemvana nje kwalokho ubaba washona, impilo yami yaguquka kakhulu. Kwadingeka ukuba ngiyohlala nomalume owayezonginakekela angiyise esikoleni. Ngaqoqa izintwana zami ngahamba nomama sengibheke ekhaya lami elisha.

Kwakubuhlungu ukushiya iQunu. Ngake ngaphenduka ngabheka ekhaya nakukho konke ukujabula engabe sengikufulathela. Ngabheka amaqhugwane akithi nabantu **bematasatasa** ngemisebenzi yabo yansuku zonke. Ngabheka umfudlana lapho engangike ngibhukude khona ngidlale nabanye abafana. Amehlo ami anamathela emaqhugwaneni asekhaya amathathu. Ngase ngihamba – kodwa ngingazi ukuthi ikusasa lingiphatheleni.



Ngahamba ngayohlala kwaMalume uJongintaba eMqhekezweni, umuzi owawungekude kangako nakithi. Wayengumngani omkhulu kababa.

Ngangiyikhumbula iQunu nabomndeni wakithi lapho, kodwa yayimnandi impilo yami kwaMalume uJongintaba. Ngangidlala nendodana yakhe uJustice, kukuningi okusithokozisayo. UMalume wayengiphethe njengendodana yakhe ngempela. Ngayongena esikoleni esiseduze esasinegumbi elilodwa, ngafunda isiNgisi, isiXhosa, ezoMlando neZezwe (Jografi). Ngangisebenza kahle esikoleni ngoba ngangizama ngamandla ami onke, kanti nomamekazi wayede ewubheka ebusuku umsebenzi wesikole engangiwenza ekhaya.



Ngosuku lokuqala lokufunda ngangifake amabhuzu ami amasha. Ngenkathi **ngiqhokoza** eklasini amabhuzi eshaya amapulangwe acwazimulayo phansi, ngabona amantombazana ayelezi emgqeni ophambili kungathi kuyawahlekisa ukuhamba kwami. Ngaze ngayazi enye yabo ngumngani wami omkhulu eClarkebury.

Ngasheshe ngayejwayela nje impilo yaseClarkebury. Ngangibamba iqhaza emidlalweni lapho ngithola ithuba kodwa impumelelo yami yayiphakathi nendawo nje. Abanigi engangifunda nabo babengishiya uma kugijinywa, bengedlula nasemsebenzini waseklasini. Kwakukuningi okwakumele ngikwenze ukuze ngifike ezingeni labanye.



Lapho segineminyaka eyi-16, uMalume uJongintaba wangiyisa esikoleni saseClarkebury. Njengobaba, nomalume wayekholelwa ekuthini imfundo ibaluleke kakhulu.

IClarkebury yayiyindawo ephakeme kuneyaseMqhekezweni. Nesikole nje sasinamaqoqo ezindlu ezisemashumini amabili nane zohlobo **Iwezindlu zamakoloni**.



Noma ngangiqale kancane, ngaze ngawuthola umkhondo ezifundweni, ibanga lika-JC (iBanga 10) ngaliqeda eminyakeni emibili esikhundleni seyejwayelekile emithathu. Ngaduma ngokuba ngumuntu ozikhumbulayo izinto, kanti iqiniso kwakungukuthi ngisebenza kakhulu.  
Kwathi sengineminyaka engama-21 ngayofunda eFort Hare University College. Kodwa-ke lena sekuyindaba esiyobuye ixoxwe.



Asho ukuthini amagama namabinzana abhalwe ngokuggamile? Bheka izincazelo esichazamazwini bese wenza umusho ngakho ngakunye ukukhombisa ukuthi kusho ukuthini. Bhala leyo misho lapha.




- ❖ Chaza impilo kaNelson Mandela eseyingane ngemva kokushona kukayise.
- ❖ Yaguquka kanjani impilo yakhe ngemva kokushona kukayise?
- ❖ Wazini manje ngezikole ezimbili ezhelukene eziphawulwa kule ndaba?



Gcwalisa ithebhula elilapha ngezansi ubeke uhlu Iwezigameko ezisemqoka empilwewni kaNelson Mandela emabangeni ehlukene okuphila kwakhe.

Ibanga noma iminyaka yempilo yakhe	Yisiphi isigameko esisemqoka esiphawulwayo

# Masibhale indaba



Lungisela ukubhala indaba yakho. Nquma ukuthi uzobhala indaba mayelana nani. Gcwalisa ibalazwe lemibono ngezansi ukuze indaba yakho uyinike isiqalo, imaphakathi (umzimba) nesiphetho.



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo • Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni • Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha • Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

## Isiqalo

Qala ngokusho ukuthi kwenzekani ekuqaleni.

---



---



---

## Imaphakathi

Shono ukuthi kwenzekani phakathi nendaba.

---



---



---

Indaba yami

## Okulandelayo

Shono ukuthi kwalandelani.

---



---



---

## Isiphetho

Indaba yaphela kanjani?

---



---



---

Gcwalisa lokhu ebalazweni lemibono.

Ngobani abalingiswa?

---



---



---

Yini isizinda?

Indaba yenzeka kuphi?

---



---



---

Uzobhala ngani?

Kwenzekani?

---



---



---

Yagcina kanjani?

Yini oyithole imnandi kule ndaba?

---



---



---





Sebenzisa ibalazwe lemibono ukubhala umgqakazo nje. Cela umngani wakho ukuba akuhlelelo lo mgqakazo. Lungisa amaphutha bese ubhala indaba yakho ekhasini elilandelayo.



Usuku:

Sebenzisa ibalazwe lemibono ukubhala indaba yakho.

**QALA**



**QEDELA**

TEACHER: Sign  Date






## Masifunde

Kuleli sonto uzofunda inganekwane yesiZulu. Izinganekwane zedluliselwa ngomlomo kusuka esizukulwaneni esinye kuya kwesinye. Abantu baxoxela izingane zabo nabazukulu – kungabhalile phansi. Izinganekwane zivame ukufundisa isifundo esithile noma kube yindaba yokuthokozisa nje nokuchitha isizungu. Zibuye zibahlanganise abantu. Izingane zosikompilo oluthile zilalela izinganekwane ezifanayo zizzizwe ukuthi ngezandawonye.

Ezinganekwaneneni eziningi sithola izilwane ezikhulumayo.



UJabu kwakungumelusi oneminyaka eyi-14. Kwakumqhoshisa ukwelusa umhlambi ongaka wezinkomo zikayise. Ngelinye ilanga kusekwindla kufudumele, uJabu wayehlezi egqumeni eluse izinkomo, kwase kufika umngani wakhe uSipho egijima.

“Uzizwile lezi zindaba, Jabu?” kubuza uSipho, esephelelwya ngumoya. “Kubonakale ibhubesи kule ndawo ebusuku. Selibulele inkomo. Aseqalile amadoda ukucupha. Nawe-ke buyisela izinkomo zakho esibayeni sizobona ukuthi amadoda alicupha kanjani!”

Wethuka kakhulu uJabu. “Angikwazi ukubuyisela izinkomo esibayeni, Sipho,” kusho yena. “Kusesekuseni manje. Kumele ziqale zidle bese ngiziyisa emfuleni ziyophuza ngaphambi kokuzibuyisela ekhaya.”

Wadumala uSipho kodwa akathandanga ukuphikisana noJabu.

“Kulungile-ke, kusho yena.” Sizobuye sibonane, mhlawumbe lapho sizokotha khona umlilo kusihlwa.” Wayesesuka njalo ngejubane.


UJabu wagijima wayoqoqa izinkomo, waziqhuba waziyisa emfuleni ukuyophuza. Ngenkathi zisaphuza yena wayehlezi ecwilise izinyawo zakhe emanzini.

UJabu wase ezwia izwi elamnyakazisa. “Hho-o-o!” Zonke izinkomo zavele zoma nje. KwakunguBhubesi, eselapha eduze nje. Kwaxega amadolo, kodwa waziqoqa izinkomo ukuba zime isiyingi esiqinile. “Kodwa lokho kubhodla akusho ukuthi ‘Ngizonidla,’” ecabanga.

“UBhubesi uzwakala sengathi usenkingeni. Sengathi lokho bekungukubhonga kokucela usizo.” UJabu waqala ukuya ebhubesini.

UBhubesi wayebhajwe kwesinye isicupho esasibekwe ngabantu. Ikhanda lakhe lalibambeke kuso, kuthi uma ezama ukuzikhulula sivele siqine. UJabu wavele wama wabukela. Wayengakaze ayibukele eduze kangaka inkosi yezilwane.

Kwakuyisilwane esihle, esihlonipheke ngempela. Kwathi lapho uJabu embuka ubhubesi ezama ukuzikhulula, wezwa esemdabukela. Ibhubesi lambona umfana lakhuluma naye.




**Bhubesi:** Hhawu, mfana! Ngicela ungsize. Angikwazi ukuzikhulula la. Ngiyakucela bandla, woza uphakamise lolu godo olungibambe ekhanda. Ngiyakucela.

UJabu wabuka amehlo kaBhubesi. Walizwa izwi elinokuphelelwa yithemba.

**Bhubesi:** Ngiyakucela, mfana! Ngiyakunxusa. Ngisize bengakafiki abazingeli ukuzongibulala. Ngicela ungikhulule!

**Jabu:** Ngiyathanda nami ukukukhulula, Bhubesi. Kodwa ngesaba ukuthi ngizonele ngikukhulule nje, ungidle.

**Bhubesi:** Cha, mfana, ngeke ngimudle umuntu ongikhulule. Ngiyakwethembisa, ngeke ngithinte ngisho olulodwa unwele Iwakho. Ngiyakwethembisa!



Masikhulume

Xoxa ngale mibuzo nomngani wakho.

- ❖ Ngobani abalingiswa abasemqoka endaben?
  - ❖ Yini eyayethuse uSipho ngenkathi eza egijima kuJabu?
  - ❖ Wayekuphi uJabu ngenkathi efika kuye uSipho?
  - ❖ Buka izithombe bese uchaza isizinda (indawo) okwenzeka kuso indaba.
  - ❖ Ngabe le ndawo yehlukile kohlala kuyo? Yehluke kanjani?
  - ❖ Ngabe ucabanga ukuthi uJabu kwakungumfana owethembekile?
- Usho ngani?



Masenze

Ucabanga ukuthi indaba izophela kanjani?  
Ucabanga ukuthi uJabu uzolikhulula ibhubesi?

- ❖ Ejenjini lenu cabangani ngendlela engaphela ngayo le ndaba. Emva kwalokho yenzani umdlalo enizowethula eklasini. Nizodinga abantu abazodlala lezi zindawo: uJabu noBhubesi. Nizodinga nezinkomo.
- ❖ Nqumani ukuthi yiliphi iqembu elinesiphetho esihle kakhulu.

# UJabu uzwa ukubhonga kwebhubesi



Ibheke futhi le ndaba bese uphendula le mibuzo ngokufaka uphawu esikweleni sempendulo elungile.

## 1. UJabu wayengafuni ukuyobona izicupho ngoba

- |   |  |
|---|--|
| A | Kwakukude kakhulu ukufika khona.         |
| B | Wayekhathele kakhulu.                    |
| C | Kwakumele ayophuzisa izinkomo.           |
| D | Wayazi ukuthi zibukeka kanjani izicupho. |

## 3. Amadolo kaJabu ayexegiswa yini?

- |   |                    |
|---|--------------------|
| A | Wayegodola.        |
| B | Wayesaba ibhubesi. |
| C | Wayeselambile.     |
| D | Wayezilimazile.    |

## 2. Usho ukuthini umxoxi uma ethi izinkomo zavele "zoma"?

- |   |                                    |
|---|------------------------------------|
| A | Zaphelelwa ngamanzi emizimbeni.    |
| B | Zazesaba, zingasakwazi ukunyakaza. |
| C | Zazingasafuni ukuya emfuleni.      |
| D | Zaphenduka izingodo.               |

## 4. Siyazi ukuthi uJabu kwakungumfana owethembekile ngoba


- |   |  |
|---|--|
| A | Wayelusa izinkomo.                             |
| B | Wayengeke azishiye izinkomo zingabhekwe muntu. |
| C | Wayehleli egqumeni.                            |
| D | Wakhuluma nehubesi.                            |



Fakela izithombe izinombolo ngokulandelana okusendabeni.



*Ngiyadabuka ngeke ngihambe nawe Sipho.*



Usuku:



Manje-ke bhala umusho ochaza ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye ekhasini elingaphambi kwaleli.

1	
2	
3	
4	

Buye ufunde indaba futhi udwebele izenzo ozitholayo. Khetha eziyisihlanu wenze ngazo imisho eyisihlanu.




Bheka izenzo ezingezansi utholele isenzo ngasinye umqondofana, umfake esikhaliens esingezansi kwegama.

langazelela      ncenga      susa      fumana      goduka      landela      thukulula  
xoxa

Bhala omqondofana balezi zento ezikhaliens ozinikiwe.

khulula	nxusa	hamba	funa
khulumu	gudluza	thola	zingela
XOXA			

Manje kokelezela isimo esifanele sesenzo kule misho.

UJabu **wacabanga/ucabanga** ngesu lokubhekana nehubesi.

Ihubesi **lasenza/liyasenza** isethembiso.

Ihubesi **lenza/liyasenza** isethembiso labe **liyasephula/selisephula** futhi.

Umama kaJabu **upheka/wapheka** ukudla kwantambama **abakudlayo/abakudla** bonke.

Ngalobo busuku amadoda **ahlezi/ahlala** ngasemlilweni **akhuluma/akhulume** izindaba.

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Kwenzekani ehubesini?



Masifunde

Ake sibone ukuthi uJabu wanquma ukwenzani ngehubesi.

UBhubesi wanxusa ngendlela edabukisayo uJabu wagcina esemethembba, wamkhulula. Waphakamisa ugodo kulesi sicupho esasibambe ikhanda lebhubes. Ibhubes lagxuma lakhululeka, lanikina umhlwenga walo.

**Bhubesi:** Hawu, ngiyabonga, mfana! Kumele ngikukhombise ukubonga kwami.

Intamo yami bese ikhathele nje kulesiya sicupho, sengesaba ukuthi abazingeli bazongifica bangibulale. Sengiyakucela-ke mfana, sengome kakhulu – ungangikhombisa ukuthi ungaphi umfula?

**Jabu:** Ulaphaya ezansi. Woza siye khona.

**Bhubesi:** Kuhle kakhulu kodwa lokhu kudla engikuyekayo!

**Jabu:** Kahle phela! Mina ngikusindisile kubazingeli, wangethembisa ukuthi ngeke ungidle.

**Bhubesi:** Yebo, uqinisile. Ngikwethembisile. Kodwa manje njengoba sengikhululekile nje sengathi akusabalulekile ukugcina leso sethembiso. Ngilambe kabi!

**Jabu:** Wenza iphutha elikhulu. Akufanele ukuba wephule isethembiso.

**Bhubesi:** Ha-ha! Ngumbhedo lowo! Ngizokudla manje, mfana! Nalokhu kuxoxa nje kuyangilambisa.

**Jabu:** Kodwa wethembisile, uma wephula isethembiso, kukhona isijeziso oyosithola.

Impungushe eyisazi eyayikade ilalele yasondela ukuzwa ngalesi sethembiso.



**Mpungushe:** Yisethembiso sani leso? Usenzeleni isethembiso, Nkosi?

**Jabu:** Ngilikhulule esicupheni ibhubesi langethembisa ukuthi ngeke lingidle.

**Mpungushe:** Ayikho-ke leyo nto. Usho ukuthi iNkosi yami, inkosi yezilwane zonke ibibhajwe esicupheni esincane esenziwe ngumuntu nje? Akunakwenzeka lokho! Angiyikholwa leyo nto.

**Bhubesi:** Yiqiniso, bekuyisicupho esinamandla, esibi kabi!

**Mpungushe:** Angikholwa mina ukuthi kukhona into enamandla ukwedlula inkosi yami. Ngifuna ukuzibonela leso sicupho. Ngiyacela-ke, ngaphambi kokuba udle ukudla kwakho okumnandi, ngikhombise leso sicupho enikhulumha ngaso. Emva kwalokho-ke usungakuthokozela ukudla kwakho.



Ibhubesi, impungushe noJabu baphikelela kuleso sicupho-ke.

**Mpungushe:** Angikholwa mina ukuthi into encane kanje ibingabamba ikhanda lakho! Lutho!

Angiyicabangi nje yenzeka leyo nto. Nkosi, bengicela ukuba kewufake ikhanda lakho lapha ukuze ngibone ukuthi umfana ukufice ubambeke kanjani?

**Bhubesi:** Ingicasula kabi le nto oyishoyo. Kuzoba yinto yokugcina engikwenzela yona bese usuka uya lapho obuya khona, ngisale ngizitika ngokudla kwami.

Nangempela uBhubesi walifaka ikhanda phakathi kwezigodo ngendlela atholwe nguJabu ebambeke ngayo. Ngokushesha njengonyazi impungushe yaphonsa isigodo sangaphezulu. UBhubesi wayesebhajiwe futhi!


**Mpungushe:** Sengiyabona-ke manje ukuthi ububhajwe kanjani. Kuyadabukisa ukuthi usubuye wabhajwa futhi. Kodwa uqinisile lo mfana Nkosi. Ukwephula izethembiso kubuye kushaye wena!

UBhubesi wabhonga ngolaka olukhulu, kodwa isicupho esinamandla sambamba ngqi. UJabu wayibonga impungushe. Wabuyela ezinkomeni zakhe waziqhuba waziyisa esibayeni. Wayebe nosuku angasoze walukhohlwa.

USipho wambona wamemeza wathi, "We Jabu! Ibhubesi libanjwe yisicupho laphaya ngasemfuleni. Uphuthelwe wena ukubona isehlakalo esimangalisayo." UJabu wavele wamamatheka wathi, "Sanele isehlakalo engedlule kuso namhlanje mina."

USipho wabuyela kubazingeli ukuyokuzwa indaba yokuthi ibhubesi elinamandla belibanjwe kanjani esicupheni, uJabu yena wabuyela ekhaya. Wafike wabingelela unina, wahlala phansi kwayima ephefumula ngokukhulu ukukhululeka.


Ngalobo busuku uJabu wezwa amadoda ayotha umlilo exoxa indaba yokucushwa kwebhubesi nokuthi kube yimpi engakanani ukuba lize libanjwe.



**Masikhulume**

Manje-ke usuyazi ukuthi indaba iphela kanjani.  
Ake ucabange ngale mibuzo:

- ❖ Ngabe indaba iphele ngendlela obuyilindele nawe?
- ❖ Uzwe kanjani wena lapho ibhubesi selephula isethembiso?
- ❖ Yini isifundo kule ndaba?
- ❖ Ngabe ucabanga ukuthi impungushe ihlakaniphile? Usho ngani?
- ❖ USipho watshela uJabu ukuthi kukhona isehlakalo angasibonanga. Uyamvumela uSipho? Usho ngani?



# Ukucabanga ngendaba



Ake ucabange ngendaba yonke bese ubhala iquoq a lezehlakalo. Xoxa ngokuthuthuka kwasakhiwo. Kumele ucabange ngokwenzeka kuleso naleso sigaba endabeni.

Bhala ngokuthi indaba iqale kanjani.	
Kwenzekani phakathi nendawo endabeni?	
Chaza ukuthi indaba iphela kanjani.	



Khuluma ngomlingiswa ngamunye. Shono ukuthi yimaphi amagama kula angezansi amchaza kahle umlingiswa.

unobuqili      wethembekile      akethembeki      unolwazi      akesabi      useyingane  
 uyisilima      uqotho      unamandla      uhlakaniphile      uyigovu      ulungile



UJabu	Ihubesi	Impungushe

Usuku:



Masibhale

Ake ubhekisise lezi zithombe.



Amagama amasha

Manje-ke bhala umusho ngesizinda kuleso naleso sithombe.

1

2



Masibhale

Bheka imisho engezansi uycishe leyo engaphathelene nesihloko.

Faka izinombolo emishweni esele ukukhombisa ukulandelana okuyikho kwezehlakalo.

	UJabu kwakungumuntu owethembekile.
	Wayeluse izinkomo zikayise lapho uSipho emtshela ngokuhlasela kwebhubesi.
	Imithi yayinamagatsha amade.
	UJabu akahambanga noSipho ngoba kwakumele ayise izinkomo emfuleni.
	Izinkomo zazikhathelle.
	UJabu wayazi ukuthi kumele azinakekele kakhulu izinkomo.

TEACHER: Sign

Date

# Ukucabanga ngabalingiswa



Faka izichasiso eziyisithupha ezichaza ibhubesi.



Abalingiswa  
abasendaben siye sibazi  
ngalokho abakushoyo  
noma abakwenzayo  
noma lokho abanye  
abasitshela ngabo.

Sebenzisa izichasiso ukubhala ipharagrafu ochaza kuyo ibhubesi. Qale ubhale lokhu kuchaza kube ngumqakazo nje. Cela umngani wakho ukuba akuhlelele okubhalile bese ubhala ukuchaza osekubukeziwe esikhali osinikiwe.




Cabanga ngesimilo sikaJabu. Cabanga amagama achaza ukubukeka kwakhe nalokho akwenzayo. Hlolani imibono ninabangani ukuthola amazwi achazayo amanangi ngokungenzeka. Emva kwalokho fakani amagama achaza ukuthi unjani ezikhali ezingezansi.




- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo ● Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni ● Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha ● Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

Sebenzisa izichasiso zakho ukubhala ngesimilo somlingiswa. Bhala umgqakazo ephepheni. Cela umngani wakho ukuba ahlele lowo mgqakazo. Emva kwalokho bhala ngokuthi unjani umlingiswa ngobunono esikhali osinikiwe.

Igama:

Ubudala:

Ukubukeka:

Usuku:



Manje-ke chaza ukuthi unjani umuntu wangempela omaziyo. Khetha umuntu ozobhala ngaye. Lo muntu kungaba yiqhawe olaziyo, noma lisaphila noma selashona.

Igama eliphelele lomuntu lowo	
Ubulili	
Ubudala	
Umsebenzi wakhe	
Ukubukeka kwakhe	
Amathalente noma amakhono	
Yini ukhethe yena?	

Manje-ke gcwalisa izichasiso ezichaza lo mlingiswa.

Igama lomlingiswa

Sebenzisa izichasiso ukubhala ngokuthi unjani umuntu lowo. Qale ubhale umgqakazo ephepheni nje. Cela umngani wakho ukuba ahlele osukubhalile. Nawe umhlelela okwakhe. Emva kwalokho bhala okuchaza umuntu lowo ngobunono lapha ngezansi.

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Sibheka ulimi



Bheka izithombe. Tshela umngani wakho ukuthi kwenzekani kuleso naleso sithombe.

## Inkathi yamanje – okuqhubekayo

Le nkathi isetshenziswa lapho kubhekiswa kokuqhubekayo nokwenzeka manje. Ezenzweni ezilula nje sifaka u-ya- ngemva kwesivumelwano senhloko.



Sebenzisa ithebhula ukusho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye

Umuntu	u- + -ya- si- + -ya-	dansa	isiqu sesenzo	bhaka
Isilwane		mba	funda	hamba
Inyoni		hlanza	bhukuda	
Izingane	i- + -ya- zi- + -ya njl	gxuma gibela lala	vakasha khulum gona siza	pheka dla dlala



Bhala umusho uchaze okwenzeka ezithombeni ezintathu ezingenhla.


Sebenziza leli thebhula ukusho le misho usubhekisa entweni ezokwenzeka noma eyokwenzeka.

Umama	li- + -zo- si- + -yo- njl	dansa	mba	isiqu sesenzo	bhaka
Isisebenzi		hlanza	gxuma	bhukuda	funda
Ibhungu		gibela		vakasha	hamba
Amakhehla		lala		khulum	pheka
				dla	dlala


# Ukusebenza ngezenzo



Masibhale

Gcwalisa ibizosenzo lapho lingena kahle khona kule misho.  
Kokelezela lawo aqala ngesiphongozo uku-.

ukusiza	1. Uzokwazi <b>ukungisiza</b> ?
ukusiza	2. Ngicela <b>ungisize</b> uma uthola isikhathi.
siza	3. Khumbula ukuthi uvumile _____ ngezibalo namuhla.
hamba	4. Bafuna _____ ngehora lesithathu.
dlala	5. Wozani sizo-_____ uma senidlile.
bona	6. _____ uMengameli wezwe uvele kumabonakude.
thula	7. Uvamile _____ noma ecelwa ukuthi akhulumo.
sula	8. Umsebenzi wakho kuzoba _____ izitsha uma sengizigizile.
thola	9. Okokuqala _____ zonke izimabule ezilahlekile.
phuza	10. Womile, kodwa akafuni _____ amanzi.
thunga	11. UMimi ufundela _____ izingubo zomshado.
bhala	12. Manje _____ incwadi uyibhekise kumngani wakho.
bika	13. Musa _____ njalo uma kwenzeke into.
buya	14. Liphelile ikhefu _____ uze eklassini.
thenga	15. Kusele amaswidi amabili, _____ elilodwa.
khomba	16. Isiguli siyehluleka _____ izinyo elibuhlungu.
thela	17. Uma esebila amanzi, _____ usawoti, ugoqoze.
kuza	18. _____ abantwana bayeke ukubanga umsindo.
sho	19. Ngicela _____ ukuthi sikuphi isiteshi sesitimela.
bonga	20. _____ phela isipho esivela kumkhulu.



# Ukwenza amabizo ngezenzo angene esigabeni uku-



Bhekisisa kuleli shadi. Tshela umngani wakho ukuthi yini ethandwa yingane ngayinye.

	Ukuhlabelela	Ukupenda	Ukugijima	Ukubheka izinyoni	Ukundizisa ikhayithi	Ukupheka	ukufunda
u-Ann	✓	✓	✗	✗	✗	✓	✓
uJabu	✗	✗	✓	✗	✓	✓	✗
uPeter	✗	✓	✗	✓	✗	✗	✓
uNomsa	✗	✓	✓	✓	✗	✗	✓
u-Enver	✗	✗	✓	✗	✓	✗	✓

u-Ann U-Ann uthanda ukuhlabelela, ukupenda, ukupheka nokufunda. Akakuthandi ukugijima, ukubheka izinyoni nokundizisa ikhayithi.

uJabu

uPeter

uNomsa

u-Enver

Sisebenzisa okhafana (amakhoma) phakathi kwezinto ezisoohlwini. Siye silphongoze ngesakhi na-egameni lokugcina - amagama amabili okugcina ohlwini aweiwlukaniswa ngukhafana.

Funda le misho ngokunakekela. Emva kwalokho dwebela amagama aqala ngo-uku-. Shono ukuthi sisho ngani ukuthi la magama angamabizo, hhayi izenzo.

1. Angikuthandi ukuzingela izilwane.
2. Asikufuni ukudutshulwa kobhejane eNingizimu Afrika.
3. Ukubulawa ngesihluku kobhejane kwethusa wonke umuntu.
4. Ukugigitheka kwamantombazana kwacasula uthisha.
5. Ukwenza umkhulungwane kwenja kwaqhube ka ubusuku bonke.
6. Ukushayela kabi ku-M1 kwadala izingozi.

Siyabona kulezi zibonelo ukuthi leli blzo lingasebenza niengenhlöko noma umenziwa.

7. Ngemva kokugijma mina ngifuna ukungena eshaweni.
8. Uthanda ukuphuza itiyengakalali.
9. Ukuvulela umpsompi kuzowuvula umsele.
10. Ngiyakuthanda khona ukujoga kodwa umhlane ubuhlungu.



## Ukusebenzisa okhefana

### Ukubheka kokhefana

Uma kunohlu lwamagama okuthile emshweni la magama ehlukanisa ngokhefana. Isikhundla sikakhefana emshweni singawuguqula umqondo wokushowo uma engasetshenziswanga ngokufanele.



Bheka le misho emibili uxoce ngokusetshenziswa kukakhefana nokuguquka komqondo. Dweba umfanekiso ukhombise umehluko ongadalwa ukungasebenzi ngendlela kukakhefana.

Wathenga amasaka, ama-aphula notamatisi.	
Wathenga amasaka ama-aphula notamatisi.	

Manje faka okhefana kule misho.

**Ngizodinga isando izipikili nesaha.**

**Sathenga ama-aphula amawolintshi ubhanana namapheya.**

**Wavela wama wabuka wabaleka.**

**Inunu yayinkulu ikhuluphele inameva.**



Sisebenzisa izihlanganiso noma amagama okuxhuma ukuxhuma imisho. Izihlanganiso zibalulekile ekuhlanganiseni imisho. Uma zingekho okukhulunywayo nokubhaliwe akusheleli kahle. *Ake sibheke lezi zibonelo.*  
UJim waphenduka. UJim washayisa ikhabethe.  
UJim waphenduka **wase** eshayisa ikhabethe.

“UJim” nguyenena kuphela okukhulunywa ngaye, ngakho akudingi ukuba liphindwe igama lakhe uma isixhunywa imisho.

Ungayixhuma imisho ngokusebenzisa ezinye izihlanganiso ezifana nesithi “nokho”. Umqondo wezinye uyasondelana, njengoba esithi **nokho** sithi asifane nje nesithi **kodwa**. Zombili ziggamisa ukuthi kukhona okungumehluko ezingxenyeni ezimbili zomusho. Kumbula: Umusho osobala unenhloko eyodwa nesenzo esisodwa. Umusho omagatshagatsha unezenzo ezingaphezu kwesisodwa, kanti futhi ungaba nezinhloko ezingaphezu kweyodwa.



Xhuma le misha esobala ukwenza emagatshagatsha ngokusebenzisa izihlanganiso ezisezikweleni.

Emva kwalokho dwebela izenzo kuleyo naleyo misha esixhunyiwe.

futhi

nokho

kodwa

ngoba

ngakho

Sasifuna ukudlala ibhola. Imvula yazona izinhlelo zethu.

U-Ann wangicela ukuba ngimsize ngomsebenzi wasekhaya. Ngamsiza.

Ngephuzile ukufika esikoleni. Ngishiywe yibhasi.

Bathi ibhuloho sebelilungisile. Lalisephukile.

Uzazi kabi izibalo. Akamuhle kwezezwe.

Ngiyazithanda izithelo. Ngiyayithanda imifino.

Sasebenzisa izambulela. Lalina.

Usuku:

Uthishomkhulu wayenesandla esiqinile. Uthishomkhulu wayenomusa.

Wayegula. Udukotela wamnika umuthi.

USam uthanda ikhofi. U-Ann uthanda itiye.

Waya esitolo. Wathenga isinkwa.

Wayethukuthele. Angisigcinanga isikhathi.

Abafana badlala ibhola. Badlala ikhilikithi.

Ngithanda amaswidi. Angiwathandi amakhekhe.

Ngifunda ngokuzimisela. Ngifuna ukuphasa.

Ngithanda imvula. Angisithandi isichotho.

Ngangijabule kwamalume. Ngangikhumbula umama.

Ngangisithanda isikole sami esisha. Kwadingeka ukuba ngisebenze kakhulu.

Kulowo nalowo musho dwebela amabizo (anika into igama layo)  
ukokelezele izenzo (amagama abhekisa kokwenzekayo).


UJohn uyazithanda izinja zohlobo.

UMary uya eGood Hill Primary School.

USipho udlalela iLittle Chiefs ibhola.

UJabu wagibela ibhayisikili lakhe.

U-Ann wayelokhu ekhulumka eklasini.



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_



Ngiyakwazi			
ukuphendula imibuzo ngetekisi			
ukuthola amagama achaza amabinzana etekisini			
ukuchaza akuzwayo ngaphakathi umlingiswa			
ukubhala okuthile kudayari			
ukuxoxa ngabalingiswa, isizinda nesigameko endabeni			
ukugcwalsa ibalazwe lomqondo			
ukulungiselela indaba			
ukubhala indaba ngobunono isuselwa ebalazweni lomqondo			
ukusebenzisa izabizwana zokukhomba			
ukusebenzisa izabizwana zokububa			
ukuxoxa indaba ngokulandelana kwezigameko			
ukufunda ukubukezwa kwencwadi			
ukuphendula imibuzo ngokubukezwa kwencwadi			
ukubhala ukubukezwa kwencwadi			
ukusebenzisa inkathi yamanje esobala			
ukufunda i-othobhayografi			
ukubheka amagama alukhuni esichazamazwini			
ukufunda inganekwane			
ukudlala okususelwa endabeni			
ukubhala iziphetho zendaba			
ukuphendula imibuzo empendulo ziningi esuselwa endabeni			
ukulandelanisa izigameko endabeni			
ukukhomba izenzo ezisetshenziswe ekwakheni imisho			
ukukhomba omqondofana bezenzo			
ukukhomba isimo esifanele sesenzo emishweni			
ukusho okuzwa ngaphakathi nokubeka imibono ngendaba			
ukubhala iqoqa lendaba			
ukuchaza isizinda endabeni			
ukubhala amapharagrafu achazayo ngomlingiswa			
ukubhala ngesimilo somlingiswa			
ukubhala kabusha imisho enkathini ezayo			
ukuhumusha ishadi			
ukukhomba amagama aqala ngo-uku-			
ukusebenzisa ukhefana emshweni			
ukusebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho			
ukukhomba izenzo namabizo emishweni			

## Indikimba 6: Izindlela zokwethula itekisi

**Amasonto 5 – 6:**  
Izindaba nezincwadi  
zokubhalelana

### 81 Unogwaja wexwayisa ngokuzamazama komhlaba

Ufundu itekisi elixoxayo.

36

### 82 Sicabanga indaba

Uphendula imibuzo ebhekise endaben'i kaNogwaja.  
Usebenzisa izichasiso ukuchaza abalingiswa abaqavile endaben'i.

38

### 83 Ukubhala indaba

Uqedela ibalazwe lemibono ukuze aphinde ayioxo indaba kaNogwaja.  
Ubhala indaba kaNogwaja ngobunono.

40

### 84 Incwadi ekhulumu ngeholidi

Ufundu incwadi.  
Wenza uhla lwezinto ezizodingwa wuJohn encwadini.  
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.  
Ubheka amagama esichazamazwini abhale izincazelo zavo.  
Uphendula imibuzo ekhethisayo ebhekiswe etekisini.

42

### 85 Ukubhala incwadi

Usebenzisa ibalazwe lemibono ukulungiselela ukubhala incwadi.  
Ubhala incwadi eya kumngani ekhulumu ngezindaba zasekhaya nezasesikoleni.

44

### 86 I-imeyili eya kumngani

Ufundu i-imeyili.  
Uphendula imibuzo ebhekiswe ku-imeyili.  
Ukhipha imininingwane yolwazi encwadini ukuqedela ikhadi elikhulumu ngokuziphatha.  
Ubhala incwadi asebenzise imigomo ayinikeziwe.

46



### 87 Okunye ngolimi

Ukhomba amabizo nezichasiso emishweni.  
Ubhala imisho afake izichasiso emabizweni.  
Uqondanisa amagama naphikisana nawo kanye nanomqondo ofanayo.  
Usebenzisa izihlanganiso ukwenza imisho emagatshagatsha.

48

### 88 Inkathi edlule nezayo

Usebenzisa inkathi edlule.  
Uqedela imisho esebeenzisa inkathi edlule ezenzweni.  
Ubhala imisho esebeenzisa inkathi ezayo.

50

### Amasonto 7 – 8: Amakhathuni ayahlekisa

### 89 ISupa Strika

Ufundu ikhasi lamakhathuni.  
Uxoxa ngokuchazwa kwesigcawu nolimi olusetshenziswa ngabdlali ekhathunini.

52

### 90 Ukcabanga ngekhathuni futhi

Uxoxa ngekhathuni ebhulokhini ngalinye.  
Ubhala imisho achaze indaba njengoba ivela ebhulokhini.  
Uphinda abhale imisho ibe senkulumeni-ngqo.  
Uxoxa ngezikhangiso zikamabonakude bese ethula umbono.

54

### 91 Ukubhala isikhangiso

Ulungiselela ukwenza isikhangiso sikamabonakude esibhaliwe.  
Uchaza isizinda, abdlali kanye nendikimba yesikhangiso.  
Usebenzisa uhlelo olwensiwe ukuhlela itekisi.  
Wethula isikhangiso njengomdlalo olingiswayo.

56

### 92 Hlanganisa lokhu

Uxoxa ahlanganise iziphongozo nezijobelelo zamagama neziq.  
Ukhomba iziphongozo, izijobelelo kanye neziq.  
Uqedela imisho esebeenzisa impambosi yokwensiwa.

58

## Ithemu 3: Amasonto 5 – 10

**Amasonto 9 – 10:**  
Isikhathi sokudlala

### 93 UDeda ungumpetha webhola lezinyawo!

Ulingisa umdlalo omayelana noDeda esebenzisa abdlali kanye nomlandi.  
Uphendula imibuzo ebhekiswe emdlalweni weshashalazi.

60

### 94 Iphosta yomdlalo weshashalazi

Ufundu iphosta ekhangisa ngomdlalo weshashalazi.  
Uphendula imibuzo ebhekiswe kuphosta.  
Udzayina iphosta yomdlalo weshashalazi.

62

### 95 Bhala umdlalo wakho


Usebenzisa uhlelo lokubhala ukulungiselela umdlalo weshashalazi.  
Ubhala umgqakazo womdlalo weshashalazi, ulungisa amaphutha bese ewubhala okokugcina.

64

### 96 Okunye ngesandiso nesichasiso

Ukhomba izandiso nezenzo.  
Ukhombisa uhlobo lwezendiso: esesimo, sesikhathi nesendawo.  
Ukhomba ahlele izichasiso.  
Ukhomba amabizo kanye nezabizwana ezichazwa yizichasiso azinikeziwe.  
Ukhomba uhlobo lwezichasiso: esobumnini, esenani, esokukhomba kanye nesiphawulo.

66



# UNogwaja wexwayisa ngokuzamazama komhlaba



## Masifunde

Kwakukhona unogwaja owayevame ukuhlala ekhathazekile. "Madoda," ehhomuzela usuku lonke, "madoda, bakithi!"

Wayekhathazeke kakhulu ngokuthi kungahle kube nokuzamazama komhlaba "Uma kufika," ekhulumu yedwa, "ngiyoba yini kodwa mina?"

Wayezwa ekhathazeka kakhulu ngalolu suku, ikakhulu ngenkathi kuvele kuwa isithelo esikhulu nje engalindele eduze kwesihlahla – SATHANQAZEKA – kwanyakaza umhlaba wonke.

"Umhlaba uyazamazama!"

Wasuka ngelikhulu ijubane wagijima ehamba exwayisa omzala bakhe.

"Umhlaba uyazamazama! Balekani!"

Ngokuphazima kweso wayeselandelwa onogwaja abaningi nje, bonke begijima sengathi bayizinhlanya. Banqamula izinkalo namathafa, badlula emahlathini, beqa imifula

nezintaba, baxwayisa bonke omzala ababehlangana nabo kulelo jubane.

Wadlula indlovu izimele. "Umhlaba uyazamazama! Baleka!" ememeza.

Yasuka indlovu yabalandela onogwaja, ithi uma inyathela uzamazame ngempela umhlaba.

Bayo badlula isigejana sezindlulamithi. "Umhlaba uyazamazama! Balekani!" kumemeza unogwaja.

Zasuka nazo izindlulamithi zalandela emva kwendlovu, eyayilandela onogwaja.

Bathi beqamba befika ezintabeni eziphakeme, kwasekunawonogwaja abayishumi lezinkulungwane, nendlovu eyodwa kanye nedlanzana lezindlulamithi, bonke begijima kungathi

kuduma izulu. Unogwaja wokuqala waqalaza emuva ukubona ukuthi kakhona yini ukuzamazama komhlaba okubalandelayo, nokho wazibonela umhlambi nje wezilwane ezigijima zilandelana.

Zathi uma sezimile zikhfuzela, kwaqhamuka ibhubesi.

"Kwenzekani bakithi?" kubuza ibhubesi.

"Umhlaba uyazamazama! Umhlaba uyazamazama!" kushwashwatha unogwaja.

"Umhlaba uyazamazama?" kubuza ibhubesi. "Ubani owubonile uzamazama?"

"Mina angiwubonanga," kusho indlovu.

"Nami angiwubonanga," kusho indlulamithi.



- Sebenzisa ibalazwe lembono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo • Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni • Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha • Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



Masibalekeni kwenzekani?



"Ake ubuze lona, buza yena," kumemeza bonke onogwaja, bekhomba lona omi laphaya ekuqaleni. Ibhubesi laphendukela kunogwaja.

"Ngicela ungilalele, Mnumzane omuhle othandekayo," kusho unogwaja ngamahlonyana, "Mina nje bengizihlalele nje ekhaya nje ngezwa nje into ithi gqi, kwanyakaza umhlabathi, ngabona ukuthi ukuzamazama komhlaba, Mnumzane. Ngagijima ngathi ntinini ngayoxwayisa bonke abanye ukuthi basindise impilo yabo."

"Mfowethu, ungakwazi kodwa ukungikhombisa lapho le nto ethe gqi yenzeke khona?" kucela ibhubesi.

"Cha, ngeke ngiphinnde nje lapho impela!" kusho unogwaja.

"Gibela kimi emhlane ngiye nawe khona. Ngizokuphephisa mina," kusho ibhubesi.

Wagibela unogwaja ngamahlonyana lawo. Bahamba. Bahamba. Badlula izintaba nezintatshana. Bawela imifula nemifudlana. Banqamula amathafa, badlula amahlathi, baze bafika ekhaya likanogwaja.

"Bengilapha-ke ngesikhathi ngizwa into ithi gqi, Mnumzane. Ngiwuzwile ngempela umhlabathi unyakaza."

Ibhubesi laqalaza ngapha nangapha – lawubona ukhukhunathi owe ngomsindo omkhulu usuka esihlahleni okade ulenga kuso. Laphinda labona inkawu ihlezi phezulu esihlahleni. Ibhubesi lacosha ukhukhunathi, lagibela etsheni lawuwisa futhi. THANQA!

Unogwaja wethuka wagxuma waya phezulu. "Umhlaba uyazamazama! Sheshani – balekani – sewuzamazama okwesibili!"

Wabona ukuthi ibhubesi liyamhleka. Wabona nokhukhunathi oqhekezekile useduze kwezinyawo zakhe.

"O," enyenyeza. "Bekungekhona ukuzamazama komhlaba, madoda?"

"Cha," kusho ibhubesi, "bekungekhona nje nakancane. Wethuswe wubala."

"Ngiwunogwaja ongahlakaniphile!"

Ibhubesi lazimamathekela. "Ungakhali. Siyafana sonke. Nami ngike ngethuswe yinto encane noma engekho."


Wasuka lapho waphindela konogwaja abayizinkulungwane ezilishumi, indlovu eyodwa kanye nezindlulamithi eziyidlanzana, bonke babesalinde phezulu esiqongweni sentaba. Wafika wabatshela ukuthi sekuphephile sebengaphindela ekhaya.

Ithathwe: *kuRabbit heralds the earth quake* nguRosalind Kerven in PIRLS Reader. The Natural World. Main Survey 2001. IEA.

Akunandaba, mfowethu.  
Sivame ukwethuswa  
yizinto esingaziqondi.



O!  
Bewungazamazami  
empeleni umhlaba.



# Sicabanga indaba



Phendula imibuzo mayelana nonogwaja kanye nokuzamazama komhlaba. Uma ungenalo iqiniso ngezimpendulo zakho, phindela endaben'i uyifunde futhi.

Unogwaja wayekhathazeke ngani kangaka?

- |   |                      |
|---|----------------------|
| A | Ibhubesi             |
| B | Umsindo wento ethile |
| C | Ukuzamazama komhlaba |
| D | Ukuwa kwesihlahla    |

Yini eyayizamazamisa umhlaba wonke?

- |   |                      |
|---|----------------------|
| A | Ukuzamazama komhlaba |
| B | Ukhukhunathi omkhulu |
| C | Ukubaleka konogwaja  |
| D | Ukuwa kwesihlahla    |

Yikuphi lapho ibhubesi lacela ukuthi unogwaja aye nalo khona?

Kungani ibhubesi lawisa ukhukhunathi?

- |   |  |
|---|--|
| A | Ukwethusa unogwaja ukuze abaleke                   |
| B | Ukusiza unogwaja ukuthi athole isithelo            |
| C | Ukukhombisa unogwaja ukuthi bekwenzenkeni empeleni |
| D | Ukuhlekisa unogwaja                                |

Waphatheka kanjani unogwaja emva kokuthi ibhubesi liwise ukhukhunathi?

- |   |                    |
|---|--------------------|
| A | Wathukuthela       |
| B | Wadumala           |
| C | Wazizwa eyisilima. |
| D | Wakhathazeka       |

Uthini umyalezo wale ndaba?

- |   |   |
|---|---|
| A | Ubolubalekela uthuthuva                 |
| B | Thola iqiniso ngaphambi kokuthi wethuke |
| C | Onogwaja banjejubane elikhulu           |

Izinto zenzeka masinya kakhulu emva kokuthi unogwaja ememeze okokuqala wathi, "Umhlaba uyzamazama!" Kopisha amagama amabili endaben'i achaza ngalokhu.

Lenzani ibhubesi ukududuza unogwaja ekupheleni kwendaba? Bhala phansi izinto ezimbili elazenxa.

1

2

Usuku:

Kwaguquka kanjani ukuziphatha kukanogwaja ngokuqhubeka kwendaba?

Ngasekuqaleni kwendaba unogwaja ...

ngoba ...



Ekugcineni unogwaja wa-...

ngoba ...

Ekugcineni kwendaba ibhubesi lakhombisa ukumthanda unogwaja ngoba ...



Kule ndaba kuyabonakala ukuthi ibhubesi nonogwaja yizilwane ezimbili ezingafani kakhulu. Ebalazweni lemibono ngezansi, gcwalisa **izichasiso** ezichaza isilwane ngasinye.



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Ukubhala indaba



Sebenzisa ibalazwe lemibono ukuphinda uxoxe indaba kaNogwaja nokuzamazama komhlaba ngokulandelana kwezehlakalo.

1




---



---



---




---



---

2




---



---



---



---



---

3




---



---



---



---



---

4




---



---



---



---



---

5




---



---



---



---



---

6




---



---



---



---



---

**UNogwaja  
wexwayisa  
ngokuzamazama  
komhlaba**

Usuku:



Bhala indaba ezwakalayo esikhalieni osinikeziwe.




- Sebenzisa ibalazwe lembono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhalha
- Bhala umgqakazo • Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni • Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha • Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

1



2



3



4



5



6



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Incwadi ekhulumfa ngeholidi



Masifunde



27 Apple Road  
New Town  
0301  
20 Mandulo 2015

Deda othandekayo

Yeyi! Ngibe nenhlanhla ngahamba nabazala bami ngaya eCape Town ngamaholidi kaNtulikazi. Sihambe mhla ziyi-12 kuNtulikazi safika ngosuku olulandelayo. Bekumnandi ukugibela isitimela. Silale enqoleni kanti mina ngilale embhedeni ophezulu!

Uma sifika eCape Town into yokuqala engayibona yiNtaba Yetafula ehlala yembozekile inamafu axakile nje. Yinhle ngendlela engingakaze ngiyicabange le ntaba.

Buka izithombe engizinamathisele.

Ngosuku Iwesibili, saya eRobben Island. Saya ngesikebhe khona. Sabona ijele okwakuboshwe khona uNelson Mandela – leli ahlala kulo iminyaka eyi-18! Sabona amahlengetha amanangi kanye namaphengwini ehlez emadwaleni esiqhingi.

Ngosuku Iwesithathu saphinda sayobona amahlengetha futhi, kulokhu saya ebhishi elibizwa ngeBoulder's Beach. Sabona khona izimvu zamanzi ezitholakala eCape. Kunomkhankaso eCape Town obhekela ukuvikeleka kwezimvu zamanzi ngoba kuseduze ukuthi zishabalale. Lo mkhankaso uvikela namaphengwini futhi.

Ngosuku Iwesine, saya endaweni ebizwa ngesihloko se-Afrika, iCape Point, lapho kuhlangana khona izilwandlekazi ezimbili. Lapha yilapho amanzi abandayo oLwandlekazi i-Atlantic ehlangana khona nomsinga oshisayo woLwandlelakazi i-Indian.

Ngosuku Iwesihlanu, okwakuwusuku lokugcina, sayobona izidalwa zolwandle endaweni ebizwa ngokuthi yiTwo Oceans Aquarium. Kwaba mnandi! Angikaze ngibe seduzane kangaka noshaka empilweni yami! Mina noshaka sasihlukaniswe yingilazi phakathi kwethu, kodwa oshaka babengenamahloni okusivezelamazinyo abo acijile amanangi. Sabona nezinhlobo eziningi zezinhlanzi zasolwandle – ezinye zazo zinezingalo ezifinyelela emashumini amahlanu! Uma eyodwa ilahlekelwa yingalo, kumila enye masinya.

Kusasa sizobuyela ekhaya. Ngianikhumbula, sengijahe ukunibona nonke bese sibuyela esikoleni.

Yimina umngani  
uJozi




Usuku:



Incwadi kaJozি ichaza izinsuku eziyisikhombisa. Thola izinsuku azokwenza ngazo izinto ezithile uJozি ugcwalise izinto azenzile ngalezo zinsuku.

Usuku	Izinto azenzile
Ziyi-12 kuNtulikazi	Uyasuka eCape Town
Ziyi-13 kuNtulikazi	
Ziyi-14 kuNtulikazi	
Ziyi-15 kuNtulikazi	
Ziyi-16 kuNtulikazi	
Ziyi-17 kuNtulikazi	
Ziyi-18 kuNtulikazi	
Ziyi-19 kuNtulikazi	



Manje bhala izimpendulo zale mibuzo.

Kopisha umusho encwadini ositshela ukuthi oJozи benoDeda bangabangani abakhulu.

Nikeza isibonelo somusho ochaza ukuthi uJozи ubhalela umuntu olingana naye ngobudala.



Nikeza isibonelo somusho ochaza ukuthi uJozи akakaze aye eCape Town.



Thola la magama esichazamazwini uwasebenzise emishweni ukukhombisa ukuthi uayazi incazeloyawo.

namagwebu

ukushabalala



Uyibhaleleni uJozи le ncwadi eya kuDeda?

A	Ukumxoxela ngawoshaka
B	Ukumxoxela ngeholidi lakhe elibe mnandi
C	Ukumxoxela ukuthi uzobuyela esikoleni masinyane
D	Ukumxoxela ngesitimela

Uchaza ukuthini uJozи uma ethi oshaka abazange babe namahloni ukuveza amazinyo abo?

A	Oshaka banobungani.
B	Oshaka babezidlalela.
C	Oshaka babelokhu bevula imilomo.
D	Oshaka babedla ezinye izinhlanzi.

TEACHER: Sign

Date



Bhala incwadi eya kumngani wakho. Mxoxele umngani ukuthi bewenzani ekhaya kanye nasesikoleni, noma umxoxele noma yingani enye oyenzile azojabulela ukuyizwa.

Sikwenzele isiphakamiso kupharagrafu ngayinye. Bhala incwadi ibe wumqqakazo kuqala, unikeze umngani akubhekele yona. Emva kwalokho yibhale ekhasini elingaleya uyibhale kahle.



Usuku:



Gcwalisa ikheli lakho  
Usuku

otħandekayo

Qala ngokubingelela.

Bħala ngento yokuqala ezindabeni ozozethula.

Bħala ngento yesibili.

Phetha incwadi yakho.

Yimi umngani waħkho

Gcwalisa igama lakho.



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# I-imayili eya kumngani



Masifunde

I-imayili yindlela yokuxhumana nabangani kusetshenziswa ubuxhakaxhaka bamakhompiyutha. Sisebenzisa ama-imayili ukubhala izincwadi sixoxe izindaba nabangani. Uma ufisa ukuthumelela umngani wakho i-imayili, nobabili nomngani kumele nibe nawo amakheli e-imayili kanye namakhompiyutha.

Iya ku-: mimi@school.co; deda@school.com

Ivela ku-: kinina@library.com

13 Ndasa 2011 11:56

Mimi noDeda abathandekayo

Ngethemba ukuthi senifundile ngokuzamazama komhlaba okwenzeke eJaphani. Ngifikele eNingizimu Japhani nami ukuzohlala nabazala bami. Ngizohlala khona isimo size sibe ngcono emuva eTokyo. Nakuba kube mnandi ukuthi ngisuke endaweni enokuzamazama komhlaba, kodwa ngiyawukhumbula umndeni wami nabangani engifunda nabo esikoleni samabanga aphansi i-International.

Nokho, kumnandi futhi ukuhlala nomzala. Siyalingana naye ngeminyaka. Uneminyaka eyishumi nanye, sobabili senza ibanga lesi-6. Ngenhlanhla umzala uhlala eduze nepaki lapho sikwazi ukudlala khona ujika namaswingi.

Ngenkathi sidlala, ngiyaye ngithole isikhathi sokwenza ezinye izinto engizithandayo – ukufunda nokudlala imidlalo ekhompiyutheni. Ngifunda incwadi esihloko sithi *Impilo yasehlathini* eyenza ngithande ukuhlala e-Afrika. Sengiphakathi nayo le ncwadi.

Yimi umngani wakho

uKinina

Thumela



Uvakashele bani uKinina?

Uvakashe ngasizathu sini?

Wayibhala nini le imayili?



Funda incwadi kaKinina ngokwedlulisa amehlo uthole izimpendulo ozozigcwalisa kuleli khadi ngaye.

Igama	
Ubudala	
Ibanga	
Isikole	
Akuthandayo	



Usuku:



Bhala incwadi manje uyibuyisele kuKinina. Sikunikezile isibonelo esifushane esigatshaneni ngasinye. Bhala incwadi ephepheni kuqala. Bese uyibhala ngobunono kuleli khasi.



Gcwalisa ikheli lakho

Usuku

### Kinina othandekayo

Qala ngokubingelela.

Yisho ukuthi uzwelana kangakanani nabo ngokuzamazama komhlaba.

Yisho ukuthi kuhle ukuzwa ukuthi usazoqhubeka nokwenza izinto azithandayo.


Mtshele umngani wakho ngezindaba zesikole, ezemidlalo kanye nezinto othanda ukuzenza nawe.

### Yimi umngani wakho

Gcwalisa igama lakho.

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Okunye ngolimi



Bukisisa la mabinza anamagama ahamba ngamabili. Dwebela ibizo ukokelezele isichasiso esichaza ibizo lelo.



Inja encane.	
Imoto egijimayo.	
Incwadi enkulu.	
Ikhrayoni eliluhlaza.	
Imbali enhle.	
Ipigogo elimibalabala.	

## Okunye ngezichasiso

Siyazi ukuthi izichasiso zisitshela kabanzi ngamabizo (ngabantu, ngezindawo kanye nangezinto). Imvama isichasiso silandela ibizo.

Bhala manje imisho usebenzise la mabizo nezichasiso. Bhala umusho onesichasiso esilandela ibizo.

umfana umfana omude.	Umfana omude udlala ibhola.
-gangile Ikati	.....
-lambile ibhubesi	.....
-hlakaniphile Intombazana	.....
-nolaka Uthisha	.....
-hle Isithombe	.....



Usuku:



Masibhale

Qondanisa la magama namagama anomqondo ofanayo ezikweleni ezingezansi.

umkhulu

hleka

luyashesha

kubi

kuyabanda

gigitheka

ikhehla

konakele

kumakhaza

luyaphuthuma



Qondanisa la magama nalawo aphikisana nasezikweleni ezingezansi.

umsindo

likhulu

luyashesha

kuyabanda

kubi

lincane

ukuthula

kuhle

luyatotoba

kuyashisa



Masibhale

Hlanganisa le misho usebenzisa izihlanganiso ezifanele.  
Izihlanganiso zikubakaki.

Ngizohlala khona lapha. Izinto azikakalungi ekhaya. (ngoba)

Ngiyajabula. Ngiyasikhumbula isikole ekade ngifunda kuso. (nakuba)

Ngimtshelile ukuthi akangasuki. Umfula bewuqala ukugcwala. (ngoba)

Ngifike ngaqalaza nhlangothi zonke. Ngawela umgwaqo. (ngaphambili)


Uzogodola. Ungaligqoki ijezi. (uma)

Bengimyalile ukuthi angashiywa yisikhathi. Simshiyile futhi. (nokho)

TEACHER: Sign

Date

## Inkathi edlule



Bazobuya ngokushona kwelanga.

Umoya uvunguza kakhulu ntambama.

Inja ikhonkotha bonke abantu abadlulayo.

Ibhasi ifika ngesikhathi esifanayo njalo.

### Make sibheke inkathi edlule

Inkathi edlule siyakwazi ukuyisebenzisa lapho siguqula khona isenzo esisenkathini yamanje noma esisenkathini ezayo sibe senkathini edlule.

Bheka lezi zibonelo: Thina sifike isitimela sesihambile.

Izolo ngifike ekhaya ubaba esedlile.

Guqula le misho ibe senkathini edlule.

Umfana ukhahlela ibhola enkundleni.

Inkuzi izobhonga uma iphakathi kwezinye.

Sizokwenza umsebenzi wasekhaya ntambama.



Bhala le misho ibe senkathini edlule.

Umgani wami ungipha i-aphula. Ngizwa ngilambile.

Ngifika emva kwesikhathi.

Abangani bami bonke bakhathele.

Uyasho ukuthi uyafika nje esikoleni.

Insimbi iyakhala.

Ngibona uthisha ephumela emnyango.

Uphethe insimbi yesikole.

Ngiyakhumbula ukuthi uthe masifike namaphepha angabhalive lutho.

Ngibuyela ekhaya uma kuphuma isikole.

Abafana engidlala nabo ibhola bangilindile.

Usuku:

## Inkathi ezayo



Masibhale

Cabanga ngalokho ozokwenza singakaphumi isikole.  
Bhala imisho emihlanu enezakhi ezithi: **ngizo-**, **ngiyo-**

### Inkathi ezayo

Sisebenzisa isakhi -zo- kanye  
nesakhi -yo- ukuguqula isenzo sibe  
senkathini ezayo.

**Ngizo**yisebenzisa yonke imali  
enginayo ngonyaka ozayo.

**Siyobuya** nayo indebe emdlalweni  
wamanqamu webhola lezinyawo.

**Ngizo...singakaphumi isikole.**

**Ngizofunda** izincwadi ezingama-50 singakaphumi isikole.



Masibhale

Qedela le misho usebenzise igama elithi **ngizo-** ukuze ibe  
senkathini ezayo.

Ngesonto elizayo

(hamba) nogogo ngiye edolobheni.



Ngonyaka ozayo

(qala) esikoleni esisha.

Kusasa

(landa) imithi yami ekhemisi.



Ngenyanga ezayo

(hola) okokuqala kulo msebenzi omusha.

NgoKhisimusi

(vakashela) eKruger National Park.

TEACHER: Sign

Date



Masifunde

Funda la makhasi amabili alandelayo acashunwe kukhathuni yamaSupa Strika engunombolo 100. (Bhekisisa okwenzeka esikhalieni ngasinye.)

### Kulo nyaka ufunde izinhlobo eziningi zemibhalo

Nazi ezinye zazo:  
Izinkondlo, ukukhangisa,  
imibiko, inkulumo-  
mpendulwano, itekisi  
elinemidati yowlazi,  
ubuciko bomlomo  
kanye nemibhalo  
enemiyalelo. Kuneminye  
imibhalo evame ukuba  
ngamahlaya. Amahlaya  
avame ukuba namazwi  
amafushane kanye  
nezithombe eziningi.  
Anabalingiswa nawo.  
Avame ukubhalwa  
ahlukaniswe  
ngamabholokhi, kwenye  
inkathi kungavela  
izithombe amazwi  
angabi bikho. Izincwadi  
zalolu  
hlobo kazizingi  
olimini lwesiZulu.  
Zikhona ezesuselwe  
ezinganekwaneni nokho.



Usuku:



TEACHER: Sign

Date

# Ukucabanga ngekhathuni futhi



Xoxa nomngani wakho ngekhathuni yeSupa Strika. Manje bhala umusho uchaze okwenzeka esikhali sekhathuni ngasinye.

- 1
- 2
- 3
- 4
- 5
- 6
- 7
- 8
- 9
- 10
- 11
- 12
- 13
- 14



Phinda ufunde ikhathuni futhi bese uphendula imibuzo elandelayo:

1. Yini ethanda ukwenziwa yiSupa Strika elingana nokuthanda kwabo ukudlala ibhola?
2. Idlala naliphi iqembu iSupa Strika?
3. Impempe ikhala kanjani? Uyishayelani impempe unompempe esikhali sesine?
4. Sekungene amagoli amangaki kulo mdlalo? (Impendulo ungayithola: esikhali sesi-4 nesesi-8.)
5. Yenza uhla lwemisindo eyenzeka kulo mdlalo webhola.
6. Yiziphi izikhangiso ozibona kule khathuni?
7. Ngabe zibhekiswe kubani lezi zikhangiso?


Usuku:

## Amakhathuni ezikhangisweni




- ❖ Yisiphi isikhangiso osithanda kakhulu kumabonakude noma emsakazweni?
- ❖ Kungani usithanda?
- ❖ Umkhiqizo othengiswa yilesi sikhangiso ungawuthenga?
- ❖ Ngobani obona ukuthi isikhangiso sibhekiswe kubona?
- ❖ Ngabe leso sikhangiso sinaso isiqubulo kuso?

Thenga imoto ehamba ngamabhethri ebizwa ngePerky Parky Remote. Iyagijima. Akekho umuntu okumele ahiale engenayo.  
Ihamba enhlabathini: vum, vum!  
Ayivinjwa yilutho.



1



2

Le moto ebizwa ngePerky Parky uyozithola uwumntwana odumile kubangani bakho, Nasemhabeni wonke! Wo!

Ngiyachazeka

Wo!

Masibhale

Buka isikhangiso bese uphendula le mibuzo.

Sizama ukukuncenga ukuthi wenzeni lesi sikhangiso?

Ngabe sinehaba noma sethula isethembiso esikhulu kakhulu lesi sikhangiso?  
Chaza ukuthi ukusho ngani lokhu.

Ngamagama anamiphi imisindo asetshenziswe esikhangisweni?

Sibhekiswe kubani lesi sikhangiso? Sibhekiswe kubantu abadala, abancane, abafana noma emantombazaneni?

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Ukubhala isikhangiso



Lungiselela ukubhala isikhangiso sikamabonakude. Sidizayne sifane nekhathuni.

- Qala ngokuhlela ukuthi uzofaka muphi umnyakazo esikhangisweni sakho.
- Uzosebenzisa abantu abangaki, oyedwa noma abaningi?
- Hlukanisa isikhangiso sakho sibe yizingxenye ezine.
- Dweba isithombe noma usisike usinamathisele uchaze ngaso ingxenye ngayinye.
- Bhala isikhangiso esiveza kahle ukuthi umuntu ngamunye uzothini.



- Sebenzisa ibalazwe lembono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo ● Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni ● Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha ● Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.

1

2

3

4

Siyini isizinda?

Ngobani abalingiswa?

Uthini umlayezo? Simi kanjani isakhiwo?

Usuku:

Manje sebenzisa uhlelo lwakho ubhale isikhango sakho. Funda izikhango zabangani bakho ofunda nabo. Khetha esisodwa nisilingisele iklesi.

1

2

3

4



Uma sewusibhalile isikhango sikamabonakude, khetha abanye egenjini lakho enizolingisa nabo isikhango ukukhombisa ukuthi simele sibe njani kumabonakude.

TEACHER: Sign

Date

57

# Hlanganisa lokhu

## Yini isiphongozo sebizo?

Isiphongozo akulona igama eliphelele. Yingxene ye gama esekualeni kwegama eliphelele. Isiphongozo ngasinye sinomsebenzi esiwenzayo egameni. Uma isiphongozo sinanyathiselwa egameni, kuba khona ukuguquka kwencazelo yegama.

Kokelezela iziphongozo zala magama alandelayo lapho zikhona: Emva kwalokho dwebela isiqu segama (ingxene ye gama engaguquki).

unxantathu    gcwalisa    akazi    ihlazo  
 uyangiphikisa    ngiyavuma    ukuziphatha  
 asizwanga    bhalani    ukhubazekile  
 usazofunda    ukhokhile    ngizenzile  
 amasondo    udumele    kulahlekile

## Yini isijobelelo?

Izijobelelo yizakhi ezifakwa ngasekugcineni komsuka wegama ukuze kwakheke incazelo ethile. Isibonelo: isijobelelo –isa sichaza ukuthi umuntu wenziwe ukuthi enze okuthile. Lapha sizophelela ejijobelelwani zesenko.

Kokelezela isijobelelo egameni ngalinye. Emva Iwalokho dwebela umsuka wegama.

uhambile    omkhulukazi    wethembekile    akahambi    kudulile    abamlandanga    mbusiseni

bazobonana    lincanyana

ubhekile    thembeka    dumisa  
 sikelela    bahlangana    uwile  
 utholakele    uzumekile    ubuyile  
 wambhekisia    akadlalanga



Buka isibonelo. Kwenzekani uma uhanganisa isiphongozo nesiqu sebizo? Igama elisha lichaza ukuthini?

isiphongozo	+	isiqu sebizo
-UM		lomo



Zisho ukuthini lezi ziphongozo?

Iziqalo	Incazeloo	Iziqalo	Incazeloo
ama-	kuningi	aba-	kuningi
ubu-	kunye	ili-	kunye
izi-	kuningi	imi-	kuningi



Buka isibonelo. Kwenzekani uma ujobelela isijobelelo esiqwini segama? Igama elisha liba nayiphi incazeloo?

Isiqu segama	+	Isijobelelo
flukana		-isa

hlanganisa    uyathandeka

Zisho ukuthini lezi zijobelelo?

isijobelelo	Incazeloo	isijobelelo	Incazeloo
-ile	kwenzekile	-anga	okungenzekanga
-isa	ukwenzisa	-i	ukuphika
-ana	ukwenzana	-isisa	ukwenzisisa
-eka	ukwenzeka	-ela	ukwenzela

Usuku:

## Imisho enempambosi yokwenziwa



Bhala le misho ibe nesenzo  
esiyimpambosi yokwenziwa.  
Siwenzile owodwa.



Ifasitela libulawe yingane



Ibhele la-



Intombazana



Ibhola



Umfana



Umuntu weposi

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# UDeda ungumpetha webhola lezinyawo!



Masifunde

Dlalani lo mdlalo weshashalazi. Kudingeka umama, ubaba, indodana kanye nomlandi ozofunda izindawo ezihlukanisa inkulumo-mpendulwano (amazwi ashiwo ngabadlali omunye komunye).

**Isigcawu:** Kusekamelweni likaDeda lokuphumula. UDeda ulele kusofa ubuka umdlalo webhola lezinyawo kumabonakude. Unina noyise babukeka bekhathazekile ukuthi uDeda akenzi umsebenzi wesikole.

UMAMA:

Deda, uwenzile umsebenzi wesikole?

UDEDA:

Um ... a ... uyazi mama, ukuthi.... Um ... awumningi kangako wona, Mama. Uthe uthisha ngibhale nje amagama angama-300 endabenai asinike isihloko sayo. Bengithi ngizobuka nje lo mdlalo kumabonakude, bese...

UMAMA:

Deda, mfana kaShabalala, kungcono ukuthi uwenze manje umsebenzi wesikole!

[Ucosha isikhwama sezincwadi phansi usibeka etafuleni.]

UDEDA: A...a, Mama! Uthisha yena wenzelani ukuthi athi asibhale indaba enamagama angama-300? Angiyena uBW Vilakazi! Amagama angamakhulu amathathu! Kuzophela unyaka ngingaqedile! Ngizobhala ngani nje? Kunjani ukuthi ngibuke ezikaMagebhula kanye naBafana Bokuthula Noxolo kuqala? Ngizoyibhala le ndaba uma kuphela umdlalo. Ngiyakwethembisa, Mama! [Uthatha incwadi uyayivula.] Mhlawumbe lokhu kuzongisiza. Buka leli balazwe lemibono encwadini yakho yokusebenzela. Lithi ubhala isihloko phakathi nendawo, bese kuba yimibono emine emabhokisini owanikeziwe. Kulula kabi ukubhala le ndaba, ngiqinisile, mfana wami.

UBABA:


Baba, yini nje engingabhalo ngayo? Ngizoqala ngegama nesibongo sami. Ngizoba namagama amabili ... kusale angama-298! Ngizwa sengifisa ukubona isigcino salo mdlalo. Yima-ke. Ake ngicabange, ngizobhala ngani? Mmm.

UMLANDI:

[UDeda uyazumeka ikhanda ulibeke phezu kwezincwadi.]

Uthi uzama ukuthola into azobhala ngayo, kodwa uzithola ezumeka njalo nje. Uyazamula. Nokho, nango esephindele ezincwadini futhi. Uselele futhi. Uphupha umdlalo ebuka umdlalo abefisa ukuwubona. Usesenkundleni yebhola iFNB, uhlezi ngaphambili le, usondele ezintini zaBafana Bokuthula Noxolo. Unovadlwana ngalo mdlalo. Kusele imizuzu emihlanu, iqembu lakhe lisalandela ngemuva. Umgadli amethembile uyaxhuga. Omunye umdlali wasesiswini ukhishiwe

Isigcawu kanye namazwi kamqondisi kufakwe kubakaki.



Amagama abdlali abhalwa ngawosonhlamvukazi. Kusetshenziswa ikhloni (:) emva kwamagama abdlali. Abasetshenziswa abacaphuni emazwini ashiwo ngabadlali.

Umlandi uxoxa ngohlangothi lomdlalo olungaveli uma abdlali bedlala.

Usuku:

enkundleni elimele. Liyaphela ithemba kuDeda. Nango egxuma engena enkundleni. Ulithatha ubaleka nalo ibhola.  
UDeda unqamula nalo ngale kwenkundla. Uyagijima. Udlula izimbangi zakhe. Nango-ke echusha kubo bonke. Usebenzisa amandla onke anawo. Wagadla. Liphakathi! Yakhala impempe unompempe uyawuqeda umdlalo.  
UDeda ubonwa yizwe lonke kumabonakude ejabule. Abasakazi bebhola bayamemeza, "UDeda Shabalala ufake igoli elenze leli qembu lanqoba!" Baphinde futhi, "Ungushampeni omusha, igama nguDeda Shabalala! Ningizimu Afrika yonkana, sinoshampeni omusha!"

[Umama uyamvusa uDeda.]

UMAMA: Deda, vuka ... vuka! Kumele wenze umsebenzi wesikole!

UDEDAA: Hmmm? Mama, kumele ngenzeni?

UBABA: Deda! Ucabanga ukuthi wenzani nje nempela? Kumele uqedele umsebenzi wakho wesikole!

UMAMA: Mhlawumbe lokho kulala kuzokusiza ube namandla okuqedela indaba yakho. Ufuna ngikusize uthole isihloko sendaba yakho?

UDEDAA: [Uhleka inhlinini.] O, ngiyewza, mama. Sengibonile ukuthi ngizobhala ngani!



### Masibhale

Wena ucabanga ukuthi uzobhala ngasiphi isihloko uDeda?

Ubechaza ukuthini uDeda uma ethi "Angiyena uBW Vilakazi"?

Yisiphi isizinda salo mdlalo (wenzeka kuphi)?

Yiziphi izehlakalo ezintathu okubhekiswe kuzo emdlalweni?

1

2

3

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Iphosta yomdlalo weshashalazi



UseNingizimu Afrika manje ...

## Hleka uze ukhale

## Ibuye ngezinkani!

Wumdlalo weThiyetha yaBantwana esijabulayo ukumemezela ukuthi ubuyile - yi*Pippi Longstocking*, umdlalo wabantwana ogcwele amahlaya. Uzodlala ngamaholidi ePhasika uze uyofinyelela ekupheleni kwamaholidi ezikole, kusukela ziyisi-7 kuMashi 2015.

UPippi yintombazana enhle ehlala yodwa endlini **exakile** nje. Inehhashi nenkawu. Imikhutshana yakhe uPipi iyahlekisa, kodwa akugcini lapho, ubuye angene enkingeni ngalokhu kuganga kwakhe! Abantwana bayawuthanda lo mdlalo **wentombazana enemikhuba**.

Ngumlingiswa othandekayo yena, bonke abantwana bazomthanda uma bembona uPippi. Emva komdlalo, bazogijima noma kanjani abantwana baphuthume ukuyothola incwadi esihloko sithi *uPippi Longstocking*.

Ngokusobala nje, uPippi akubekezeleleki ukuhlala ungambuki.

**UPippi Longstocking** uzokhonjiswa eThiyetha iNational Children's, Kusukela mhla ziyi-7 kuNdasa kuya kumhla ziyi-16 kuMbaso kowe-2015 Ku-3 Junction Avenue, eParktown, eGoli. Ngethemu yesibili, umdlalo wethu uzodlala phakathi nezinsuku nge-09:00 – 10:30.

Ngamaholidi ezikole, umdlalo ungeMisombuluko neMigqibelo, nge-10:30 – 14:30.

**Izikole zingafaka izicelo** zokuzobona umdlalo **ngamaqembazo** kanti nezinhlelo eziyisipesheli zezikole zikhona.





**Yini iqama lomdlalo weshashalazi?**

## Sazi kanjani ukuthi ngumdlalo onamahlaya?

**Ngobani abadlali? Dwebela umdlali ongummeleli.**

Ubhekiswe kobani lo mdlalo? Bhala izinto ezikutshela kabanzi ngalokhu.

Kungani kusetshenziswe imibala eqqamile kule phosta?



Usuku:

## Yenza iphosta yomdlalo



Yenza iphosta ukhangise ngomdlalo. Ungakhangisa ngomdlalo othi "UJabu nehubesi" noma "UDeda ungumpetha webhola lezinyawo". Wucabangisise kahle umdlalo ozowukhangisa ngoba esithini elilandelayo uzowubhala phansi lowo mdlalo. Kumele uwethule kanje:

- Isihloko somdlalo masibhalwe ngamagama amakhulu, abhalwe ngokunohlonze (nikeza umdlalo wakho isihloko)
- Ngobani abadlala umdlalo wakho
- Uzodlalelwu kuphi
- Izinsuku nezikkhathi ozodlalwa ngazo
- Incazeloyanele nje ngokuthi umdlalo umayelana nani
- Imininingwane yokubhukha

Imibono ngokudizayina  
iphosta

- Sebenzisa ulimi olucacile.
- Sebenzisa ubukhulu obungafani bezinhlamvu, amagama, amabinza kanye nemisho.
- Sebenzisa imibala eqqamile ehehayo.
- Dweba izithombe noma unamathisele ozisikile ezinabantu abakhona emdlalweni.



Buka iphosta edizayinwe ngabangani bakho ukhethe eyodwa oyithanda kakhulu. Kuleli khasi lokusebenzela elilandelayo bhala umdlalo wakho.

TEACHER: Sign

Date

# Bhala umdlalo wakho



Sebenzisana nabangani bakho ofunda nabo ukwenza umdlalo weshashalazi.  
Qedela ishadi elizokusiza uma sewenza uhlelo lomdlalo.

Abadlali Gcwalisa amagama abangani bakho baseklasini abazodlala lo mdlalo.	Bachaze abadlali bakho.	Okuzogqokwa ngumdlali ngamunye?	Bazothini abadlali bakho?

Ngobani abadlali?

Egenjini lenu dingidani imibono  
yalokhu okulandelayo bese  
usebenzisa ibalazwe  
lemibono ukuhlela  
imibono yakho.

Wenzeka kusiphi isizinda umdlalo wakho?  
Chaza inkundla ibe yinye.

Isihloko

Simi kanjani isakhiwo somdlalo?

Okokuqala

Okulandelayo

Emva kwalokho

Ekugcineni


# Usuku:



Masibhale

Bhala umgqakazo womdlalo. Lungisa amaphutha bese uwubhala ngobunono esikhaleli onikezwe sona. Uma udinga isikhala esikhulu, faka ikhasi olithathe encwadini yakho yokubhalela.

Isihloko



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Okunye ngesandiso nesichasiso

Isandiso sivame ukuchaza isenzo. Sivame ukuphendula le mibuzo: **Kanjani?** **Kuphi?** **Nini?** noma **Kungani?** Kuba nesehlakalo esenzekayo. Sichazwa kanje:

- **Indlela okwenzeke ngayo** noma **kanjani** – into yenzeka kanjani: ngokwamukelekayo, kahle, kancane, masinya, kakhulu.
- **Indawo** noma **kuphi** – into yenzeka kuphi: lapha, kude, ngaphakathi, ngemuva, ngaphambili.
- **Isikhathi** noma **nini** – into yenzeka: ngaphambili kwenye, emva kwenye, kusasa, namuhla.
- **Kangaki** noma **kangaki** – into yenzeka: njalo, ngesinye izikhathi, njalo, ayivamile.
- **Umfutho** noma **kangakanani** – into yenzeka: ngokuvamile, hhayi njalo.
- **Isiqiniseko** noma **kungenzeka yini** ukuthi into yenzeke: ngeqiniso, noma kanjani, ibukeke ingenzenka.



Dwebela izandiso kule misho bese ukokelezela izenzo. Yisho ukuthi yisandiso sesimo, sesikhathi, sendawo, njll.



Uhlobo lwesandiso

Ikhonsathi liqale **emva kwesikhathi**.

**Isikhathi**

Umfana wadla masinya.

Ingulule igijima kakhulu.

Umquhadelwano wawunqoba ngenhlanhla nje.

Inyoni ikhuphukele phezulu.

Lizona nakanjani.

Ibhubesि labhodla kakhulu.

Uvame ukwenza umsebenzi wasekhaya njalo ntambama.

Umalume ufile namuhla.

UJabu uzifundisa njalo.

UMimi ubuyele **khaya** (\_\_\_\_\_ ) **masinya** (\_\_\_\_\_ ) **izolo**  
(\_\_\_\_\_ ) eyobuka umdlalo webhola.

Usuku:

## Okunye ngezichasiso



Sewuzisebenzisile izichasiso ngenkathi uchaza abalingiswa endabeniyakho. Izichasiso ziphendula umbuzo othi "into injani?"

Funda le misho ugcwalise amagama asetshenziselwa ukuchaza izinto.

Umuntu othile wayegqoke ijakhethi esindayo, isigqoko sewuli kanye nemaski emnyama.

Umdlali webhola lezinyawo wayegqoke ijezi elibomvu, amasokisi amhlophe kanye nezicathulo zebhola eziphuze.

ijakhethi	isigqoko	imaski	ijezi	amasokisi	izicathulo zebhola

## Ezinye izabizwana ezisebenza njengesichasiso

Izabizwana zobumnini:

kwami kwakhe kwabo kwakho kwenu

Izabizwana zenani:

muni mumbe muphi munye

Izabizwana zokukhomba:


lokhu lokho lesi lezi

Isiphawulo:

-ncane -khulu -hle -de



Bheka **izichasiso** ezidwetshelwe kule mishe bese ukokelezela **ibizo** noma **isabizwana** ezisichazayo. Kukholamu lokugcina yisho ukuthi luhlolo luni lwasichasiso kwezibizwa ngezabizwana: esokubuza, esenani, esobumnini, esokukhomba noma esichazayo nje.



Uhlolo lwasichasiso

UBebe obethukile akazange akhulumo.

Iyiphi incwadi oyithandayo?

Umeme abangani abahlanu emcimbini wakhe.

Leya ntombazana inqobe umquhadelwano.

Uzikamile izinwele zakhe.

Sithathe izikhwama zethu sahamba.

Inja enolaka ayikhonkothi.

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

## Ngiyakwazi



- ukufunda itekisi elioxayo
- ukuphendula imibuzo ebhekiswe etekisini
- ukusebenzisa izichasiso ukuchaza abalingiswa abaqavile endaben
- ukuqedela ibalazwe lemibono ukuze ngiphinde ngioxhe indaba
- ukubhala indaba ngiyisusela ebalazweni lemibono
- ukufunda incwadi yobungani
- ukwenza uhla lwezinto ezidingeckayo encwadini
- ukubheka amagama esichazamazwini bese ngiqopha izincazel zavo
- ukuphendula imibuzo ekhethisayo ebhekiswe etekisini
- ukubhala incwadi yobungani
- ukusebenzisa ibalazwe lemibono ukulungiselela ukubhala incwadi
- ukufunda i-imeyili
- ukuphendula imibuzo nge-imeyili
- ukukhomba amabizo nezichasiso emishweni
- ukusebenzisa izichasiso emabizweni
- ukuqondanisa amagama namanye amqondo ofanayo
- ukuqondanisa namagama aphikisana nawo
- ukusebenzisa izihlanganiso
- ukusebenzisa inkathi edlule
- ukusebenzisa inkathi ezayo
- ukufunda ikhasi lekhathuni
- ukuxoxa ngebhulokhi lekhathuni
- ukuchaza ikhathuni esebhulokhini
- ukuphinda ngibhale imisho ibe yinkulumo-ngqo
- ukwethula imibono ngezikhangiso
- ukulungiselela isikhangiso sikamabonakude bese ngisibhala
- ukuchaza isizinda, abalingiswa nendikimba yesikhangiso
- ukubhala indaba eyikhathuni
- ukuhlanganisa iziqu neziphongozo kanye nezijobelelo
- ukwakha umusho onesenzo esiyimpambosi yokwenziwa
- ukufunda umdlalo weshashalazi
- ukulingisa umdlalo weshashalazi
- ukuphendula imibuzo ebhekiswe emdlalweni weshashalazi
- ukufunda iphosta ekhangisa ngomdlalo weshashalazi
- ukuphendula imibuzo ebhekiswe esikhangisweni
- ukudizayina iphosta ngomdlalo weshashalazi
- ukubhala umdlalo weshashalazi
- ukukhomba izandiso zesimo, zesikhathi, kanye nezendawo
- ukukhomba amabizo nezabizwana ezichazwa yizichasiso
- ukukhomba izinhlobo zezichasiso: esobumnini, esenani, esokukhomba  
kanye nesiphawulo

# Indikimba 7: Izolo, namuhla nakusasa

Amasondo 1 - 2:  
Landela imithetho

**97) Ukudlala u-SPUD** 70

Ufundu itekisi lemiyalo ngokudlala umdlalo i-Spud.  
Uphendula imibuzo esuselwa etekisini.

**98) Ukwenza uthosi (i-French toast)** 72

Ufundu iresiphi ngokwenza i-French toast.  
Ulandela ukulandelana kwezithombe imiyalelo ayinike izinombolo ngokulandelana.  
Uphendula imibuzo esuselwa kuresiphi.  
Uqhathanisa imiyalelo yeresiphi neyomdlalo i-Spud.  
Uxoxa nomngani ngamabinzana amagama assetshenziswa kwezikamakhalekhukhwini.  
Ubhala itekisi lemiyalelo.

**99) Ukubhala imiyalelo nemithetho** 74

Ubhala imiyalelo noma imithetho yokusebenzisa okuthile (okusamshini) noma imithetho yomdlalo othile.  
Ukhomba izenko emishweni.  
Wehlukanisa umusho omagatshagatsha ngezingxenye ezikuwo.

**100) Izandiso zesikhathi, isimo nendawo** 76

Ukhomba izandiso asho ukuthi ngezaluhlobo luni.  
Ukhomba izandiso nezenzo ezizichazayo.  
Ubhala ipharagrafu echazayo.

**101) Yini oyikhumbulayo?** 77

**102) Ukuhamba emkhathini** 78

Ingxoxo nokubikezela okususelwa ezithombeni.  
Ufundu itekisi lemiyalelo.

**103) Masiqonde** 80

Uphendula imibuzo esuselwa etekisini lemiyalelo.  
Ubhala ipharagrafu ngokuba usonkanyezo.  
Ubhala iposikhadi elichaza uhambo lwasemkhathini.

**104) Ukusebenzisa imibuzo yokuphendulana ku-intavyu** 82

Wenza inhlolovo ngokusebenzisa uhlala lwemibuzo.  
Abakutholile ukuhlela ethebhulen.  
Ubhala umbiko ngabakutholile.

**Amasondo 3 - 4:  
Ukufundela ukuthola ulwazi**

**105) Sonke siphila kule planethi, umhlaba** 84

Ufundu itekisi eliquethe ulwazi.  
Uphendula imibuzo esuselwa kuleli tekisi.  
Ukhipha ulwazi kuleli tekisi.

**106) Amazwekazi ayisikhombisa** 86

Ufaka amagama amazwekazi ayisikhombisa nawezilwandle ezinkulu.  
Ufaka amalebula ebalaazweni esebezisa ulwazi alunikiwe.

**107) Imibuzo ephicayo ngebalazwe lomhlaba** 88

Udlala umdlalo wokuphicana ngebalazwe lomhlaba.

**108) Usikompilo olungaka** 90

Ubuza abantu aqophe izimpendulo.  
Ufundu ngeliney izwe athole izimpendulo zemibuzo.  
Ukwazi ukusho imibala ehlukahlukene.

**109) Ukuhamba uSediba** 92

Ufundu umbhalo osephephandaben.  
Uphendula imibuzo esuselwa embhalweni osephephandaben.  
Ubhala kudayari ngakususela odabeni olusephephandaben.

## Ithemu 4: Amasondo 1 - 4

**110) UNkk Ples noLittle Foot** 94  
Ufunda iwebhusayithi ngamasiko.

**111) Ifa lethu** 96

Uphendula imibuzo ngolwazi olutholakala kuwebhusayithi.  
Udizayina iphosta ukukhangisa ngendawo eyigugu emhlabeneyiSizinda Sesintu.  
Wenza imisho esebezisa izandiso zokuthi into yenzeka kangaki.  
Udweba isithombe ukukhombisa ukuba nemiqondo emibili komusho.

**112) Ukuhlelela iphamflethi** 98

Udizayina ibhrosha ukukhangisa ngeSizinda Sesintu.





## Yini itekisi lemiyalelo?

Emasontweni amabili ezayo amehlo uzowanamathisela etekisini lemiyalelo. Inhoso yalolu hlobo lwetekisi ukutshela umfundsi ukuthi uyenza kanjani into ethile. Ulwazi olwethulwayo luhleshulwe lwaba yizinyathelo ezincane ezilandelanayo. Isibonelo esejwayeleke kakhulu setekisi lemiyalelo yireshi echaza ukulungiswa kokudla. Esinye isibonelo esejwayelekile yimiylelo yokusebenzisa umakhalekhukhwini noma ikhompiyutha noma imithetho yemidlalo.



Masifunde

Leli tekisi lemiyalelo limayelana nomdlalo okuthiwa yi-Spud.  
Ake unamathele emiyalelweni yokudlala lo mdlalo.



## Imithetho yomdlalo

- 1 Umdlali ngamunye uthatha inombolo eyimfihlo ebhokisini. Uma kungenjalo kungase kushiwo ukuthi ngubani ozonikeza inombolo, isib. "Uthisha wenu uzonikeza umdlali ngamunye inombolo eyimfihlo."
- 2 Makukhethwe umdlali ozoqala umdlalo. Uthatha ibhola. Umdlali osethathe ibhola ubizwa ngokuthi **othile**.
- 3 **Othile** uphonsa ibhola emoyeni bese ebiza inombolo. Umdlali osenale nombolo nguye manje osebizwa ngokuthi **othile**, osekumele enqake ibhola. Bonke abanye abadlali kumele benqake ibhola.
- 4 **Othile** umemeza athi: SPUD. Bonke abanye abadlali mabame banganyakazi.
- 5 **Othile** ugxala kathathu aye komunye umdlali bese ephonsa ibhola ezinyaweni zomdlali lowo. Umdlali lowo kumele anganyakazi.
- 6 Uma **othile** eshaya umdlali noma uma umdlali lowo enyakaza, lowo mdlali usezoba **othile** athole uhlamu **S** (egameni SPUD). Ngokulandelayo lapho eshaya umdlali, usezothola uhlamu **P**; uma eshaya futhi athole u-**U**, kulandele u-**D**.
- 7 Uma umdlali ethola izinhlamvu ezine zokuhlawulisa (S P U D) uyaphuma emdlalweni, umdlalo uqhubeke ngaphandle kwakhe.



Manje-ke phendula le mibuzo ngemithetho ye-Spud.

Zamani ukudlala  
lo mdlalo nihole  
ukusebenza  
kwemithetho  
yakhona.

Yisiphi isibalo esincane kunazo zonke sabdlali abadingekayo ekudlaleni lo mdlalo?

Kumele benzeni abadlali uma "othile" ememeza ethi: "SPUD"?

Yiziphi izindawo okungafanele ukuba udlalwe kuzo lo mdlalo?

Yisiphi isithombe esihambelana kahle noMthetho 5?



# Ukwenza uthosi (i-French toast)



Masifunde

Bheka izithombe bese ufunda imiyalelo. Emva kwalokho landela ukulandelana kwezithombe bese imiyalelo uyunika izinombolo ngokulandelana okufanele.




## Iresiphi kathosi

### Izithako

- 2 amaqanda
- 4 izingcezu ezinkulu zesinkwa
- amathisipunu amabili kajamu
- 1/4 lenkomishi yobisi
- Usawotshana

### Indlala

- Pheka izingcezu zesinkwa, ude uziplhendula uma sezinsundu.
- Phaka sekunojamu.
- Faka amafushana ekudleni kwepani lokufraya elinganamathelisi.
- Phehla amaqanda nobisi.
- Cwilla izinhlangothi zombili zoceu ngalunye kule ngxube enobisi.



Usuku:



Masibhale

Thola ukuthi zinto zini ozozidinga ukwenza uthosi. Yenza uhlu lwazo.


Manje-ke qhathanisa imiyalelo ekuresiphi kanye nemiyalelo (noma imithetho) yokudlala i-SPUD.

Afana ngayiphi indlela la masethi amabili emiyalelo?



Ehluke ngaziphi izindlela la masethi amabili emiyalelo?


Uma sikhapha imiyalelo sivame ukusebenzisa amatemu ezobuchwephesh. Bheka la magama namabinzana okuphathelene nomakhalekhukhwini, bese uchazela umngani wakho ukuthi ashо ukuthini.

iwashi elicushwa likhale		imenu	
ibhethri (ilahle) liphansi		kushaywe akwaphendulwa	
ikhalenda		okuxhunyanwa nabo	
ubude bocingo olushayiwe		i-SMS	
faka ikhodi yePIN		vula isikhiye	
isithwebulilizwi		bhala umyalezo	

Bhala imiyalelo ufundise uRobbie ukuthi uthunyelwa kanjani umlayezo we-SMS, noma ukuthi ulalelwа kanjani umlayezo oqopheke kumakhalekhukhwini.

Ngingu Robbie Robot, futhi angazi lutho! Ngicela ukuba ungisize.

TEACHER: Sign

Date

# Ukubhala imiyalelo nemithetho

# Ukhona umdlalo owudlalayo?




# Uyamusebenzisa umakhalekhukhwini?

Ngabe uyalisebenzisa  
i-ayina noma iketela likagesi?



Bhala imiyalelo noma imithetho ukusiza uRobbie Robot ukusebenzisa igajethi noma aqonde imithetho yomdlalo owudlalayo.

## Likhona igemu olidlalayo!



# Imithetho nemiyalelo

Yalokhu: \_\_\_\_\_



Usuku:

## Imisho emagatshagatsha



Imisho emagatshagatsha inezenzo ezingaphezu kwesisodwa.

Dwebela izenzo kule misho. Emva kwalokho yehlukanisa umusho omagatshagatsha ube ngemibili.



Umfana wayeqhuga ngoba wayelimele emlenzeni.

Umfana wayeqhuga.

Umfana wayelimele emlenzeni.

URose wadla amakhekhe ayisihlanu ngoba wayethanda ukudla.



Uthisha wasiza ingane futhi wayichazela kahle.



Inja yakhonkotha ngoba yayizwa umsindo.

Ngisiza umama lapho epheka bese ngilungisa itafula.



Ngenza umsebenzi wasekhaya ngaphambi kokubuka umabonakude.

TEACHER: Sign

Date

# Izandiso zesikhathi, isimo nendawo

## Yiziphi izinhlobo ezahlukene zesandiso?

Njengoba nibonile emashithini omsebenzi edlule, izandiso eziningi zisitshela ukuthi into ethile yenziwa kanjani, nini, kuphi. Ngamanye amazwi zichaza indlela into eyenzeka ngayo nokuthi yenzeka kuphi, noma ngasiphi isikhathi.

**ka- + Isichasiso**

Isichasiso	Isandiso
-khulu	kakhulu
-hle	kahle

Ake sibheke izandiso  
Izandiso ezibhekise  
endleleni okwenzeka  
ngayo into zivame  
ukusebenzia isakhi  
u-ka- ngasekuqaleni  
kwegama eliyichasiso.

Isichasiso	Isandiso
-lula	kalula
-mnandi	kamnandi

## Ukulandelana kwezandiso

Njengoba sesishilo, isandiso siphendula umbuzo wokuthi into yenziwa/ yenzeka kanjani, kuphi nini, ngani.

Isenso	Kwenzeka kanjani	Indawo	Kangaki	Isikhathi	Isizathu
(uNomsa) ubhukuda	kamnandi	esizibeni	kabili	ekuseni	ukuze aphile kahle
(ugogo) uhamba	kancane	endleleni	njalo	ngaphambi kokudla	ayothenga iphepha
(ubaba) ushayela (imoto)	kahle	edolobheni	kathathu	ngemva komsebenzi	ukuze aphephe



Dwebela isandiso emshweni ngamunye usho ukuthi sichaza **indlela** (okwenzeka ngayo), **indawo** noma **isikhathi** yini.

### Uhlobo lwesandiso

Ukhuluma kakhulu.	
Thina sihlala lapha.	
Sizoya eThekwini kusasa.	
Njalo nje wenza umsebenzi wesikole wasekhaya.	
Uhamba kalukhuni ngoba ulimele emlenzeni.	
Ikhwaya lethu selihlabelela kahle.	
Ngiyokweza uthosi kusasa ekuseni.	
Abanye abayidli inyama emakhaya.	
Izingane zidlala kamnandi epaki.	
Bafika ngebhasi ekhaya.	
Mina sengiyadla manje.	
Izolo bengiye edolobheni.	
Wayethukile, esekhuluma ngokusheshisa.	

# Yini oyikhumbulayo?

101



Masibhale

Dwebela zonke izandiso ezisetshenziswa nguJohn enkulumeni yakhe.

Ngidlale ibhola elimnandi lezinyawo izolo. Bengigijima kakhulu, ngihlasela ngokuzimisela, ngabe sengishaya amagoli amathathu kalula nje. Ngicishe ngafaka elesine. Ngidlale kahle ngendlela yokuthi umqequeshi ugcine esethe uma ngiqhubeka kanje ngingangena egenjini lesizwe iBafana Bafana ngelinye ilanga. Abalandeli bebememeza kakhulu uma ngifake igoli. Ngelinye ilanga ngiyoba ngumdlali webhola elikhokhelwayo, mhlawumbe ngibe ngukaputeni weBafana Bafana futhi.



Masibhale

Manje dwebela zonke izichasiso ezisetshenziswa ngu-Ann enkulumeni yakhe.



Uyazi yini ukuthi yini isilwane engisiifuye njengomngani wami? Wulwembu oluyisimanga. Luyisilwane esihle. Sinobungani ngempela. Umfowethu wayefuna izinyane lekati elimnyama. Mahlana namazinyane amakati, kodwa ulwembu luletha enkulu intokozo. Akubizi kakhulu ukulondla kanti futhi njengoba luluncane nje, kulula ukuba ngiluphathe ngihambe nalo usuku lonke! Abanye babangani bami bayalwesaba ulwembu, kodwa alunangozi. Olwami ulwembu luhle lwedlula ezinye izilwane ezingabangani zabanye ezinesicefe. Lapho sengikhulile ngifuna ukwenza isifundo ngezilwane (iZuwoloji). Ngibona ukuthi izilwanyana ezinemilenze eyisithupha ziyisimanga nje.



Masibhale

Manje-ke ake ubhale uchaze umdlalo oke wawudlala noma isilwane osifuye njengomngani. Sebenzisa izichasiso ezichaza kahle kanye nezinhlobo ezahlukene zezandiso.


TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Ukuhamba emkhathini



Bheka isithombe kuleli khasi bese uxoxa ukuthi leli tekisi lingani. Xoxa ngale mibuzo nomngani wakho.

- ❖ Abantu bafinyelela kanjani emkhathini?
- ❖ Babizwa ngaliphi igama laba bantu?
- ❖ Bagqokani osonkanyezi uma behamba emkhathini?
- ❖ Uyazi ukuthi yini eyenza kudingeke ukuba bagqoke izembatho eziyikhethelo?



## Masifunde

Manje-ke ake ufunde le miyalelo ngokugqoka isudu yasemkhathini.



1

Okokuqala nje abahamba emkhathini bagqoka okufana nebulukwe langaphansi elide. Lenziwe ngamashubhu enjoloba (irabha) enwebekayo athungelwe kuyo. Amanzi azogobhoza kula mashubhu agcine umzimba kasonkanyezi upholile ngoba ukushisa komzimba akukwazi ukubuye kuphumele ngaphandle uma umzimba usuvaleleke ngaphakathi.

2

Ngemva kwalokho-ke umhambimkhathini ufaka ingxenye yangezansi yale sudu eyenziwe ngokukodwa okuhlangene – amabhuzi amakhulu anganyakazi ananyathiselwe ebhulukweni elikhulu elithambile elinezivikeli. Esesemhlabeni usonkanyezi kumele alale phansi ukuze angene ebhulukweni. Uma esesemkhathini angakwazi ukungena kuleli bhulukwe ngenkathi entanta emoyeni.



3

Abahambimkhathini bayantweza bangene egwebini lomoya bese beshibilika bengena ezingxenyezi ezingenhlaza masudu. Ingxenye engenhla le isagabolondo elilukhuni elinezingalo ezikwazi ukunyakaza. Ikhanda likasonkanyezi liphumela phezu kokuyisiyingi sensimbi okusentanyeni okuzoxhunywa kukho isigqoko (ihelmethi) kanti izandla ziphumela ngaphandle kweziyingezezi zensimbi ezimbili okuzoxhunywa kuzo amagilavu. Le ngxenye yesudu isinda kakhulu lapho umuntu esesemhlabeni. Yiyo umuntu angathola ngayo i-oksijini, amanzi, futhi kuxhunywa kuyo iziphephethi kanye namabhethri.



4

Uma ophathina babahambimkhathini sebengene emasudwini abo, omunye usonkanyezi (ozobe elokhu engaphakathi) uyasiza ekuxhumeni izingxenye zesudu ngayinye. Ngaphambi kokufaka iziggoko, osonkanyezi bafaka amakapisi anezipikha eziba ngasezindlebeni, kanye nemibhobho yokukhulumela eqhubukusha ngaphambi kwemilomo ukuze bakwazi ukukhulumisana bona kanye nabanye ozakwabo.




**5**

Onke la malungiselo athatha isikhathi. Kodwa ekugcineni basuke sebekulungele ukufaka izigqoko zabo namagilavu amakhulu abonakala exakile nje. Bawahlela kahle amakapisi abo bathi ukwenwaya amakhala abo okokugcina ngci. Phela ngeke baphinde bakwazi ukwenza lokhu futhi baze baqede umsebenzi abayowenza emkhathini.

**6**

Usonkanyezi okade esiza uyalishiya igwebu lomoya, avale ihantshisi. Njengoba abahambimkhathini ababili sebefake la mabhuzu amakhulu nje, bacishe basigcwalise ngci isikhala abakuso. Balinda bodwa kulelo gwebu lomoya kwedlule imizuzu ethile ngenkathi kumuncwa umoya obungaphakathi. Bayakuzwa ukuqhuma ezindlebeni zabo ngenkathi belinnde ukuba isikali sobungako bomoya sikhombise ukuthi wonke umoya usuphumile.

**7**

Ekugcineni sebengalivula ihantshisi baphumele emkhathini. Ngaphambi kokuntanta baphume kuleli gwebu lomoya, kumele borrhuke izingcingo ezincane phakathi kwamasudu abo nomkhumbimkhathini. Lezi zingcingo zenzelwe ukuba osonkanyezi bangehlukani unomphela nomkhumbimkhathini wabo.

**8**

Uma sebentantela esikhali abahambimkhathini bafana namasathelayithi abantu. Sebezungeza umhlabo! Okwesikhashana nje abasawudingi umkhumbimkhathi ngoba abakuggokile kunomoya owanele namandla enele amabhethri ukuba bangaphila amahora acishe abe yisikhombisa. Kukhona nabangakudla nesikhwama samanzi kuhelmethi ngayinye. Baya lapho okugcinwa khona izimpahla kulo mkhumbimkhathini wabo. Kunebhokisi elikhulu lapho okuhlala khona amathuluzi abawadingela imisebenzi yasemkhathini. Bakhipha amathuluzi abawadingayo borrhuke ezihlakaleni noma ezinkalweni zabo. Akulula ukusebenza ufake isudu yasemkhathini. Iminwe, izandla nezingalo kuyakhathala ngoba noma yikuphi ukunyakaza abakwenzayo kufuna ukuba bade bedudula izindawo ezithile ngaphakathi kulokhu abakuggokile. Uma sekufike isikhathi sokuba babuye kozakwabo kumkhumbimkhathini wabo kade bengaphandle amahora amanangi, abahambimkhathini kumele bantante emoyeni futhi babuye egwebini labo lomoya. Kodwa noma sebekhathele, bake bame kancane bawubuke okokugcina umhlabo nezulu bengakawuvali umnyango obubangenise emkhathini.



Thikha impendulo efanele.

**1. Ngabe lo mbhalo ugxile kukuphi?**

- |   |  |
|---|--|
| A | Ukuthi yini abahambimkhathini besebenza ngababili. |
| B | Ukuthi unjani umkhumbimkhathi.                     |
| C | Ukuthi bayelani emkhathini osonkanyezi.            |
| D | Ukuthi kunjani nje ukusebenza emkhathini.          |

**2. Yisiphi isizathu esisodwa esenza ukuba osonkanyezi baphume kumkhumbimkhathi wabo?**

- |   |                                  |
|---|----------------------------------|
| A | Ukukhanda osekonakele.           |
| B | Ukuba bawubuke kangcono uMhlaba. |
| C | Ukuze bahlale bephophile.        |
| D | Ukuba kebezwe abangakwejwayele.  |

**3. Abahambimkhathini yini njalo nje baphume ngababili kumkhumbimkhathi?**

- |   |   |
|---|---|
| A | Ukuze basizane.                             |
| B | Ukuze bahlale ngaphandle isikhathi esijana. |
| C | Ukuze bangalahlekeli kude.                  |
| D | Ukuze bazithokozise kakhudlwana.            |

**4. Abasiza kanjani amashubhu erabha angaphansi kwezemba tho zabo?**

- |   |  |
|---|--|
| A | Abasiza ukuba bakhulume nabanye ozakwabo.          |
| B | Abaphakela nge-oksijini.                           |
| C | Enza ukuba babe lokhu beboshelwe kumkhumbimkhathi. |
| D | Abasiza ukuba babe lokhu bephophile.               |

**5. Yini eyenza ukuba abahambimkhathini bangabonakali sebelahleka kude nomkhumbimkhathi?**

- |   |                         |
|---|-------------------------|
| A | Ngamabhethri            |
| B | Ngamabhuzi asemkhathini |
| C | Yizingcingo ezincane    |
| D | Ukubambana ngezandla    |

**6. Faka izinombolo ezingxenyeni zezambatho zasemkhathini ngokulandelana kokugqokwa kwazo ngumhambimkhathini. Faka izinombolo kusuka kweyoku-1 kuya kweye-4.**

- |  |                            |
|--|----------------------------|
|  | Uhhafu ongasenhla wesudu   |
|  | Isigqoko (ihelmethi)       |
|  | Yingxene engezansi         |
|  | Okwangaphansi okunwebekayo |

Ngokusho kwalo mbhalo, yini umehluko omkhulu phakathi kokuba phakathi kumkhumbimkhathi nokuba semhlaben?

Osonkanyezi yini bagqoke amasudu asemkhathini uma sebengaphandle komkhumbimkhathi?  
Nikeza izizathu ezimbili ozithola kulo mbhalo.

Yini kuthathe osonkanyezi amahora amanangi ukulungisela ukuphumela ngaphandle komkhumbimkhathi?

# Usuku:

Yini ingenhla elilukhuni lesudu yasemkhathini libe yingxene ebaluleke kunazo zonke?

Yini umbhali aphawule ukuthi osonkanyezi "benwaya amakhala abo okokugcina" ngaphambi kokuphumela ngaphandle komkhumbimkhathi?

Awuzicabange nje usufisa ukuba ngusonkanyezi, Shono into eyodwa ongase uyithande neyodwa ongase ungayithandi ngokuba ngusonkanyezi. Chaza izizathu zalokhu.

## Eningakuthanda nezizathu:

## Engingekuthande nezizathu:



Thumela abomndeni wakho noma abangani iposikhadi olibhale usemekhathini ubatshela ukuthi kunjani laphaya.

This image shows a blank postcard template. The left side features a light blue background decorated with white, five-pointed starburst patterns. There are ten horizontal blue lines for writing an address. The right side has three horizontal blue lines for a message. A decorative postage stamp is positioned in the top right corner, depicting a blue rocket ship with a red nose cone and fins, launching against a blue sky with white clouds. The stamp has a white border and contains the letters 'R5' in the center.

TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_



Sikuthola kanjani ukuthi abantu bayamthanda noma abamthandi umuntu othile noma into ethile? Enye indlela ukuxoxa nabo, ubabuze ukuthi bacabangani ngomuntu noma ngento. Leyo ngxoxo kumele ilungiselelw, ngoba kungenzeka sikhohlwe yimibuzo ezobuzwa noma sibuze imibuzo engafanele. Yikho-ke siye senze imibuzo esizoyisebenzisa uma sekuxoxwa. Ake usebenzise lolu luhla

Iwemibuzo olungezansi ukuthola ukuthi abangani bakho bacabangani ngesikole senu nokuthi yini abangathanda ukuyiguqula. Umbuzo osekugcineni uthi "Okunye". Lapha-ke ungafaka noma yimuphi omunye umbuzo owuthandayo uma nje nawo uhambisana nenibhekene nakho. Cela abangani abayi-10 ukuphendula le mibuzo ngokuthi yebo noma cha.

Faka inombolo eyisamba salokho ngakunye.

### Inholomibono ngokuguqula ukuhambisa izinto esikoleni.

Faka ithikki ukumela u-" <b>yebo</b> " noma isiphambano ukumela u-" <b>cha</b> " kumakholomu aseduze nemibuzo.	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	Isamba sabo-" <b>yebo</b> "	Isamba sabo-" <b>cha</b> "
1. Kumele sivunyelwe sigqoke noma yini esiyithandayo esikoleni, hhayi imifaniswano nje.												
2. Kumele senze imidlalo ngaphambi kokufunda ngenkathi kusapholile, kunokuba sidlale ntambama.												
3. Isikhathi sokuba sesikoleni kumele selulwe ukuze singabi bikho isidingo sokwenza umsebenzi wesikole ekhaya.												
4. Izikole zabobulili obahlukene zingcono kunezihlanganisa abafana namantombazana.												
5. Izingane zesikole kumele kubonisanwe nazo mayelana nemithetho yesikole.												
6. Okunye												

Gcwalisa kuleli thebhula lokho enikutholile ezingxoxweni enibe nazo:

### Ithebhula 1: Okutholiwe kule nhlolovo ngokuguqula ukuhambisa izinto esikoleni.

Gcwalisa ukuthi bangaki abangani abavumelana nesititimende.						
	Ukuyeka imifaniswano	Imidlalo yasekuseni	Ukwelula isikhathi sesikole	Izikole zabulili bunye	Ukubonisana nezingane ngemithetho	Okunye



Usuku:



Manje-ke bhala umbiko ngalokho okutholile. Bhala okungenani imisho emibili ngombuzo ngamunye.



**Umbuzo 1:** Ngabe abangani bakho bayavuma ukuthi kumele bagqoke noma yini abayithandayo esikoleni?



**Umbuzo 2:** Abangani bakho bacabangeni ngokuba nemidlalo ngaphambi kokufunda?



**Umbuzo 3:** Ngabe abangani bakho bavumile ukuthi isikhathi sesikole aselulwe ukuze bangawenzi umsebenzi wesikole ekhaya?



**Umbuzo 4:** Ngabe abangani bakho bathanda izikole ezixube ubulili noma ezibehlukanisayo?



**Umbuzo 5:** Ngabe abangani bakho bayavuma ukuthi abafundi kumele kubonisanwe nabo ngemithetho yesikole?

**Umbuzo 6:** Yikuphi "okunye" okuyimibuzo okubuzile?

Ubacabangiseni abangani bakho lo mbuzo owubuze ngenhla?

Njengoba usutholile ukuthi abantu bacabangani ngalezi zinto, iyiphi inguquko okumele yensiwe ekuhambiseni izinto esikoleni?



# Sonke siphila kule planethi, umhlaba



Masifunde



Sonke singabantu bomhlaba. Sihlala yonke indawo, emadolobheni amakhulu aminyene, nakwamancane. Sihlala emathafeni aneqhwa, nasemahlathini aluhlaza afudumele. Sihlala ezingwadule, emaqeleni ezintaba, naseziqhingini zasolwandle. Simibalabala.

Abanye bethu banezikhumba esinsunjwana wena owabona ukukhanya kwelanga esihlabathini. Abanye bethu banezikhumba ezinsundu ngokuzothile njengoshokoledi oceabile. Abanye bethu banezikhumba ezithanda ukuba phinki njengokuntwela kwelanga. Kanti abanye bethu banezikhumba ezibomvana. Namehlo ethu nezinwele kunemibala eyahlukene. Sinamehlo aluhlaza sasibhakabhaka, namehlo ampunga, ngisho namehlo aluhlaza satshani. Izinwele zethu zingaba mhlophe noma zibe nsundu, zingaba bomvu noma zibe mnyama. Zingathwishiha noma zisongane. Sinezimo nobukhulu obeahlukene. Abanye bethu bade, abanye bafushane. Abanye bondile, abanye bakhuluphele. Sinezindlela zokuphila ezahlukene. Sinezinkolo namasiko okwehlukene. Sithanda izinhlobo zokudla ezahlukene. Sakha izindlu zethu ngezindlela ezahlukene. Sehlukene ngeminden, amaqembu, izinhlanga nezizwe.

Kodwa futhi sifana ngezindlela eziningi ezibalulekile. Sonke sidinga ukudla esingakudla. Sonke sifuna ukuphepha, siphatheke kahle, sijabule. Sonke sidinga uthando nobungani. Sonke sithanda izinto ezinhle.

Kanti sonke singabomndeni owodwa omkhulu – umndeni wesintu onabantu abangamabhiliyonu ayisikhombisa. Sonke sivela kokhokho abafanayo. Yebo, sonke singabantu bale planethi: uMhlaba, kanti sonke singabalapha eNingizimu Afrika.

(Kuhunyushiwe - Umthombo: *World book: Childcraft, vol 8:7*)



Masibhale

Umbhali uthinta izindawo ezahlukene eziyisikhombisa abantu abahlala kuzo. Yiziphi?

Phawula izindlela ezine umbhali athi abantu behlukene ngazo.

Yiziphi izindlela okungathiwa sonke sifana ngazo?

Usuku:



Masifunde

Bonke abantu badinga ukudla, okokwembatha nokokukhosela ukuze baphile. Kodwa asidli zona izinhlobo ezifanayo zokudla. Asigqoki zona izinhlobo ezifanayo zezingubo. Kanti njalo nezindlu esihlala kuzo azifani. Neminden yethu yehlukene.

UChloe ungu-Eskimo. Uneminyaka eyi-12. Uhlala enyakatho Canada. Yena nomndeni wakhe bahlala endaweni emakhaza kunazo zonke emhlabeni, kanti bagqoka izingubo ezenziwe ngezikhumba zezilwane ukuze bafudumale. Badla amafutha omkhomo kanye nenyama yebhele neyemu yamanzi. A mafutha amanangi akulokhu kudla asiza ukuba imizimba yabo ithole ukufudumala. Kudala ama-Eskimo ayehlala ezindlini zeqhwa okuthiwa ngama-igloo, noma emathendeni enziwe ngezikhumba zezilwane. Namuhla asehlala ezindlini ezifudunyezwayo.



UJohn uhlala e-England. Uneminyaka eyi-13. Ubeya esikoleni kusukela eneminyama emi-3. Uyathanda ukudla inyama yenhanzi namashipsi. Ugqoka umfaniswano wesikole bese eya esikoleni ngebhayisikili ehlobo. Ulithanda kakhulu ibhola lezinyawo.



URuth uhlala kwa-Israyeli ku-kibbutz, okuwuhlobo lwepulazi. URuth uneminyaka eyi-11. Kuleli kibbutz abazali abahlali ndawonye nezingane zabo. Abazali bahlala endlini yabantu abadala, kanti izingane zihlala endlini yezingane. URuth uya esikoleni khona lapho epulazini, nokudla kwasemini ukudla esikoleni.



U-Agil oneminyaka eyishumi nantathu uhlala emzini eMalaysia. Lo muzi unendlu eyodwa kuphela. Kuthiwa yindlu ende okungahlala kuyo iminden engama-50. Le minden ikhetha ozoba yinhloko yale ndlu enkulu.



UKofi oneminyaka eyishumi nanye uvela emzini wezwe laseGhana. Uhlala endlini yama-Ashanti nonina, noninakhulu ozala unina. Kule ndlu uKofi ubiza bonke abesifazane ngokuthi Mama, kanti zonke izingane uzibiza ngabafowabo noma odadewabo.



Masibhale

Gcwalisa leli thebhula usebenzisa ulwazi oluthole kulokhu kuchaza okade ufunda ngakho.

Igama neminyaka yobudala	Izwe	Okuthile ngamasiko akhe

TEACHER: Sign

Date

# Amazwekazi ayisikhombisa




Masenze

Bheka ibalazwe emuva kwale ncwadi yokusebenzela bese ugcwalisa amagama amazwekazi ayisikhombisa kanye nezilwandle ezinkulu.



Masifunde

Imigqa yelathithudi nelongithudi ekhonjisa ebalazweni yimigqa ecatshangwayo nje esiyisebenzisela ukuthola izindawo emhlaben. Imigqa yelathithudi isuka empumalanga iye entshonalanga (noma isuke kwesokudla iye kwesokunxele) kanti imigqa yelongithudi isuka kupholi yasenyakatho kuye kweyaseningizimu (kusuka phezulu kuya phansi). Le migqa kunezindawo lapho ede iphambana khona.



Usuku:



Faka amalebula ebalazweni usebenzise lolu lwazi:


**I-ikhweyitha** (inkabazwe) Ngumugqa ocatshangwayo nje ozungeza imaphakathi lomhlaba.

**Ithrophikhi yeKhensa** ingama- $23^{\circ}$  enyakatho ne-ikhweyitha.

**Ithrophiki yeKheprikhoni** ingama- $23^{\circ}$  eningizimu ne-ikhweyitha.

**Isiyingi sase-Akthiki** singama- $66^{\circ}$  enyakatho ne-ikhweyitha.

**Isiyingi sase-Antakthiki** singama- $66^{\circ}$  eningizimu ne-ikhweyitha.



# Imibuzo ephicayo ngebalazwe lomhlaba

29 Shono igama lezwe elisengxenyeni eseningizimu ne-Afrika.

28 Likuphi ikhaya lika-“Mickey Mouse”?

27 Ucabangani wena? Ngabe amaphengwini atholakala e-Antarctica kuphela?

26 Kukhona amazwe amangaki eSouth America?

25 Kukhona amazwe amangaki e-Afrika?

24 Zihlanganaphi eningizimu izilwandle i-Atlantic ne-Indian Ocean?

23 Yini igama lemali esemqoka esetshenziswa e-Europe?

22 Yini eyenza ukuba ibhele lasePholi lingangenwa yiqhwa? Yini amaphengwini angangenwa yiqhwa?

21 Bheka i-igloo yaseGreenland. Yakhiwe ngani?

30 Iyiphi indlovu enamadlebe amancane: eyase-India noma eyase-Afrika?

31 Yiluphi ulwandle okumele uluweli ngomkhumbi uma usuka eNingizimu Afrika uya e-Australia?

32 QEDA  
Yini eyenza ukuba elaseSomalia kuthiwe yi-“Horn of Africa” - uPhondo Iwe-Afrika?



20 Ungakhomba yini ukuthi iphi iMpumalaga?

19 Ungakhomba ukuthi iphi iNyakatho ebalaZweni?

18 Yiluphi ulwandle oluvela ngomkhumbi uma uya eSouth America?

17 Ungakhomba ukuthi iphi iNingizimu?

Usuku:

Dlala lo mdlalo nomngani wakho. Qhwabaza uhlamu lwemali. Uma kuvela "ikhanda" (ingaphambili) unyakaza izikhundla ezimbili. Uma kuvela "umsila" (ingemuva) unyakazela phambili isikhundla esisodwa. Bheka ebalazweni ukuthola izimpendulo.

1

Wena uhlala kuliphi izwe?

2

Shono izwe elilodwa e-Afrika

3

Bakhulumu luphi ulimi eChina?

4

Shono amagama ezilwane ezimbili zase-Australia.

5

Bakhulumu luphi ulimi e-Australia?

6

Ungawutholaphi umbhoshongo okuthiwa yi-Eiffel Tower?

7

Awusho isilwane sase-Afrika kulezi ezaziwa ngokuthi "Yisihlanu esikhulu" (Big Five).

8

Ungawatholaphi amaphiramidi?

9

Yini igama lemali esetshenziswa e-USA?

10

Yini igama le- "nyoni yesizwe" yaseNingizomu Afrika?

11

Yini inhlokodolobha ye-United States of America?

16

Ungakhomba ukuthi iphi iNtshonalanga?

15

Yiliphi izwe elikhulu kunawo onke emhlabeni ngobuningi babantu?

14

Yiliphi izwe elikhulu kunawo onke ngobubanzi emhlabeni?

13

Yini inhlokodolobha yaseNamibia?

12

Yini inhlokodolobha yaseBrazil?

TEACHER: Sign

Date

89

# Usikompilo olungaka



Manje usuzozenzela olunye futhi ucwaningo uwedwa.



ENingizimu Afrika sinabantu bamasiko nezinkolo okuningi. Yenza ingxoxo nomuntu onenkolo eyehlukile kweyakho. Buza lo muntu imibuzo esethebhuleni elingezañsi, bese ugcwalisa izimpendulo kukholamu engakwesokudla.



Kule nkolo kukhonzwa bani?	
Kukhonzelwa kuphi?	
Kukhonzwa kangaki?	
Banamiphi imikhosi, imicimbi noma izinkonzo eziphathelene nenkolo yabo?	
Laba bantu bagqoka kanjani kule mikhosí?	
Ngabe abesilisa nabesifazane bakhonza ndawonye?	

Khetha izwe elilodwa ufunde kabanzana ngalo ngokuthola lezi zimpendulo.



Likuphi leli zwe - kuliphi izwekazi? Phawula leli zwe ebalazweni lakho.	
Yimaphi amanye amasiko aziswayo khona?	
Yiluphi olunye ulwazi olubalulekile olutholile?	

Usuku:

## Sifunda imibala



uJim



uJabu



u-Ajay

Qedela le misho ngokufaka amagama afanele emibala.

U-Ajay unezicathulo *ezibukhwebezana*

UJabu unebhulukwe eli-

UJabu unezimbali ezi-

UJim unesikibha esi-

UJim unezicathulo ezi-

UJabu unesikibha esi-

UJabu unezicathulo ezi-

U-Ajay unesikibha esi-



uBongi



uPam



uDevi

UBongi unencwadi *esawolintshi*

UBongi unezicathulo ezi-

UPam unencwadi e-

Izcathulo zikaPam zi-

UDevi unencwadi e-

Ingubo kaDevi yona i-

UBongi unesiketi esi-

Ingubo kaPam i-

Yisho ukuthi wena nezihlolo zakho ninezinto ezinayiphi imibala.

Mina nginebhulukwe *elimhlophé*

Umkhulu unebhulukwe eli-

Umfowethu unebhulukwe eli-

Umkhulu futhi unezicathulo ezi-

Udadewethu unesiketi esi-

Ugogo unezicathulo ezi-

TEACHER: Sign

Date



Masifunde

## EZEZINGANE

### Umfana wesikole (9) uzithela kumuntu wokuqala

15 Ncwaba 2015

ISIZINDA SOKUDABUKA KWESINTU, ENingizimu Afrika – UMathew Berger oneminyaka eyi-9 wayegijima elandela injá yakhe uTau, bayongena esikhetheni esikhulu eMaropeng ekuseni ngelinye ilanga libalele. Wakhutshwa ugodo kanti usezozithela kokubaluleke kakhulu kwabacwaninga ngolwazi lokwasendulo. “Baba, ngithole ithambo eselaba yitshe!” UMathew wayememeza uyise, uDkt Lee Berger, okwase kuphele iminyaka eciše ibe ngama-20 efunana namathambo okhokho bethu basendulo.

Lo mfana uMathew wayephethi izinsalela zomfana wasendulo owayeyi-1,27 m ukuphakama, owayefe esemdadlana kunoMathew ngeminyakana embalwa nje. Lapho uDkt Berger eseyobheka ukuthi uMathew umemezelani kangaka, naye uqobo wamangala ukubona ukuthi indodana yakhe yayiphethi ingqwababa, ithambo lomuntu wasendulo owayechazwa ngokuthi uyi-*hominid*.

**Sisebenzisa abakaki abayizikwele [kanje] uma sengeza amazwi okuqedela lokho okwakushiwo ngumuntu.**


UDkt Berger nalabo ayecwaninga nabo ababephuma eNyuvesi yaseWitwatersrand

eGoli emva kwalokho sebathola okungaphezulu kakhulu kwamathambo lawo, sekuhlangana nethambo lekhanda. Bacabanga ukuthi lo mfana okwatholwa amathambo akhe mhlawumbe wayehamba nabomndeni wakhe befuna amanzi bahlaselwa yizilwane ezazibazingela base bephonseka emgodini ojule ngamamitha angama-30 kuya kuma-45, bafela lapho.



UDkt Berger nethimba lososayensi ayelebenza nabo bathi la mathambo akudala, amafosili phela, akhombisa ukuthi lowo mfana wayewuhlobo lomuntu obizwa ngokuthi yihominidi. Amahomidi angokhokho balaba bantu esesibazi manje, noma olunye uhlolo lwabantu olusondelene nabo.

Ososayensi lolu hlobo lomuntu balunika igama elithi yiSediba (igama lesiSotho lomthombo wamanzi). Lolu hlobo lomuntu lwaluhamba luqonde ngemilenze kodwa lubuye lukwazi ukukhwela emthini. Amazinyo nokuma kobuso kwakufana nokomuntu otholakala manje, kodwa izinyawo zakhona kwakusengathi ngezesilwane nje nobuchopho babubuncane kakhulu. Ososayensi bathi iSediba lesi sasiphila eminyakeni eyisigidi esi-1,78, kuya kwesi-1,95 kudaladala.



Usuku:



Watholani umfana nenza yakhe?

Sazi kanjani ukuthi uyise wamangala? Wayemangaliswa yini?

Yini amafosili?

Lisho ukuthini igama elithi "sediba"? Uma ucabanga yini eyenza ukuba amafosili abizwe ngele Sediba?

abantu ababeyi Sediba babefana kanjani nabantu esibejwayele?

Babehluke kanjani kubantu banamuhla?

Awuzicabange nje ungu Mathew Berger oneminyaka eyisishiyagalolunye. Bhala kudayari ukuthi kwenzekani ngalolo suku.

Dayari othandekayo

Namuula bengihamba nenza yami uTau

Usuku:



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

Sihlala kuplanethi elokhu iguquka. Kwesinye isikhathi lezi zinguquko zidalwa ngamandla emvelo nje, njengokuzamazama komhlaba nokunyakaza kwezilwandle. Kodwa omunye umonakalo udalwa ngabantu ngokunukubeza imifula nezilwandle nokushabalala amahlathi ezimvula. Zonke lezi zinguquko zenza ukuba silahlekelwe yilokho izingane zenu ezingenakuphinde zikubone, njengamahlathi asezimvulen, nezilwane ezinjengethayiga yaseBengal okumanje nje isicishe ukushabalala. Kumele siwavikele amagugu ethu emvelo ukuze athokozelwe nayizizukulwane ezizayo – izingane zakho nabazukulu.

<http://en.workbookpedia.org.work.sterkfontein>  
 i-Yahoo! Amabalazwe eGoogle i-YouTube i-Wikipedia Izindaba (585) Okuthandwa kakhulu  
 Ucingo: +1-615-668-5422 Email us

**workbookpedia**

Oxhuma masinyane Yini indawo eyifa lamagugu? Ezinye izindawo ezingamafa amagugu Isintu sadabuka eNingizimu Afrika I-Robben Island indawo eyifa lamagugu



**Yini indawo eyifa lamagugu?**

Inhlangano ebhekene nezemfundo nesayensi, i-United Nations Education and Science Organisation (UNESCO) iye icele amazwe ukuba ashо ukuthi yiziphi izindawo zawo ezibalulekile ukuze zivikelwe. Emva kwalokho-ke i-UNESCO iye izihlole lezi zindawo, kuthi uma zibonakala zibalulekile nangempela igcwaliise ukuthi yizindawo ezingamagugu emhlabeni. INingizimu Afrika inezindawo ezinje eziyisishiyagalombili.

IRobben Island ingenye yazo. Enye futhi yiSizinda Sokudabuka Kwesintu, ososayensi abathi kulapho abantu bokuqala bavela khona.



**Indawo enje ibaluleke ngani?**

Amafosili atholakala emgedeni endaweni esemnceleni wezifundazwe iGauteng nesaseNyakatho Ntshonalanga, eduze kwedolobha laseKrugersdorp. Kunokukholwa ukuthi lana ngamathambo ezidalwa zokuqala ezazicishe zibe ngabantu ezaba semhlabeni.

**Atholakala kanjani amafosili lana?**

Ososayensi baqala ngabo-1890 ukumba izinsalela zemizimba yabantu ababephila kudaladala ngenkathi abavukuzi befuna igolide, base bede bethola amafosili amaningi ngaphansi komhlaba. Ososayensi bathola amafosili amathambo ezidalwa ezicishe zifane nabantu, ezaziphila esikhathini esiyizigidi

Usuku:



Isechazamazwi samji

Amagama amasha

⟳ i-google

**Yini indawo eyifa lamagugu?**

Funa



zeminyaka ezedlula.

Ngo-1947 uDkt Robert Broom wathola ithambo lekhanda lowesifazana omdala owayephila kudaladala, owayesecishe afane nomuntu ososayeni abambiza bathi yi- Plesianthropustransvaalensis, laphaya emigedeni yaseSterkfontein. Abantu leli gama bathola kulukhuni ukulikhumbula, leli thambo lekhanda balinika elinye igama bathi

nguNkk Ples.


### Wayephila nini?

UNkk Ples wayephila ezigidini zeminyaka eyedlule ngaphambi kokuba abantu bakwazi ukwenza umlilo noma ngaphambi kokwenziwa kwezinto ezakhiwa ngensimbi. Ososayensi bakhola ukuthi lawo mahominidi kwakungokhoko babantu abakhona namuhla, nokuthi isintu sadabuka kulezi zindawo. Yikho le ndawo yanikwa igama lokuthi yiSizinda Sokudabuka Kwsintu.

### Sinabuphi obunye ubufakazi bokuthi abantu bokuqala badabuka e-Afrika?

Ngo-1995 omunye usosayensi, uRonald Clarke wafumana izinsalela zenye ihominidi kuyo le ndawo. La mathambo anikwa igama elithi ngu-Little Foot ngoba kwakuthe lapho ososayensi bembba amathambo kwatholakala unyawo kuqala.

Ngenxa yokubaluleka kwalezi zinto ezazivunjululwa lapha, ngo-2000 i-UNESCO yathi le ndawo eseduze nale migede yindawo eyifa lamagugu.



TEACHER: Sign

Date



Xoxa ngale mibuzo nomngani wakho, bese ubhala izimpendulo ezikhalieni ozinikiwe.

Yin indawo eyifa lamagugu?

Yini ibaluleke kangaka kithina baseNingizimu Afrika indawo  
**eyiSizinda Sokudabuka Kwesintu?**



Ufunde futhi umbhalo ephephandaben ngoMathew Berger nombiko oku-inthanethi ngendawo eyiSizinda Sokudabuka Kwesintu bese wenza iphosta ukhangisa **iSizinda Sokudabuka Kwesintu**.

Dweba iphosta. Iphosta yakho kumele yenze abantu balangazelele ukuya eSizinden Sokudabuka Kwesintu.



Usuku:

## Okunye ngolimi



Masikhulume



Xoxa nomngani wakho ngalezi zandiso ezibhekise ekuthini into yenzeka kaningi kangakanani. Yenza imisho ukukhombisa kahle okushiwyo yisandiso. Ngemva kwalokho bhala imisho yakho ethebhuleni elingeza.

kancane kakhulu

0

2

4

kaningi

6

njalo

10

(akukaze) nanini

ngesinye isikhathi

njalo

Kangaki	Engikwenzayo
njalo (nje)	
ngokuvamile	
kaningi	
ngesinye isikhathi	
(angikaze) nanini	
kancane kakhulu	



Masibhale

Bhala imisho uchaze okwenzayo ngezandiso ezisho ukuthi kwenziwa kaningi kangakanani.

Ekuseni njalo nje ngi-

Lapho sekuntambama ngi-

Ngezimpelasonto njalo ngi-

Ebusuku njalo ngi-

Ngamaholidi esikole njalo nje ngi-

Ngosuku lwami lokuzalwa ngokuvamile ngi-

NgeMigqibelo ebusuku kaningi ngi-

Ebusika angikaze nanini ngi-

### Okumiqondo mibili

Umusho ngamunye kule emibili ungaba nezincazelo ezimbili. Sebenza nomngani wakho nthole ukuthi unazinczelozini. Dweba isithombe ukukhombisa imiqondo emibili emshweni ngamunye.

Ngimbone ngamehlo ukuthi uyagula.

Ungathanda ukulinganisa le ngubo evele efasiteleni?

TEACHER: Sign

Date



Klebhula ikhasi elibhekene naleli, uligoqe ukwenza ibhrosha yekhadi elingu-Z. Yenza ibhrosha ukukhangisa iSizinda Sokudabuka Kwesintu.

Kumele ufunde ikhasi lewebhu ukuthola ulwazi. Ikhasi elingaphambili izokhombisa ukuthi iphi le ndawo, uthole nesiqubulo sakhona. Ekhasinini ngalinye kulana amanye dweba isithombe bese ubhala uchaze lokho abazokubona. Khumbula ukufaka.

- ikheli lale ndawo,
- imali yokungena,
- nokuthi kuvulwa nini.

Dweba ikhava yangaphambili.

1

Bhala ulwazi oludingekayo.

2

Bhala ulwazi oludingekayo.

3

Bhala ulwazi oludingekayo.

4

Bhala ulwazi oludingekayo.


5

Nikeza imininingwane yokuxhumana nawe nekheli.

6


1

|KHASI LANGAPHAMBIL|: goqela phambili




6

|KHASI LANGEMUVA: ulwazi olvejwayelekile,  
nijengenombolo yocingo, ikheli ne-imeyili.



5



2



3



4



# Indikimba 8: Abantu, izindawo nobunkondlo

Ithemu 4: Amasonto 5 - 8

## Amasonto 5 - 6: Umgudu wendaba

- 113** Inunu emtasheni wezincwadi **102**

Ufundu itekisi eliyindaba.  
Uxoxa ngemibuzo esuselwa etekisini.

- 114** Ngubani odla izincwadi zethu? **104**

Ufundu itekisi lendaba.  
Uxoxa ngeziphetho ezaahlukene zendaba.  
Wenza okusamlalo ngesiphetho sendaba, awethule.  
Ubhala okuyisona siphetho sendaba esizedlula zonke.

- 115** Isonto Lezincwadi **106**

Uphendula imibuzo esuselwa etekisini leSonto Lezincwadi.  
Ubhala kudayari echaza indaba.  
Ubhala imisho ngezenzo eziphikayo.

- 116** Bhala indaba yakho **108**

Usebenzisa ibalazwe lemibono ukulungiselela ukubhala into azogxila kuyo kubalingiswa, isakhiwo, isizinda nezigameko.

- 117** Izingane ziya ekhempini **110**

Ufundu itekisi elioxha indaba.  
Ukhomba omqondofana kuleli tekisi.

- 118** Izimanga zasendle **112**

Uphendula imibuzo esuselwa endaben eseshithini lokusebenzela esesedlule kulo.  
Uqondanisa imisho ukuze kuvele imbangela yokuthile nomphumela.  
Ux huma imisho ngokusebenzisa izihlanganiso.  
Ubhala ipharagrafu echazayo ngokwenzeka kuye esehlanzeni.

- 119** Ukuba yimpumputhe akungivimbanga **114**

Ufundu ibhayografi.  
Ulandelanisa izehlakalo ezitholakala kubhayografi.  
Ubhala igama lakhe ngebhrayili esebeenzisa ishadi le-alfabhethi yebhrayili.

- 120** Ukubheka ulimi **116**

Uqondanisa izenzo nezithombe ezifanele.  
Ukhomba izenzo, nezandiso nokunye okungabuzwa emishweni.  
Uxoxa ngemiqondo embili etholakala emagamini afanayo.

## Amasonto 7 - 8: Izinkondlo zeingane

- 121** UNonkavithi ikati elinokusamfiho **118**

Ufundu inkondlo.  
Uyayidlala inkondlo.  
Ubheka amagama esichazamazwini abhale incazel yawo.

- 122** Sicabanga ngekati elinokusamfiho **120**

Ufundu inkondlo aphumisele kuzwakale.  
Uchaza ikati.  
Uphendula imibuzo esuselwa enkondlwani.  
Ubhala inkondlo yakhe ngesilwane esihlakaniphile.

- 123** UNanana neNdlovu **122**

Ufundu inkondlo.  
Uphendula imibuzo esuselwa enkondlwani.  
Wenza okusamlalo ngenkondlo.

- 124** Amalimerikhi **124**

Ufundu amalimerikhi.  
Uphendula imibuzo esuselwa kumalimerikhi.  
Ubhala amalimerikhi akhe.

- 125** UkuZithokozisa ngezinkondlo **126**

Ufundu inkondlo.  
Uphendula imibuzo ngenkondlo.

- 126** NguNcibijane **128**

Ufundu inkondlo.  
Uphendula imibuzo esuselwa enkondlwani.  
Uchaza izinto azifunda waphumelela kuzo kulo nyaka.  
Uchaza afuna ukukwenza ngonyaka ozayo.



# Inunu emtasheni wezincwadi



## Masifunde

"Kuza iSonto Lezincwadi masinyane!" kusho uNkk Maharaj. UTumi nabo bonke eklasini bahlala baqonda, bejabule. ISonto Lezincwadi lalisho ukuthi kuzoba nemincintswano kubuye kuphunywe kuyiwe emtasheni wezincwadi edolobheni, kutholakale nezindaba eziningi.

"Nonyaka indikimba yeSonto Lezincwadi iphathele nemvelo endle," kusho uNkk Maharaj. "Abanye benu bazodweba amaphosta babbale izindaba ngezilwane **ezisengozini yokushabalala** nezingase **zishabalale**.

Niyakhumbula ukuthi sake sakulumha ngalezo zilwane ngesonto eledlule." Wakhomba ezinye zezithombe ezilenga odongeni.

"Ezinye izilwane zisengozini yokushabalala ngoba abantu bazingeleta uboya bazo," kusho uTumi owayehlale azi konke. "Ngesinye isikhathi zize zishabalale ngoba zingakutholi okufanele ezingakudla."

"Uqinisile, Tumi," kusho uNkk Maharaj. "Ngakho-ke, bantwana," esequehubeka, "qalani ukucabanga ngamaphosta enu nezindaba ngalezi zilwane."

Abanye eklasini badweba amaphanda namabhele. Abanye badweba obhejane nezingulule, abanye badweba amadodo namakwahahhashi (quagga). Kodwa abanigi - noTumi imbal – babbala ngedayinaso. Hhayi noma yiyphe nje, kodwa eyohlobo oluthile nje. Babbala ngokuthiwa yi-igwanodoni abasebeke bafunda ngayo ngesonto elandulela lelo.

UTumi wayesikhumbula kahle isithombe saleso silwane. Sasinemilenze emibili emifushane yangaphambili, kanye nomsila omfushane owugginsi. Ezinyaweni kwakukhona izinzwani eziyishlanu **eziyizinqnjana**. Sasineminwe emihlanu esandleni ngasinye, nesithupha esicijile esisaluphondo. I-igwanodoni yayidla utshani – noma yini nje emilayo.



Zonke izikole kulo mphakathi zazibamba iqhaza kokwakwenziwa ngeSonto Lezincwadi Lomtapo Wezincwadi. Emasontweni ambalwa edlule, izingane zazimatatasasa zidweba, zipenda amaphosta ayezothunyelwa emtasheni wezincwadi.

### Ngaphambi kokuba ufunde

- Bheka izithombe nesihloko (noma izihloko) bese uzama ukufunisela ukuthi itekisi lingani.
- Yedliusa amehlo ekhasini ubone ukuthi uzofunda ngani.

### Ngenkathni ufunde

- Qhathanisa obukubikezelala nalokho okufundile.
- Uma ingxene oyifundayo ungayizwa kahle, ifunde kancane futhi. Ifunde kakhulu kuzwakale.



Lapho sekufika usuku lokuba amaphosta nezindaba kubukiswe emtatsheni wezincwadi, abeklasi likaTumi bangena ebasini bahamba, Kwakuwusuku lwasebusika olubandayo, nomoya uvunguza ngamandla.

Lapho izingane sezifika, into yokuqala ezayenza kwaba ukufuna amaphosta azo.

"Nansi eyami!" kusho uTumi. Yayikhombisa idayinaso emamathekayo, kulenga imbalu emlonyeni wayo, ukukhombisa ukuthi kwakuyidayinaso edla utshani.

"Nansi indaba yami ngebhele lasepholi!" kusho u-Anna.

"Kanti nakhu engikubhale ngobhejane!" kusho uThami ngokuhosha.

Lapho sezifike zonke izingane, uNkk Motha osebenza emtatsheni wezincwadi, wathi, "Kukhona okuzonimangaza enginiphathole khona."

Izingane zase zihlala phansi zimangele nje ukuthi leso simanga kuzoba yini.

Wase uvuleka umnyango, langena lishesha ibhele lasepholi ligqoke intolibhantshi enhle eyenziwe ngeziziba zendwangu, lilandelwa yibhubesi nephanda. "Kuphila ngempela!" kumemeza enye yezingane.

"Chabo bo," kusho enye.

"Kugqokisiwe nje. Ngabantu abagqokisiwe."

Ibhele lasepholi lathi ukudansa ligijima liya ngapha nangapha. Lase lijikeleza lihambe lixhawula zonke izingane.



### Masikhulume

- ❖ Ngabe ninalo yini iSonto Lezincwadi esikoleni sakini noma edolobheni? Kuba yinto enjani?
- ❖ UTumi unikeza izizathu ezimbili zokushabalala kwezilwane. Yiziphi?
- ❖ Ngabe amadodo kanye namakwahahhashi sekwashabalala noma kusengozini yokushabalala? Uyazi ukuthi zibukeka kanjani lezi zilwane?
- ❖ UTumi yini ayithanda ngeSonto Lezincwadi?
- ❖ Yini igama ledayinaso ezabe zazi ngayo izingane?
- ❖ Ngabe ibhubesi lisengozini yokushabalala? Usho ngani?
- ❖ Asho ukuthini amagama abhalwe ngokugqamile? Xoxa ngalokhu nomngani wakho.



# Ngubani odla izincwadi zethu?



## Masifunde

UNkk Motha wayelungisela ukufunda indaba nje lapho sekuvuleka umnyango, sekungena okunye futhi, kunya kazisa ikhanda elinamazekece, kuli yisa ngapha nangapha.

"Kwakuhle-ke lokhu!" kusho omunye wothisha.

"Yiyona kostshumu ewedlula wonke le!"

"Hawu ake nibheke!" kusho izingane. "Yi-igwanodon!"

"Cha!" kusho uNkk Motha. "Yidayinaso!" Wayemangele kancane ngoba wayengasakhumbuli ecela ukuba alethelwe ikhostshumu yedayinaso.

Idayinaso yagxumela ezinganeni sengathi kukhona emfunayo. Yase ibona uTumi laphaya emuva. Yagxumela kuye yamxhawula. "Halo!" kusho uTumi.

Zonke izingane zaya koxhawula idayinaso, nayo yazungeza ilokhu ibakhiphele isidladla sayo esinamazekece. Idayinaso yase ihlala eduze kukaTumi. Yazamula yase ibeka ikhanda layo phezu kwezidlada zayo, isilala. UTumi wazama ukutshela uNkk Motha ngedayinaso, kodwa yena wayefuna ukuba uTumi ake ame uthisha aze aqede ukufunda indaba yebhele lepholi.

UTumi akasakwazanga ukulalela indaba ngoba kwasuke kwezwakala umsindo oxakile ovela kwesinye isilwane esiseduze kwakhe. Idayinaso yabe ihonqa. Umsindo walokho walokhu ukhula. Bonke baphenduka ukubheka ukuthi kwenzanjeni.

"Ningamnaki," kusho uNkk Motha.

Yaphela-ke indaba kodwa idayinaso yalokhu ilele. Zonke izingane zasukuma zaqala ukubheka izincwadi. UNkk Motha wayekhombisa ezinye izingane incwadi ekhulumana negezinyoni lapho eseza izwi ngemva kwakhe. Kwakunguthishomkhulu.

"Uxolo," kusho yena. "Bengifisa ukusheshe ngifike. Ngabe konke kuhambe kahle? Ngiyabona ukuthi amakhostshumu afikile."

"Kodwa-ke," kusho uNkk Motha ebukeka edidekile, "uma kungewena ofake ikhostshumu, ngubani kanti?"



I-igwanodon yayiphila  
eminyakene ecishe ibe  
yizigidi eziyi-130 eyedlule, idla  
utshani, isinda okucishe kube  
ngamakhilogramu ayizi-2 000,  
uma imi ibe ngamamitha  
ama-3 lapha ezinqulwini,  
iphakame ibe ngamamitha  
ayi-6 kuya kwayi-10. Igama  
layo leli ilithola ngokuba ibe  
namazinyo afana nakaxamu.






"Ngizamile kodwa ukukutshela," kusho uTumi. "Bengazi ukuthi bekungeyena umuntu ogqokiswe."

"Ehhene!" kusho omunye ekhomba egxenyeni yamashalofu ezincwadi. Idayinaso yayidla incwadi esihloko sithi *Great Oceans and Rivers of the World*.

uTumi wazama ukuchaza. "Yi-igwanodon," esho etshela uNkk Motha. "Lezi zilwane zidla izitshalo, vele-ke iphepha livela okhunini, kanti ukhuni luvela emthini kanti umuthi uyisitshalo. Yikho lesi silwane sidla iphepha nje."

Izingane zayibheka idayinaso isidla isahluko sesithupha sencwadi ekhulumu ngezilwandle. "Wo, Nkosi yami," kusho uNkk Motha, "akulungile neze lokhu." Idayinaso yabona inqwaba yezincwadi ezintsha zezindaba. Amakhava anemibala eqqamile ayelukhuni ecwebezela. "Hlephu!" isidla idayinaso. "Hlephu!" Incwadi yokuqala yezindaba yanyamalala phakathi kwemihlathi emikhulu.

Bonke bazama  
ukucabanga indlela  
yokususa idayinaso.



Akekho ofuna ukuba idayinaso idle umtapo wezincwadi. Pho zazingenzani izingane ukususa idayinaso emtatsheni wezincwadi? Xoxani ngalokhu bese nenzela iklasi umdlalo ngenikucabangayo.



Manje senibone imidlalo embalwa lapho kukhona abalingiswa, nqumani ukuthi yimuphi ophuma phambili, nisibhale phansi isisombululo. Manje-ke seninaso isiphetho sendaba ethi *Inunu emtatsheni wezincwadi*.





Masibhale

Ake ubheke kule ndaba futhi. Phendula le mibuzo.



Yiziphi izinto ebezhlelelwé Isonto Lezincwadi?




Masenze

Ibukeka kanjani i-igwanodoní? Funda ukuchazwa kwayo bese uyidweba.



Masibhale

Bhala iqoqa lendaba njengento ozoyifaka kudarayi usho ukuthi kwenzekeni emtatsheni wezincwadi namhlanje. Bhala njengomuntu “wokuqala” okhulumayo, usebenzise u-“ngi-” kodwa kube senkathi eyedlule.



**Dayari othandekayo**

Namhlanje inunu ifike emtatsheni wezincwadi

yaqala ukudla izincwadi.

Usuku:



Khuluma nomngani wakho ngethebhula, ulisebenzise ukuzejwayeza ukwenza imisho esho **ukuphika** kusetshenziswa isakhi **a**, kulandele isivumelwano sesigaba, isenzo sigcine ngo-**i**.

Mina	a-	ngithanda ibhola.
Wena		ngiwela umgwaqo.
Thina		ngidla manje.
Bona		ngidlala ithenisi.
Lona		lifuna ukuhamba.
UDudu		likhotta uswidi.
Khona		lizwakala kahle.
Zona		lisinda kakhulu.
Iqhwa		lifika ngakithi.



Manje bhala ukuphika enkathini edlule.

Lona a-lifuna. Lona alifunanga.

UDudu \_\_\_\_\_ kotha.

Khona \_\_\_\_\_ zwakala.

Zona \_\_\_\_\_ sinda.



Manje-ke sebenzisa ithebhula nezibonelo ozakhela zona zisho ukuphika enkathini edlule. Sikunikile isibonelo sokuqala.

Ujabulani akavumanga ukuhamba nathi.

Ukubheka  
ukuphika  
enkathini edllule

Uma sikhombisa  
ukuphika enkathini  
edlule sisebenzisa  
isijobelelo: -anga.



TEACHER: Sign

Date

107



Lungiselela ukubhala indaba noma inganekwane. Qala ngokugcwalisa imibono onayo ebalazweni lemibono. Emva kwalokho zebenzisa ibalazwe lemibono ekubhaleni indaba yakho ekhasini elilandelayo.

Ngobani abalingiswa?

---



---



---



---

Yini isakhiwo?

---




---



---



---



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo ● Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni ● Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha ● Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



Yini isihloko sendaba yakho?

---



---



---

Yini isizinda sayo?

---



---



---

Yini eyenzeka ngasekuqaleni?

---



---



---



---

Yini elandelayo?

---



---



---



---

Igcina kanjani?

---



---




---



---

Usuku:



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Izingane ziya ekhempini



- ❖ Yini umahluko omkhulu phakathi kwesilwane esincelisayo nesihuquzelayo?
- ❖ Zingaki izilwane ezihuquzelayo ongazisho?
- ❖ Ake uxoxele iklasi ukuthi wake watholana (wabhekana) kanjani nesilwane esihuquzelayo.



UVusi ungemvana njekomngani wakhe uMike ovula uziphu wethende. UVusi wethuka agxume lapho umngani wakhe esekhala ngokwethusayo, aze ayowela kuBongi ongemva kwakhe.

"Yi-i-nyoka!" kusho uMike ehlehlela kuVusi.

Uyise kaVusi, uMnu Mosoma, uza esejijima esuka emlilweni osenkanjini. "Uneqiniso kangakanani ukuthi yinyoka?" ebuza engafuni kubonakale ukumonyozela kwakhe ngenkathi ebuka izingane ezintathu eziqhaqhazelayo.

"Ulimi lwaso lulokhu luthi nyali-nyali emlonyeni, Baba, futhi sibukeka njengentulo enkulu!" esho ephelelwa ngumoya uVusi.

"Ake nilinde lapha nonke kengiyothatha ithoshi kujipha. Mhlawumbe njalo akuyona inyoka."

UBongi uthinta ihlombe likaMike. "Kungenzeka kanjani kungabi yinyoka? Sikhona esinye islwane esinolimi olude lumphuma lungena emlonyeni waso?" kubuza yena.

UBongi noVusi banikina amakhanda. Abakwazi ukuchaza.

UMnu Mosoma ubuye esepethe ithoshi ngesandla nefosholo ngesinye. Ubizela uVusi ngakuye.

"Yini libanjwe yimi, Baba?" kubuza uVusi ngezwi elincane.

"Ungakhathazeki; ngizongena kuqala ngiyobheka lesi silwane esihuquzelayo."

UMnu Mosoma usephakamisa umnyango wethende ngesandla esinye, akhanyise ngethoshi ethendeni. Izingane zontathu zithi ukusondela, zisazama ukushiya isikhala esiphephile phakathi kwazo nethende.



"Yebo, yilokhu ebengikucabanga," kuvungazela uMnu Mosoma. "Wuxamu. Kodwa ufile kanjani lapha? Bengithi nginitshelile ukuba nibophele imaphansi lethende emacaleni alo."

UVusi ubheka amateki akhe, laba abanye ababili bayabhekana baqhikize amahlombe. Babephuthuma ekuseni, njengasemihleni. UVusi wanquma ukuba kukhulunywe ngokunye. "Ngolunjani lolu hlolo lukaxamu, Baba? Luyaluma noma lukhwife?"

UBongi uthathekile ngokubukeka kwentulo enkulu. Uma ikhanyiswa ngethoshi ayaggama amabhulokhi amhlophe enza iphethini elicwebezelayo emhlane omnyama onamazekece. Inamaziphlo amnyama amade ezidladleni ezine ezishwabeneyo. Wethuka agxume lapho isilwane sesikhisila ngelikhulu.

"Qaphelani phela zingane, ngumsebenzi onengozi lo. Uma sikulumma lesi silwane, kuzodingeka umgxala ukwehlukanisa leyo mihlathi," kusho uMnu Mosoma.

"Kuyethusa lokhu!" kuvungama uMike esuka kule ndawo ekhanyisiwe.



Funda indaba futhi uthole omqondofana bala mazwi endaben. (Khumbula: omqondofana ngamazwi ehlukene kodwa ashokufanayo.)

thuthumela	
mamatheka	
finyelela	
phimisa	
khulumela phansi	

# Izimanga zasendle



Funda indaba ngoxamu futhi bese uxoxa nomngani wakho ngezimpendulo zale mibuzo. Emva kwalokho gcwalisa izimpendlulo ezikhali ezingezansi.

Zilandelana kanjani izingane lapho ziya ethendeni?

Eyokuqala

Eyesibili

Eyesithathu

Ucabanga ukuthi uVusi akaze awubone uxamu phambilini? Usho ngani?

Yini eyenza uVusi noBongi bagxumele kuBongi?

Ngabe uMnu Mosoma uyazesaba izilwane ezihuquzelayo? Usho ngani?

Sazi kanjani ukuthi izingane ziyazesaba izilwane ezihuquzelayo?

Ungene kanjani uxamu ethendeni?



Sivamile ukukhuluma ngembangela nomphumela. Sikubeka kahle lokhu ngokusebenzisa amagama anjengokuthi **ngoba** noma **ngakho**. Qondanisa amagama kukholomu esatshani kwesokunxele nokushiwo kwesasibhakabhaka kwesokudla.

Uxamu wangena ethendeni.

Uxamu wezwa esevinjezelwe yizingane.

UMnu Mosoma waya kujiphu.

UMike wagxuma kakhulu wabuyela emuva.

UVusi akaze awubone uxamu.

Wayefuna ukulanda ithoshi.

Washayisana noVusi.

Ucabanga ukuthi iubhekene nenyoka.

Izingane zazingabophanga kwaqina phansi ethendeni.

Wenza umsindo wanyaliza ulimi.

Manje sebenzisa amagama **ngoba** noma **ngakho** ukux huma imisho, bese ubhala umusho omusha ekhasini elilandelayo.

Usuku:




Bhala amapharagrafu amabili ngesikhathi osichithe enkanjini ehlazeni. (Uma ungakaze ukwenze lokhu, chaza ukuthi ucabanga ukuthi kunjani.) Sebenzisa la magama azokusiza. Chaza ukuthi wazizwa unjani, kwakunuka kanjani, wezwani, bezwakala kanjani utshani nemithi uma ukuthinta.

### Ukuhambela kwami ehlazeni

ithende ibhakede amanzi izinkuni umlilo ibhodwe elimasondo-mathathu  
omiyane umuthi impala thambile isilwane esihaqazelayo impisi ngedwa  
ngesaba inyendle kumahhadlahhadla imigwaqo eyibhuqu isiqiwana  
sezinyamazane ipulazi okunameva ithaya okusha izinyoni zitshiloza



TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

# Ukuba yimpumputhe akungivimbanga



Lake lakuphelela ithemba kwathi vele uyeke? Wezwa ukuthi kulukhuni kakhulu? Unazo yini izinkinga ezisusa umqondo wakho emsebenzini wesikole?



Masifunde

Funda ngengane engazange ilahle ithemba.

Igama lami ngingu-Obert Maguvhe. Ngazalwa ngo-1967 emzini wasemakhaya eVenda esifundazweni saseLimpopo. Lapho sengineminyaka eyisithupha ngaba nesimungumungwane, isifo esejwayelekile ezinganeni. Ngaba neshwa – kwaba nezingxaki ngase ngiba yimpumputhe. Ngaphelelwa yithemba, ngayinto engenamandla, elahlekile nje. Ngangizoqhubeka kanjani nje nempilo?

Ngayofunda esikoleni sabangaboni eBosele no-1973, lapho engafunda khona iBhrayili. Ngalisebenzisa ngokugcwela ithuba lemfundo ephambili eyayitholakala lapho. Ngangazi ukuthi kufanele ngithole umatikuletsheni omuhle. Izingane zike zingazi ukuthi kubaluleke kanjani ukusebenza ngokuzikhandla, bese zizisola kamuva empilweni yazo.



Ngemva kokufunda lapho ngo-1987, ngayofunda eNyuvesi yaseNyakatho, kwathi ngo-1991. Ngaqala ukufundela iziqu zangemva kwezokuqala eNyuvesi yaseWitwatersrand eGoli. Ngangifuna ukufundela ukuba ngummeli. Ngase ngazi abameli abaningi abangaboni. Kodwa ugogo wathi kumele ngibe nguthisha. Wayeqinisile – yiyona nto engangiyithanda nami.

Ngo-1997 ngathola umfundaze wakwaFullbright. Lokhu kwase kusho ukuthi ngingaya eMelika ngiyofundela iziqu zika-MA eBoston College. Ngajabula kabi! Mina lo, u-Obert Maguvhe ngangizohamba ngendiza ngije endaweni ekude nasemzini wasemakhaya eVenda! Ngase ngizothi cababa eMelika! Ngangingayicabangi nakuyicabanga le nto. Kodwa ngaze ngayigibela leyo ndiza, ngaluthatha uhambo. Ngangihlala ngedwa eMelika, ngenza uhlelo lweminyaka emibili ngezinyanga eziyishumi nambili nje. Osolwazi ababengifundisa babecabanga ukuthi ngingumfundi owehlukile kwabanye ngoba ngabuyela ekhaya masinyane kusasele unyaka kulokho sonke esasikulindele.

Emva kweminyaka eyiskhombisa ngibuye eMelika ngaqeda iziqu zobudokotela eNyuvesi yasePretoria. Konke kungenzeka uma ukholelwa kulokho oyikho, futhi uzimisele ukusebenza kanzima. Akukho okungakuvimba. Into eyangisiza ukuthi ngikholelwemandleni enginawo ukuthi ubaba wayehlale elindele ukuba ngenze yonke imisebenzi eyenziwa yizingane ezingenakukhubazeka, njengokwelusa izinkomo nezimbuzi kanye nokuhlakula emasimini. Isimanga esikhulu ukuthi umngani wami omkhulu emakhaya kwakungumfana ongezwa. Noma sasingasebenzisi lona ulimi Iwezimpawu ekuxhumaneni, sasizwana, futhi sasidlala ndawonye njengazo zonke izingane.

Sasibumba izilwane nezinyoni ngebumba, sibhukuda, sisenga izimbuzi, sikhwela nasemithini. Ngikho-ke noma ngangingaboni, umngani wami yena engezwa, kwakungeze kwangifikela mina ukuthi lokhu kwakusenza sibe ngabantu abangaphelele kahle njengabanye.

Ngo-2008 ngaqashwa nguMnyango Wemfundu Eyisisekelo ukuba ngumqondisi womkhankaso wokugquqquzelu ukufunda nokubhala obizwa ngele-KhaRiGude. Lo mkhankaso uhlose ukufundisa ukufunda nokubhala kubantu abadala abayizigidi ezi-3.5, kanti olwami uphiko lubhekene nokufundisa abadala abangaboni ukuba bakwazi ukufunda ibhrayili. Asikwazi ukusebenzisa amehlo ethu ukufunda, ngakho-ke sisebenzisa iminwe yethu.

Kwaba mnandi kakhulu ngo-2013 lapho senginikwa isikhundla sokuba nguSolwazi, i-Associate Professor, eNyuvesi yaseNingizimu Afrika. Kulo msebenzi wami omusha kumele ngiqeqeshe otisha ukufundisa izingane ezinokukhubazeka. Kunmandi kakhulu ukuba sesikhundleni sokwazi ukusiza abanye.

Umyalezo wami kwabasha ukuba bafunde ngamandla onke ngenkathi beseseskoleni. Akumele ukuba izikhathi ezinzima nokudabuka kukudangalise. Sonke kumele sibe namaphupho, kanti ukuwabona ephumelela kweyeme ekusebenzeni ngokuzikhandla.

Usuku:




Gwalisa lokho okwenzeka empilweni kaDkt Obert Maguvhe kule minyaka. Buyela emuva ufunde indaba yempilo yakhe futhi uma ungasayikhumbuli yonke imidati. Ungase uyibale nje iminyaka uma ungayinikiwe endaben.

Unyaka	Okwenzeka
1973	
1987	
1991	
1997	
2004	
2008	
2013	

Uthini umyalezo wekhethelo u-Obert awedlulisela kubo bonke abasha?

I-othobhayografi yindaba umuntu ayibhala ngempilo yakhe uqobo. Ibhayografi yindaba yomuntu ebhalwe ngomunye oseceleni. Le othobhayografi niyibhalelwe ngu-Obert.



Yini iBhrayili?

iBhrayili yindlela esetshenziswa ngabantu abangaboni ukufunda nokubhala besebenzisa iminwe yabo. Lolo nalolo hlamvu lwe-alfabhethi lumelwe yiphethini lamachashazi aqumbile abakwazi ukuwezwa ngezihloko zeminwe bawahumushe. Leli thebhula elingezansi likhombisa ukuthi ibukeka kanjani i-alfabhethi yeBhrayili.



•	• :	• •	• ;	• .	• ;	• ;	• ;	• .
A	B	C	D	E	F	G	H	I
• :	•	• :	• •	• ;	• .	• ;	• ;	• .
J	K	L	M	N	O	P	Q	R
• ;	• ;	• .	• ;	• ;	• ;	• ;	• ;	• ;
S	T	U	V	W	X	Y	Z	

Bhala igama lakho ngeBhrayili. Faka izinhlamvu zegama lakho emgqeni ongezansi bese ukopishela emgqeni ongaphezulu amachashaza ohlamvu ngalunye.


TEACHER: Sign \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

## Izenzo



Qondanisa izenzo nezithombe ezifanele. Gcwalisa inamba yesithombe eduze nesenzo esifanele. Ungasisebenzisi isenzo ngaphezu kokukodwa.

- pheka
- yenza
- phuza
- shayela
- yidla
- hamba
- yiba na-
- thanda
- lalela
- philia
- dlala
- funda
- khuluma
- bhaka
- bheka
- gqoka
- gibela
- cisha

<b>1</b> ifulethi	<b>2</b> ibhayisikili	<b>3</b> isilwane esingumngani
<b>4</b> ikhekhe	<b>5</b> isiJalimane Mein Name ist Heidi	<b>6</b> i-VW
<b>7</b> iphephandaba	<b>8</b> umsakazo	<b>9</b> amamuvi
<b>10</b> umabonakude	<b>11</b> amakhandlela	<b>12</b> ithenisi
<b>13</b> isameshi	<b>14</b> ikhofi	<b>15</b> ukudla okungenampilo
<b>16</b> idina	<b>17</b> umsebenzi wasekhaya	<b>18</b> izibuko

Usuku:

## Amabinzana ezenzo

Amabinzana ezenzo yizenzo  
ezihambisana namanye amazwi  
okuvame ukuba yizingasenso.

Dwebela izenzo kule misho bese ukokelezela  
amagama "asiza" izenzo.

U-Anne ubekade elinde uJabu.

Udokotela uqale akuhlole bese ekujova.

Uma bejabule bavele bacule.

Lezi zingane kuze kufike unina zisebenza.

Uthi ehamba abe equalaza.

Uwe ebhayisikilini wacishe walimala.

Phela kufanele umtshele ukuthi usufikile.

## Ibinzana lebizo

Ibinzana lebizo yiyoqwana lamagama  
emshweni elisebenzisana nebizo.

UJabulani waya edolobheni. (Igama  
"uJabulani" yibizo.)

UJabulani omkhulu waya edolobheni.  
("UJabulani omkhulu" yibinzana lebizo.)

Dwebela amabinzana ebizo kule misho.

Udadewethu omncane uneminyaka  
eyisithupha.

Umfana ongelamayo wayenomcimbi.

Indlu enkulu iyasha.

Umama omdala walungisa indlu.

Izimbali ezinhle zabuniswa yilanga.

Ibhayisikili lami elidala balebile.

Intaba ephakeme imbozwe ngamafu.

## Asithokozele omabizwafane

Fundani laba omabizwafane bese nioxxa ngemiqondo emibiil abanayo.

## UZinhle wakwaGumede unebala elihle.

Ngibona ukuthi yimbiza ezomsiza.

Nglzoya kuye ngoba  
unesifuba njengamil

UMA INGEKHO INHLOKO  
NGEKE SIYE LAPHO.

Emva  
kokubeletha  
umntwana  
waya  
emsebenzini.

Uphawu  
esangweni lepulazini  
lezingulube.

Ngena  
ufike ubuse  
nezingulube



Isingathekiso

Isingathekiso siqathanisa izinto ezimbili  
ngokuthi enye, ingenye. Asikusebenzisi  
okufana nokuthi: njenga- noma nganga-.

Isibonelo: Unenhliziyo yegolide.

Lapha sithola amagama  
okuphindwa kuwo  
unkamisa othile.

Vfanankamisa

Isibonelo: Hamba mfana kababa.



TEACHER: Sign

Date

# UNonkavithi ikati elinokusamfihlo



## Masifunde

Funda inkondlo ethi *UNonkavithi ikati elinokusamfihlo*.  
Zilingise izindlela eziyisimanga zaleli kati.

- Kokelezela amagama anemvumelwano enkondlwani.
- Thola amagama abhalwe ngokunohlonze etekisini. Bhala izincazelo zawo ebhokisini eliseduze kwenkondlo.



## UNonkavithi, ikati lezimanga

UNonkavithi yinqaba yekati, ubizwa  
ngomaziph' angabonabonakali – Yinkosi yezigilamkhuba  
Ingalo yomthetho iyinde nje  
Kuye imfushane wumsila wembila,  
Bangayibiza ngeMPD neKMPD  
Kodwa uma betheleka enkundleni  
Itshe lom' inhlama ngoNonkavithi.

Nonkavithi, Nonkavithi, akek' ofana nawe,  
Wephule yonke imithetho nemitheshwana yomuntu,  
Wephule nowemvelo wokudonswa wumhlaba,  
Ikhono lakho lokuntanta likhexisa imilomo, Kuthi noma betheleka emabaleni alapho  
**ugcweleze** khona - *Itshe lom' inhlama ngoNonkavithi*.  
Ungamthungatha emakhosombeni nasemakhoneni,  
umfune nasemoyeni, thula ngikutshele,  
*Itshe lom' inhlama ngoNonkavithi*.

Nonkavithi, kati lamakhambi, umude **ungumndondoshiya**;  
Ubonakala ungavele, uwakala unqakhulumanga, amehlo akho asithele.  
Ishiya lilinye liphuphuma imiqond' ejulile,  
Ikhanda yimbumbulu yembulunga,  
Usikhumba silele uthuli,





Umadevu afana nekamu lezinwele zamakhosikazi,  
Uthwala ikhanda **utshikize**, ugobagobe,  
Ufuz'inyok' umanyamalala kubhekiwe,  
Kuthi sonke sesithe ulele obenyonzi,  
Sithole ukuthi uphapheme okwenhlanzi.

Nonkavithi, Nonkavithi, akek' ofana nawe,  
**Uwugojogojo** lothi ungathi udonsel' imisakazo,  
Sihlangana nawe ezitaladin' ezindala,  
Sikubon' emapak' edolobheni, Kuyothi uma kuvela ubugebengu,  
Itshe lom' inhlama ngoNonkavithi.

Uhlonishwa yizwe lonke, (Bath' uqola ngephepha kuphela.)

Iminwe yakho ayikho kodw' emaphepheni,  
Nasemabhukwin' amakhulu, Kulahlek' inyama nobisi,  
Kuduk' impande yesono nezikhwama,  
Kufunwa lokhu ngapha, Kufunwa lokhuya ngale,  
Kuphenywa kuphakanyiswa,  
Kuphathaphathwa, Kodwa nakhu okukodwa ngawe,  
Itshe lom' inhlama ngoNonkavithi.

Nonkavithi, Nonkavithi, akek' ofana nawe,  
alikho ikati elake laba khona **elinguphunyukabemphethe**  
okukaNonkavithi wamavithivithi, Konke onakho yinsada,  
Kungaphezu kotshani bungaka, Okwenzayo sewukwenzile,  
AKEKHO OBONA KUNGUWE!

Bathi wonke Amakati  
Aziphethe **budlakadlaka** njengawe  
Aziwa enhla nasezansi, (Ngibala oNyawu ikati elidala,  
Ngibala oSusumsila **imbodla** yakwabo,  
Ngibala oBoyabekati abaziwayo) Bebeyini kuNonkavithi  
Inkunzimalanga yezinkunzi,  
Nabasemalandweni wobuqili kabafiki kuye.  
Nonkavithi, Nonkavithi, akek' ofana nawe,  
Uwugojogojo lothi ungathi udonsel' imisakazo,  
Sihlangana nawe ezitaladin' ezindala,  
Sikubon' emapak' edolobheni, Kuyothi uma kuvela ubugebengu,  
Itshe lom' inhlama ngoNonkavithi.  
Nonkavithi, Nonkavithi, Nonkavithi –  
Noma **betheleka** enkundleni yobugebengu  
UNonkavith' akabonwa!  
Sicabanga ngekati elinokusamfihlo.

Ngu-TS Elliot (kunokwengeziwe)



# Sicabanga ngekati elinokusamfihlo




Masifunde

Funda le nkondlo kakhulu bese ukhuluma ngendlela elichazwe ngayo. Yikuphi kulokhu okuyimifanekisomqondo okuchaza kahle uNonkavithi?



Masibhale

Yimiphi imisho enkondlwani eveza ukuthi uNonkavithi ubukeka kanjani?



Yini, encazelweni eyethulwe ngoNonkavithi, eveza ukuthi uhlakaniphe kakhulu?


Kusho ukuthini ukuthi “Nabasemlandweni wobuqili kabafiki kuye”?


Kungani leli kati libizwa “ngomaziph' angabonabonakali”?


Imbongi isebezisa isenzasamuntu uma ichaza uNonkavithi njengekati elinezimpawu zabantu. Yiziphi lezi zimpawu ethi imbongi leli kati linazo?


Usuku:



Manje-ke bhala inkondlo yakho ngesilwane esihlakaniphile. Bhala ukuthi sibukeka sinjani. Yini esiyenzayo ukuze kuthiwe sihlakaniphile? Xoxa ngesilwane neqembu lakho. Bhala amazwi achaza lesi silwane. Emva kwalokho yengeza amagama anemvumelwano emazwini osuvele unawo. Sebenzisa la magama ukuze akusize ekubhaleni inkondlo. Sebenzisa amagama nemvumelwano ekugcineni kwaleyo naleyo migqa embili elandelanayo. Qale ubhale okungumgqakazo nje ephepheni bese ubuye ubhala inkondlo leyo encwadini yakho.



Idwebele umfanekiso inkondlo yakho.

TEACHER: Sign  Date

# UNanana neNdlovu



Masifunde

Iyaziwa indaba kaNanana "owakha endleni ngabomu". Lapha sizwa ngesigameko lapho ebhekana khona nendlovu.

Fundani le nkondlo kakhulu njengeqembu. Abayaziyo inganekwane bazoyilandela kalula inkondlo. Bazobona nokho ukuthi kunezindawana lapho inkondlo ide yehluka khona.

Indimana  
yenkondlo yiyoqo  
lemigqa enkondlweni.  
Ezinye izinkondlo ziba  
nendimana eyodwa  
nje, kanti ezinye ziba  
nezindimana eziningi.  
Zingaki izindimana kule?



Uwashiyelani wodwa amawel' amahle?  
Ungamethemba uphelele kuphi konje  
Umzala wabo uthi angabavikela,  
Eb' engawiswa nangamaphik' ephela?  
Wethembelephi wakhe endleleni  
Ngoba ibele lendlela alivuthwa?  
"Kodwa shono," kusho uMfene  
"Ngabakabani abantwana abanje,  
Abahle bedlula ilanga liphuma?"  
  
"NgabakaNanana laba bantwana  
Abahle bedlula ilanga liphuma,"  
Kush' umzanyana umzali wabantwana.  
"Ubuhle obunje abungaphazanyiswa."  
Wafika wedlula uNsephe kaMagijima;  
Wafika wedlula uNgwe kaMadlinskyama.  
Bevumelana ngobuhle obungephazanyiswe.  
Sekuzwakala umsindo wobufohlofohlo,  
Kufihlik'utshani nezihlahla – nguNdlovu!

"Ngabakabani abantwana abanje  
Abahle bedlula ilanga liphuma?"  
"NgabakaNanana laba bantwana  
Abahle bedlula ilanga liphuma."  
"Nabahle bo, bantwana, nabahle,  
Nifanele mina, ngihamba nani."  
Yasho yabagwinya, mimiliti!  
  
"Baph' abantabam' abahle?"  
Umama ebuza kuphel' ithemba.  
"Bathathwe yindlovu bobabili,  
Yabagwinya mimiliti!"  
  
Ekhihl'isililo wagaya umphako,  
Washuthek' imbazo emqulwini wakhe  
Wayofun' indlovu umamimilita.  
  
Wabuza kuMfene wakhomba phambili  
Wabuza kuNsephe wakwaMagijima,  
Wabuza nakuNgwe wakwaMadlinskyama:

"Hamba ngendlela ubheke phambili,  
Emithin' emide ematshen' amhlophe,  
Uyomthol' uNdlovu uMamimilita."  
Yayind' indlela lwalud'ukhalo,  
Izinyawo zinegazi, ayaxeg' amadolo:  
"Ngizophikelela njalo, angibhek' emuva!"

Nansiy' imith' emide, namatsh' amhlophe!  
Aqin' amadolo, lavuk' ijubane.  
"Ndlovu, Mamimilita, ngifun' abantabami!"

"Hamba ngendlela ubheke phambili,  
Emithin' emide ematshen' amhlophe.  
Uyomthol' uNdlovu uMamimilita."  
Yasho yambamba, yammimilita.

Esiswini sendlovu ngabantu nezilwane!  
Wo, inhlokomo nezinyembezi zenjabulo  
Etholana uNanana nabantabakhe!

**Masibhale**

Bhala izindawo ezimbili ezinemigqa emibili enemvumelwano.



Uyasithanda isiphetho sendaba kaNanana? Ngani?


Bhekisa kokubili okukhombisa ukuthi yinganekwane le, akuyona indaba eyenzeka ngempela.




Ake nikulingise okwenzeka kule nkondlo. Kungasetshenziswa laba balingiswa:  
uNanana, indlovu, umzanyana, imfene noma insephe.

# Amalimerikhi



Masifunde

Nanka amalimerikhi. Yinkondlo edle ngobufuphi noteku.  
Lana awanazo zonke izimpawu zaweseNgisi. Afunde  
bese uphendula imibuzo.



**UMzo lokh' ebhek' amanzi,  
Ethi kuzophum' inhlanzi,  
Ubuthongo beza,  
Bafike bammboza;  
Waphum' esecons' amanzi.**

**Umpendi waqed' umsebenzi,  
Wabon'izithandwa sezihlezi,  
Zihleka uhleko,  
Usizi lungekho.  
"Lelo bhentshi sengilipendile."**



**Bengifunel' indlu isicabha,  
Ngasithola, siside kakhulu;  
Ngasinguma ngapha,  
Ngasisaha lapha,  
Manje sengisondise kakhulu.**

Usuku:



Masibhale

Ilimerikhi inemigqa emingaki?

Yimiphi imigqa enemvumelwano?

Mangaki amalunga emgqeni ngamunye?

Umugqa 1	Umugqa 2	Umugqa 3	Umugqa 4	Umugqa 5



Masibhale

Manje-ke bhala eyakho ilimerikhi eqala ngokuthi:

Kwakukhon' intombi uZanele.



Masibhale

Ungake uzame enye futhi uthole amagama angavumelana negama: uSazi.

Ungasebenzisa amagama afana nathi: ulwazi, akusizi, nazi, ingilazi, umuzi, ufakazi imbuzi.

Ake ubhale amagama avumelana nelokugcina emgqeni wokuqala, elithi uZanele.

Ungasebenzisa amagama anjengalana: Cele, phelele, -sele, -dlile, gcwele, fundile, thole, le.



Kwakukhon' umfana onguSazi


TEACHER: Sign

Date

# Ukuzithokozisa ngezinkondlo



Sewake wambona uxamu?

Uma umthinta uzwakala unjani?

Ungamchaza uthini?



Ngiyeke ngihambe noxamu wami Lapho ukushisa kuhakama, kushaya ama-85° kwedlule, uxamu wami ugala phansi akhombis' impilo engaziwa Siye selukela ebhishi mina lo noxamu wami.

## Ngiyeke ngihambe noxamu wami

Lapho ukushisa kuhakama, kushaya ama-85° kwedlule, uxamu wami ugala phansi akhombis' impilo engaziwa.

Siye selukela ebhishi, mina lo noxamu wami, ahla' ehломбе lami, sishaywa umoya wolwandle ...

Lowo owethuka esibona uyethuka akhex' umlomo, engibona noxamu wami imizimba siyinyakazisa, uze aphuthum' ucingo, ukubikela amaphoyisa athi ngihamba nengwenya ngiyidonsa ngomchilo.

Ngamev' agcwel' umgogodla ethus' abangamagwala; phel' uthanda ngimkitize la ngaphansi kwesilevu.

Sengiyamaz' uxamu wami esefis' ukuyolala esefak' amaphijama aphumuz' ikhanda lakhe.

Sengihamba ndawo zonke negugu loxamu wami

Angesabi lutho ngineqhimili lami ... nginengungumbane yami, nginesicabucabu sami, nginengududu yami, nginenhlwathi yami, nembuزمawa yami.

Ngakho wena ngiyeke mina Kengizihambele noxamu wami.

(Isuselwa kweka-Brian Moses)

Usuku:



iqhimilili lami

ingungumbane

isicabucabu

ingududu

inhlwathi

imbuzimawa

Qondanisa la magama nezincazelo ezifanele.  
Shono igama lesilwane ulalele nomsindo walo.

inyoni enkulu emnyama

imfene

inyoka enkulu

uhlobo lwentulo

isilwane esinameva emzimbeni

isilwanyana esinezinyawo eziningi



INhlangano Yezizwe  
ifake noxamu  
njengesinye sezilwane  
ezisengozini  
yokunyamalala.

### 22 Ndasa 2010 –

I-UNEP (United Nations Environment Programme) ebhekene nobunjalo bezindawo, seyengeze izilwane ezhuguzelayo ezimbalwa ohlwini lweziwlwane ezsengozini yokushabalala ezinokuthile okuhwetshelwana ngakho. Okuhlosiwe ngalolu luulu ukuvimba abantu bomhlaba wonke ukuhwebelana ngokwedlulele ngezilwane ezingase zishabalale. Izinhlobo ezine zikaxamu sezengeziwe kulolu luulu. Oxamu abavikelwe bayabanjwa badayiselwe abanye abantu ikakhulu abaseYurophu naseMelika abafuna ukubafuya njengezilwane ezingabangani ezingejwayelekile ezivela kwamanye amazwe. Ukufaka lezi zilwane kulolu luulu kusho ukuthi uhulumeni angakulawula ukuhwebelana ngazo.



Funda inkondlo ngokunakekela bese uphendula imibuzo.

Ngabe ucabanga ukuthi umbhali wayehamba ngempela noxamu wakhe noma le nkondlo iyihlaya nje? Ukusho ngani lokho?

Umbhali ukhuluma ngezinga lokushisa elingama-85°F. Yini izinga lokushisa ngesikali sokushisa i-Celsius?

Ucabanga ukuthi bakhona abangacabanga ukuthi uxamu yingwenya (yaseMelika)?

Ungamangala yini uma uthola umuntu ehamba evakasha noxamu njengesilwane esingumngani wakhe? Usho ngani?

Ungawashayela amaphoyisa uma ubona into enje? Usho ngani?

Akhona amagama anemvumelwano enkondlweni? Yisho amagama ambalwa anemvumelwano.

TEACHER: Sign

Date



Masifunde

Funda inkondlo.

## Hhule! Hhule! Lusuku lukaNcibijane

Hhule Hhule! Lusuku lukaNcibijane!

Usuku lokuqala kabusha.

Ngakho nonyaka nginqume

ukuba yikhangaru!

Noma mhlawumbe ngifunde ukundiza,

ukuhamba ngibhodloze izindonga,

noma ukuguquka ngingabonakali noma


ngibhukude ezimpophomeni.

Ngizozenza ngikwazi ukunwebeka,

ngizifundise ukubuye ngishwabane.

Ngizophenduka uketshezi

ngizithele kusinki.



Ngizovakashela amanye amaplanethi  
ngihlangane nabangaziwa bakhona.

Ngiyoya esikhathini sasendulo  
ngigibele idayinaso.

Nginezinhlelo ezinhle ezimnandi.

Sengiqala manje nje.

Yebo kuzoba ngunyaka oyedlula yonke.

Hhu! Lusuku lukaNcibijane!

(Iguqliwe isuselwa kwekenn Nesbitt)

**Ngiyakwazi**

ukufunda itekisi elilandayo		
ukuxoxa ngemibuzo esuselwa etekisini elilandayo		
ukuxoxa ngesiphetho sendaba esifanele		
ukwenza umdlalo nesiphetho sendaba wethulwe eklasini		
ukubhala okungaba nezinye iziphetho		
ukubhala kudayari ngisebenzisa "umuntu wokuqala"		
ukusebenzisa inkulumo ephikayo		
ukubhala indaba noma inganekwane ukugcizelela kubalingiswa, isakhiwo, isizinda nezigameko		
ukuqondanisa imbangela nomphumela emshweni		
ukusebenzisa izihlanganiso		
ukubhala ipharagrafu echazayo		
ukufunda ibhayografi		
ukukhomba izenzo nezandiso		
ukuxoxa ngamagama angasho okubili		
ukufunda inkondlo		
ukudlala nokulingisa inkondlo		
ukukhomba amagama anemvumelwano enkondlwani		
ukufunda inkondlo kakhulu		
ukuxoxa ngokuchazwa kwesimilo somlingiswa		
ukuphendula imibuzo esuselwa enkondlwani		
ukubhala inkondlo		
ukwenza umdlalo ngenkondlo		
ukufunda amalimerikhi		
ukuphendula imibuzo ngelimerikhi		
ukunika izibonelo zesifaniso		
ukuniweza izibonelo zezinongo ezahlukene zezinkondlo (isib. isingathekiso)		
ukubhala incwadi elandela imithetho ethile		

**Wena ubalulekile,  
Umzimba wakho wonke  
ubalulekile.**

**Umzimba wakho ungowakho!**



**AKEKHO  
UMUNTU  
okufanele athinte  
izitho zakho  
zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo  
uma kukhona umuntu othinta izitho zakho  
zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu  
omtshelayo uma kukhona umuntu  
okwenzisa izinto ongazifuni.**

**Lapho ungashayela khona  
ucingo uma udinga usizo:**

**Child Line: 0800 05 55 55**


**SAPS Crime Stop: 086 00 10111**


**SAPS Emergency Number: 10111**

**Life Line: 0861 322 322**


**Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363**







Step 1: Cut all around on the black line



DEF






ABC

Step 2: Fold on the dotted line

Step 4: staple your book in the middle

Step 3: Fold on the dotted line

Step 5: Cut off on the yellow line



OPQR

STUV

KLMN

---

---

---

---

---



An illustration of a blue telephone handset with a speech bubble and a yellow envelope.



---

---

---

---





三  
H  
G

A decorative illustration at the top of the page. It features four horizontal lines for handwriting practice. To the right of the lines are three icons: a blue telephone receiver, a blue calculator, and a white envelope with a black outline.



---

---

---

---





---

---

---

---





# My Telephone and Address Book



This book belongs to:

ZXXW

---

---

---



A blank lined page with three cartoon icons in the bottom-left corner: a blue telephone, a calculator, and an envelope.



A cartoon illustration of a blue telephone handset and a white envelope with a brown envelope flap, positioned on the left side of a set of three horizontal lines for writing.

